

2026

MFUMFU-ZIBANDLELA

Vol. 102, No. 4

Isifundo Sesikolo SeSabatha

Isigaba Sabadala

**Izifundo Ezikhishwe Kwabase-
Filiphu, kwabase-Kolose,
kwabase-Thesalonika**

Izilingo nokuqina okwakha ukubekezela, injabulo
nethemba kumakholwa namuhla

Okuqukethwe

1. Ngaphesheya Kokungenzeki.....	5
2. Ukufana NoKristu Kuzo Zonke Izimo.....	10
3. Ukulangazelela Ukumazi Ngcono UJesu.....	15
4. Ukuqiniswa Yizulu.....	20
5. Ukuhamba Ngokufaneleka.....	26
6. Ukuphiwa Amandla NguMsindisi.....	25
7. Ukucabanga Ngephakade.....	31
8. Umkhaya Kanye Nengaphesheya.....	36
9. Ukusebenzela Abadukile.....	41
10. Ukuzilungiselela Ukubona UKristu.....	46
11. Ukuphila Ekukhanyeni.....	52
12. Abantu Abahlukile Ngempela.....	57
13. Ukuzilungisela UKungena Empini.....	67

Contacts: Telephone & Fax +27 011 838 0265,

Website: www.sdarmsa.org.za ,

Email: admin@sdarmsa.org.za

Address: 599 Brunton Avenue, Westrand District

Gauteng South Africa

Isingeniso

“Njengoba sikhumbula ezinye izincwadi zikaPawule-ngokukhethekile incwadi yabaseFiliphu, abaseKolose, nabaseThesalonika-lapho kuzwakala ngokukhanyayo amandla-esigijimi ngobubanzi. Lapha siqonda isidingo sezinga eliphakeme lokuthuthukisa isimilo soMkrestu ngokufanayo nokuqonda isihluthulelo semfundiso yamaqiniso ukulungiselela ukubuya kweNkosi.

Lezincwadi zabhalwa cishe iminyaka eyizinkulungwane ezimbili edlule, nokho zisasebenza kakhulu kithi namuhla. Zonke zabhalwa phakathi kwesikhathi seminyaka elishumi, ngayinye inesigijimi esinamandla esikhathini sethu. Incwadi eqonde kwabaseFiliphu yabelana ngenjabulo yompostoli nangesikhathi eselongweni ngenxa yenkolo; incwadi yabaseKolose-nayo wayibhala esetlongweni-yembula imfundiso yomfanekiso weqiniso ngomKrestu, nezincwadi ezimbili kwabaseThesalonike ichaza ngokukhanya okungavamile izehlakalo zokugcina kwimiphefumulo yona ngokwayo ebhekene nokushushiswa.

“Kukhona emhlabeni namuhla abaningi abavala amehlo abo kubufakazi bokuthi uKristu usinikezile ukuxwayisa abantu ngokubuya Kwakhe. Bazama ukuthulisa konke ukuboshwa, futhi ngaleso sikhathi izibonakaliso zokuphela ziyagcwaliseka ngokushesha, nomhlaba uyashesha esikhathini lapho iNdodana yomuntu izokubonakala emafini ezulu. UPawule ufundisa ukuthi kuyisono ukunganaki izibonakaliso okufanele zandulele ukubuya kwesibili kukaKristu. Labo abanecala lokungakunaki lokhu ubabiza njengabantwana bobusuku nobumnyama. Ubakhuthaza ukuba balinde baqaphele ngalamazwi. ‘Kepha nina bazalwane, anikho ebumnyameni, ukuze lolusuku lunifise njengesela. Ngokuba nina nonke ningabantwana bokukhanya, nabantwana bemini: asisibo ababusuku noma abobumnyama. Ngakho-ke masingalali njengabanye kepha masiqwashe, siqonde.”-*The Acts of the Apostles*, p. 260.

“Ngaphambi kwethu kukhona umshikashika wokugcina wempikiswano enkulu lapho, ‘ngamandla onke nangezibonakaliso nezimangaliso zamanga, nazozonke izinkohliso zokungalungi,’ uSathane uzosebenza ukufanekisa kabi isimilo sikaNkulunkulu, ukuze ‘asebenze, ukudukisa nabakhethiweyo, uma kwenzeka.’ Uma kukhona abantu abadinga kakhulu ukukhilisa ukukhanya okuvela ezulwini, ngabantu ukuthi, ngalesikhathi esiyingozi, uNkulunkulu ubabizile ukuthi babe ngabathwali bomthetho Wakhe ongqwele nokuvikela isimilo Sakhe phambi komhlaba. Labo athe wabanikeza ukwethembeka okungqwele kangaka kufanele bakholwe, bakhuliswe, baqiniswe, ngamaqiniso abathi bayawakholelwa. Alizange ibandla lidinge kakhulu, futhi futhi asikho isikhathi uNkulunkulu akhathazeke kakhulu ngaso ukuthi kufanele angajabule, amava achazwa encwadini kaPawule eya kwabaseKolose uma ebhala athi: Asiyeki ukunikhulekela, nokulangazela ukuthi *nigcwaliswe ngolwazi lwentando Yakhe* ngokuhlakanipha konke nokuqonda kwesimoya: ukuba nihambe ngokufanele iNkosi kukho konke okuthokozisayo, nithela kuyo yonke imisebenzi emihle, futhi nikhule ekwazini uNkulunkulu.”-*Testimonies for the Church*, vol. 5, p. 746. [Author’s italics.] Kwangathi lokhu kungaba amava ethu!

Igatsha leSikolo seSabatha kwiGeneral Conference

Umnikelo weSabatha Lokuqala

ISabatha, Mfumfu 3, 2026

Owensimu yaseTanzania

“I-United Republic yase Tanzani esezweni eliseMpumalanga yeAfrika ngobubanzi bezindawo eziyihlane. Lapha kutholakala amathafa ase-Serengethi National Park, I safari mecca (igcwele izilwane ezifana nezindlovu, amabhubhesi, izingwe, izinyathi, nawobhejane) neKilimanjaro National Park-ikhaya lazo lisentabeni ephakeme yaseAfrika. Ngasolwandle kuneziqhingi ezishisa kakhulu zaseZanzibar nazaseMafia, kanye marine park okuyikhaya lemikhomo, amashaks, kanye nohlu lwemithi esemanzini. Ngonyaka ka 2024, lemibono emihle yathathekisa izigidi ezingu 1.8 zezivakashi.

“Ngonyaka ka-2025, abantu abakhile kwelaseTanzani bebedlula izigidi ezingu 71. Noma kukhona izilimi zasekhaya ezingu 126, izilimi ezisemthethweni ezikhulunywayo isiSwahili neEnglish. Izwe lihlukene izifunda ezingu-30, izifunda ezingu-25 zisezweni laseTanzania kakhulu ezinhlanu ziseZanzibar. Umnotho wakhona ukuthuhukisa kwengqalasizinda, izimayini, uwoyela kanye nogesi. Abantu abadlula I 60% basebenza kakhulu kwezolimo, omkhuba wabo lapha namuhla wenziwa isimanjemanje.

“Uma silandela imap yomhlaba.com, phakathi kwamaxuku abakholwayo abamele abaseTanzania, 35% abanye bazisho ukuthi bakha izinhlobo zamaIslam, 31% iRoman Catholic, 27% ngamaProtestanti, I 3.1% ezinye izinhlobo zamaKrestu, 1.8% izinkolo zomdabu, abaseleyo abanayo inkolo ekhethekile ngempela.

“Isigijimi se-reformation safika eTanzani ngenxa yabazalwane bethu abavela eKenya. Abanye abasiza abazalwane abaseGermany. IGeneral Conference ishicilela iZifundo zeSikolo seSabatha ngolwimi lwesiSwahili ngeUnion yaseRwanda, eseduze neTanzania. Ulwimi lwesiSwahili lukhulunywa kuwowonke amazwe aseEast Africa.

“Umsebenzi manje ukhulile wafinyelela ezingeni lapho sidinga ukukhulisa isizinda futhi simise isikolo. Siyacabanga ukuthi iDodoma izoba indawo yalomsebenzi. IDodoma idolobha elikhula ngokushesha manje selibe idolobha lesizwe. Sithenge umhlaba olinganiselwa ku 12.4 wamahekta futhi sesimise nebandla lasendaweni. Umsebenzi esiwuhlosayo unesidingo sokuqhuba lomsebenzi lapha nokusiza abantu bethu abasha ukuba bafunde ngokuthula, bagweme ubunzima obukhona namuhla kwizikolo zomphakathi maqondana neSabatha.

“Siyanxusa kuwo wonke amalunga eSikolo seSabatha emhlabeni wonke siyanincenga ukuba ninikele ngokukhululeka kulomsebenzi. Siyanibonga ngaphambili ngosizo lwenu. Kwangathi uNkulunkulu angabuyisela umusa wenu maqondana nomsebenzi Wakhe eTanzania!

Abazalwane benu nodade eTanzanian Mission

Ngaphesheya Ko-kungenzeki

IVESI LEKHANDA: “Ngethembile ngempela yona lento ukuthi owaqala umsebenzi omuhle kinina uyakuwufeza kuze kube-lusuku lukaKristu Jesu” (Filiphu 1:6).

Incwadi Enikeziwe: *Testimonies for the Church*, vol. 5, pp. 263-267.

“Umphefumulo okhathele ukuphila esonweni, kodwa ungazi ukuthi ungatholaphi ukuphunyuzwa, yethulea uMsindisi onozwelo. Mbambe ngesandla, umphakamise, ukhulume kuye amazwi enkuthazo nethemba. Msize ukuba abambe isandla soMsindisi.” -*The Ministry of Healing*, p. 168.

1. UKUBA NETHEMBA ELIMNENE

NgeSonto, Mandulo 27

a. Singagququzeleka kanjani ngamazwi okubingelela kuka-Pawule esetlongweni lase-Roma-na? Filiphu 1:1-5.

“Incwadi kaPawule kwabaseFiliphu, njengaleyo ayibhalela abaseKolose, wayibhala ngesikhathi esetlongweni eRoma.” -*The Acts of the Apostles*, p. 479.

“UPawule ubhalela abazalwane ‘njengabangcwele kuKristu Jesu;’ kodwa ubengabhaleli labo abaphelele ngokwesimilo. Wababhalela njengabesilisa nabesifazane abazama ukumelene nezilingo nabasengozini yokuwa. Ebakhomba ‘kuNkulunkulu wokuthula, owavusa ekufeni iNkosi uJesu, uMalusi Omkhulu wezimvu.’ Wabathembisa ukuthi ‘ngegazi lesivumelwano esingunaphakade’ uzokwenza uphelele emisebenzini yonke emihle yokwenza intando Yakhe, esebenza kuwe okuthokozisayo emehlweni Akhe, ngoJesu Kristu.’

“Lapho omunye ephambuka futhi ebona isiphambeko sakhe, qaphela ungachithi inhlonipho yokuzibamba kwakhe. Ungamdumazi ngokungakhathali noma ukungamethembi. Ungasho ukuthi, ‘Ngaphambi kokuba ngikunike ithemba lami, ngizolinda ngibone noma uzobambelela kukho.’ Kaningi lokungathembi kubanga lowo olingwayo ukuba akhubeke....

“Sidumazeka kalula ngemphefumulo engasabeli ngokushesha kwimizamo yethu. Masingayeki nanini ukusebenzela umphefumulo lapho kusekhona ukukhanya okukodwa kwethemba.” -*The Ministry of Healing*, pp. 167, 168.

- a. Isimo sethu sengqondo kumele sibenjani maqondana nabangani bethu abanephutha nabaphambukayo futhi singembula kanjani ukujula kokholo lwethu ngokwamandla kaNkulunkulu-na? Filiphu 1:6-8.**
-

“Masizame ngamandla ukuqonda ubuthakathaka kwabanye abantu.

“Sazi kancane izilingo zenhliziyi zalabo ababoshiwe ngamaketanga obumnyama nabaswela ukuqonda namandla okuziphatha. Isimo esidabukisa kakhulu esalowo ohlupheka ngenxa yokuzisola; omangele, odiyazelayo, oshona othulini. Akukho akubona ngokusobala. Inggondo ifiphalisiwe, akazi ukuthi yimaphi amanyathelo angawathatha. Kangingi umphefumulo ompofu awunqondakali, awuthokozelwa, ugcwele usizi nobuhlungu-ukulahleka, imvu edukile. Akakwazi ukuthola uNkulunkulu, kodwa unesifiso esinamandla sokuxolelwa nokuthula.

“Maye, ungavumeli nalinye izwi likhulunywe elizoletha ubuhlungu obujulile kakhulu!...

“Imphefumulo eyigugu yabangela uMhlengi owazidelayo ngenani elibiza kakhulu ukuba linikelwe kalula emandleni omlingi....

“Sidinga ukuba sizibeke ngokwethu endaweni yalabo abalingwayo. Bheka amandla ozalo, umfutho wokuzihlanganisa nobubi kanye nokumzungezile, amandla emikhuba emibi. Singamangala ukuthi ngaphansi kwemifutho enjalo abanengi bayonakala-na? Singamangala ukuthi kufanele bephuza ukuphendula imizamo yethu yokubaphakamisa-na?

“Kangingi, uma sizuzelwa evangelini, labo ababonakala beluhlaza futhi bengathembisi bazoba phakathi kwabanamathele ngokwethembeka okukhulu nabammeli. Abonakalanga ngokuphelele. Ngaphansi kokubonakala kwangaphandle okuvimbelayo kukhona inhliziyi elungile okungafinyelwa kuyo. Ngaphandle kwesandla esisizayo abanengi angeke bazithola futhi, kodwa ngokubekezela, umzamo ophikelelayo bangaphakanyiswa. Abanjalo badinga amazwi amnene, ukukhumbula umusa, nosizo oluphathekayo. Badinga iseluleko esingeke sacima ukulokoza okufiphele okunesibindi emphefumulweni.”-*The Ministry of Healing*, pp. 168, 169.

- b. Kungayiphi inhloso okufanele sihlale ngayo izwi likaNkulunkulu-na? Filiphu 1:9-11.**
-

“Zonke izindlela zomusa kufanele zithuthukiswe ngenkuthalo ukuze uthando lukaNkulunkulu lungavama emphefumulweni kakhulu-khulu, ‘ukuze nivumele izinto ezinhle; ukuze nibe neqiniso ngaphandle kwecala ngosuku lukaKristu; nigcwaliswe ngezithelo zokulunga.’ Ukuphila kwakho kobuKrestu kufanele kuthathe izimo ngamandla nangokuqinile. Ungazuza izinga eliphezulu elimiswe phambi kwakho eMibhalweni, futhi kufanele kubenjalo uma uzoba ngumntwana kaNkulunkulu. Awukwazi ukuma ndawonye; kufanele uqhubekele phambili noma ubuyele emuva.”-*Testimonies for the Church*, vol. 5, p. 264.

a. Chaza ukuthi kungayiphi indlela uNkulunkulu esebenzisa izinhlupheko nobunzima ukusabalalisa isigijimi Sakhe esimangalisayo sothando nomusa. Filiphu 1:12-14.

“Bekungalindelwe ukuthi uPawule, isiboshwa esimpofu nesingenamngane, angakwazi ukuthola ukunakwa amaxuku acebile nadumile abahlali baseRoma. Kubona ububi buletha bonke ubukhazikhazi nokuyengwa okubabambe njengezigqila ezivumayo. Kodwa phakathi kohambo olukhathazayo, omunye weziboshwa zabo oshayiwe ngokucindezela kwabo, ngisho naphakathi kwezigqila ezimpofu, abaningi balalela amazwi kaPawule futhi ngokholwa kuKristu bathola ithemba nokuthula okwabathokozisa ngaphansi kobunzima bomsebenzi wabo.

“Kodwa lapho umsebenzi wompostoli uqala ngesizotha nobumnene, umfutho wawo wasabalala waze wafinyelela ngempela esigodlweni senkosi.”-*The Acts of the Apostles*, p. 461.

“Umusa kaNkulunkulu waqinisa uPawule ekuboshweni kwakhe, wamsiza ukuba athokoze ezinhluphekweni. Ngokukholwa nethemba wabhalela abazalwane bakhe baseFiliphu ukuthi ukuboshwa kwakhe isiphelo sakho kube ukuqhubekisela phambili ivangeli....

“Kukhona isifundo sethu kulamava kaPawule, ngoba kuveza indlela yokusebenza kukaNkulunkulu. UNkulunkulu angaletha ukunqoba phakathi kwalokhu okubonakala kithi kusoleka futhi kwehluleka. Sisengozini yokukhohlwa uNkulunkulu, ngokubheka izinto esizibonayo, esikhundleni sokubheka ngeso lokukholwa izinto esingaziboni. Lapho ukuhlupheka noma izinhlekelele zifika, sikulungele ukubeka kuNkulunkulu icala ngokunganaki nangolunya. Lapho ebona ukuthi kufanele anqamule usizo lwethu kwezinye izindlela, siyakhala, singemi sicabange ukuthi hleze uNkulunkulu usebenzela ubuhle bethu. Kufanele sifunde ukuthi ukushaywa inxenye lecebo Lakhe elikhulu lokuthi ngaphansi koswazi lokuhlupheka umKrestu ngezinye izikhathi angenzela iNkosi okukhulu kunesikhathi lapho angene emsebenzini okhuthaleyo.”-Ibid., pp. 480, 481.

b. Uma ulingeka uzizwa udumele ngezindlela ezingavamile zokutshala imbewu yeqiniso, kuyini okufanele sikukhumbule-na? Filiphu 1:15-18.

“Ngemizamo kaSathane yokuchitha, imbewu ‘engapheliyo’ ‘yezwi eliphilileyo nelimiyo likaNkulunkulu’ (1 Peter 1:23), litshalwa ezinhliziyweni zabantu; ngokusola nokuhlupha abantwana Bakhe igama likaKristu liyakhuliswa nemiphefumulo iyasindiswa. Mkhulu umvuzo ezulwini kulabo abafakazela uKristu ngezinhlupheko nokusolwa.”-*Thoughts from the Mount of Blessings*, p. 34.

a. Kungani singakhuthazeka ubufakazi obumangalisayo bukaPawule-na? Galathiya 6:14; Filiphu 1:19-21.

“Lowo omi eduze kakhulu kuKristu uzoba yilowo emhlabeni ophuze ngokujulile umoya wothando lokuzidela Kwakhe-uthando lolo olungazikhukhumezi, aluzigabisi.... aluzifuneli okwalo, alucunukil kalula, alunagqubu’ (1 Korinte 13:4, 5)-uthando olwashukumisa abapostoli, lwaluvela kuJehova, ukubanika bonke, ukuba baphile basebenze bazinikele, ngisho nasekufeni, ukuze basindise umuntu. Umoya wabonakaliswa ekuphileni kukaPawule. Uthi, ‘Ngokuba kimina ukuphila kunguKristu;’ ngokuba uthando lwakhe lwembula uKristu kubantu; ‘ukufa kuyinzuzo kuye’-inzuzo nguKristu; ukufa uqobo kuzokwembula amandla omusa Wakhe, okubuthele imiphefumulo Kuye. ‘UKristu uyakwenziwa mkhulu emzimbeni wami,’ esho, ‘nokuba kungokuphila nokuba kungokufa.’ Filiphu 1:21, 20.”-*The Desire of Ages*, p. 549.

“UPawule uyisibonelo esiphilayo salokhu wonke uMkrestu weqiniso okumele abeyiso. Wayephilela ukudumisa uNkulunkulu.... Lowo ngaphambili wayeshushisa uKristu ebuntwini babangcwele Bakhe manje uphakamisa phambi komhlaba isiphambano sikaKristu. Inhliziyo kaPawule yayivutha ngothando lwemiphefumulo, wanikela wonke amandla akhe ekuguquleni abantu. Akekho ngaphambili okewaphila ukuphila kokuzidela, okukhuthele, isisebenzi esiphikelelayo: Ukuphila kwakhe bekunguKristu; wasebenza imisebenzi kaKristu. Zonke izibusiso azitholayo zazilinganiselwa kaningi amathuba azosetshenziselwa ukubusisa abanye.”-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 6, pp. 1112, 1113.

“‘Kimina ukuze ngiphile kungenxa kaKristu,’ kusho [uPawule]. Lena incazelo ephelele ngempela ngamazwi ambalwa, kuyo yonke iMibhalo, okuchaza ukuthi kuyini ukuba nguMkrestu. Leli iqiniso lonke lwevangeli.”-*Ibid.*, vol. 7, p. 903.

b. Yimuphi umbono okumele sibenawo maqondana nomsebenzi wethu lapha emhlabeni, ngethemba lokubuya kukaKristu-na? Filiphu 1:22-24; 2 Thimothi 4:8; Johane 14:3.

“Lapho umvuzo wokugcina unikezwa ekubuyeni kukaKristu, umsebenzi weqiniso kaNkulunkulu uzoletsa umvuzo, ngisho nakulokhu kuphila. Izihibe, abamelene nawe, nokubaba, ukudumala okudangalisayo, isisebenzi okufanele sihlangeane nakho. Hleze singaboni isithelo somsebenzi wakhe. Kodwa kukho konke lokhu uthola emsebenzini wakhe ukubuyiselwa. Bonke abazinikela kuNkulunkulu ngokusebenza ngokuzidela, ngenxa yomuntu basizana neNkosi yenkazimulo. Lomcabango wenza ubumnandi kuwo wonke umsebenzi, usingatha intando, unikeza umoya isibindi sanoma yini ezovela.”-*Christian Service*, p. 270.

a. Kungayiphi indlela ukuziphatha kukaPawule kuletha ithemba kithi-na? Filiphu 1:25-28.

“Izithunywa zikaNkulunkulu ezithembekile kufanele ziqhubekele phambili ngokuqina emsebenzini wazo. Zimbethe isambatho sasezulwini, kumele ziqhubekele phambili ngesibindi nangokunqoba, zingaphumuli empini yazo kufinyelele lapho umphefumulo ngamunye abangafinyelela kuwo uthola isigijimi seqiniso lanamuhla.”-*The Acts of the Apostles*, p. 220.

b. Kungayiphi indlela isibonelo sikaKristu sisinika amandla-na? Filiphu 1:29, 30; Isaya 53:8-11.

“Kuyini okwaqinisa iNdodana kaNkulunkulu ekukhashelweni Kwayo nasekulingweni-na? Wabona ukusindwa komphefumulo Wakhe weneliseka. Wabamba umbono wendawo ebanzi ngephakade wabona injabulo yalabo ngokuhlupheka Kwakhe bazothola intethelelo nokuphila okuphakade. Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zehu, yachotshozwa ngobubi bethu. Isijeziso sasiphezu Kwayo ukuba sibe nokuthula, nangemivimbo Yayo siphilisiwe thina. Indlebe Yakhe yabamba ukumemeza kwabahlengiwe. Wezwa abasindisiwe becula ingoma kaMose neWundlu.

“Kufanele sibe nombono wesikhathi esizayo ubuncwele bezulu. Yima emngceleni wephakade, uzwe futhi ukwamukelwa okunikezwa labo kulokhu kuphila basizane noKristu, bhekubheka njengelungelo nenhlonipho ukuhlupheka ngenxa Yakhe....

“Kuleyo ndawo abahlengiweyo babingelela labo ababaqondisa kuMsindisi ophakanyisiwe. Bahlanganyela ekuMdumiseni lowo owafa ukuze izidalwa zabantu zingathola ukuphila okulinganiswa nokuphila kukaNkulunkulu. Impi iphelile. Zonke izinhlopheko nezimpi zifinyelele esiphelweni. Izingoma zokunqoba zigcwalisa izulu njengoba abahlengiweyo bemile bezungeze isihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu.”-*Testimonies for the Church*, vol. 8, pp. 43, 44.

IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE**NgoLwesihlanu, Mfumu 2**

1. Kungani kumele sibekezelele imiphefumulo ewileyo enenhlansi yethemba okungenani-na?
2. Kukangakhi ngibona imiphefumulo enenkani, imiphefumulo enhlanhlathayo iguquka ngendlela emangalisayo-na?
3. UNkulunkulu angasebenzisa kanjani izilingo zethu ukufeza injongo Yakhe elungile-na?
4. Chaza okwakuyisiqubulo sokubakhona kukaPawule.
5. Yiziphi izindlela okufanele ngibonise ngazo kangcono impilo kaPawule futhi ukudlula konke, ngembule uKristu?

Ukufana NoKristu Kuzo Zonke Izimo

“IVESI LEKHANDA: “Ningenzi lutho ngombango nangodumo lwezwe; kodwa ngokuthobeka nishaye sengathi abanye bakhulu kunani, yilowo nalowo angabheki okwakhe, kepha yilowo abheke nokwabanye” (Filiphu 2:3, 4).

Incwadi Enikeziwe: *Testimonies for the Church*, vol. 5, pp. 167-177, 477-490.

“Ukuhlakulela inhlonipho efanayo, ukuzimisela ukwenza kwabanye njengoba sifisa ukuba bakwenze nakithi, kungaqeda inxenywe yezinkinga zokuphila. Umoya wokuzikhukhumeza ngumoya kaSathane; kodwa inhliziyi lapho uthando lukaKristu luthokozelwa khona, luzakuba uthando olungazifuneli okwalo.”-*Patriarchs and Prophets*, p. 133.

1. UKULUNGA OKUDINGEKAYO

NgeSonto, Mfumfu 4

- a. Kungani kufanele sithokozele amazwi kaPawule okubaluleka kokuvumelana kobuKristu beqiniso-na? Filiphu 2:1, 2; Roma 15:5, 6.**

“UKristu uholela abantu, abalethe ebunyeni bokukholwa, ukuze babemunye, njengoba Yena emunye noBaba. Ukwehlukana kwemibono kufanele kuyekwe, ukuze bonke beze ebunyeni bomzimba, ukuze babenokuqonda kunye nokwahlulela kunye.”-*Testimonies for the Church*, vol. 1, p. 324.

- b. Chaza injabulo ezovunwa ubunye obunjalo nokuthi singafinyelelwa kanjani kubo. 1 Korinte 1:10; Amahubo 133:1-3.**

“Imbangela yokwehlukana nokungezwani emndenini nasebandleni kungenxa yokusuka kuKristu. Ukusondela eduze noKristu kungukusondela omunye komunye. Imfihlo yobunye bangempela ebandleni nasemndenini akubona ubungcwethi, akukona ukuphatha, akuwona umzamo oweqile womuntu ukunqoba ubunzima-noma kuzobakhona okuningi kwalokhu okumele kwenziwe-kodwa kungukuba munye noKristu.”-*The Adventist Home*, p. 179.

a. Yisiphi isicelo esiza kuwo wonke amaKristu akholwayo-nokuthi kungani? Filiphu 2:3.

“Ukuziqhenya, ukufisa izinto ezinkulu, yidwala lelo imiphefumulo eminingi ethe yavithizeka namabandla amaningi abangela ukungabi namandla. Labo abazi kancane ngokukhuleka, abaxhumene kancane noNkulunkulu, yilabo abazofuna ngokushiseka okukhulu indawo ephakeme. Abanawo umcabango wobuthakathaka babo nokusilela kwesimilo sabo.”- *Testimonies for the Church*, vol. 5, p. 174.

“Abantu abanezimilo ezahlukene nobuthakathaka besimilo bazobona amaphutha abanye, kodwa babonakala bengenalwazi ngamaphutha abo.... Ngobuntu obuvamile kukhona ukuzifunela, ukufisa izinto ezinkulu, yikona okonakalisa umsebenzi kaNkulunkulu. Ubugovu mabungatholi indawo.”-Ibid., p. 419.

“Inhliziyo lapho ukuthula kukaKristu kungekho, ayijabuli, igcwele ukusola; umuntu ubona izici kuyo yonke into, futhi uzoletsa ukungavumelani kumculo ngempela wasezulwini. Ukuphila kokuzifunela ukuphila okubi. Labo izinhliziyi zabo ezigcwele uthando lukamina bazoqongelela imicabango emibi ngabazalwane babo futhi bakhulume bemelane nezisebenzi zikaNkulunkulu. Ukufutheka kugcina ulaka lufudumele ngokunikezwa kwezwi likaSathane elingumthombo obabayo, oqhubekisela phambili imifula ebabayo ukunakalisa ukuphila kwabanye....

“Makuthi ngamunye lowo ozibiza ngokuthi ulandela uKristu azibone emncane kunabanye kakhulu. Masidonse kanye kanye, sidonse kanye kanye! Ebunyeneni kukhona amandla nokunqoba; lapho kukhona ukungavumelani nokwehlukana kubakhona ubuthakathaka nokwehluleka.”-Ibid., p. 488.

b. Chaza imfihlo yokuphumelela kwangempela. Filiphu 2:4.

“Uma izinhliziyi zethu zigcwaliswe ngephunga elingcwele, uma sihlonipha uNkulunkulu ngokuba nemicabango emihle ngabanye, senze imisebenzi emihle ukubusisa abanye, akunandaba noma sihlala endlini encane noma esigodlweni. Izimeko zinokwenza okuncane ngamava omphefumulo. Kungumoya othokozelwayo oletha amabala kuzo zonke izenzo zethu. Umuntu onokuthula noNkulunkulu nabahlobo bakhe angeke enziwe onosizi. Umhawu angeke wabakhona enhliziyweni yakhe; ukucabangela okubi angeke kuthole indawo lapho; inzondo angeke yabakhona. Inhliziyo evumelana noNkulunkulu iphakanyiselwa ngaphezu kwezinto ezicunulayo nezilingo zaloku kuphila.”-Ibid., vol. 5, p. 488.

“Impumelelo izokhula ngokulingana [amabandla ethu] uma sisebenzisa ukungakhethi kokuzidela, sabelana ngokuningi namabandla lawo ahluphekela ukuma. Amabandla ethu aphumelelayo kufanele asize amabandla lawo uNkulunkulu athe kufanele aphile futhi aphumelele, kodwa lawo asazama ukuqina namanje. Kukhona phakathi kwethu inani elincane lothando lweqiniso, nokuzidela.”-Ibid., vol. 8, p. 137.

- a. Kulesi sigaba somlando, yini okufanela yakhe ukucabanga kwethu nezenzo zethu-na? 2 Korinte 10:3-5; Filiphu 2:5.

“Ukuhlobisa imfundiso kaKristu uMsindisi wethu, kufanele sibe nomqondo lowo owawu-kuKristu. Lokhu esikuthandayo nesiingakuthandi, izifiso zethu zokuthanda umina ukuze sicindezela abanye kumele zinqotshwe. Vumelani ukuthula kukaNkulunkulu kubuse ezinhliziyweni zenu. UKristu kufanele abekithi njengamandla, asebenza ukuphila.”-*The SDA Bible Commentary*, [E. G. White Comments], vol. 7, p. 921.

“Kufanele singene esikolweni sikaKristu, sifunde Kuye ubumnene nokuthobeka. Ukuhlengwa uhlelo lolo umphefumulo ofundiselwa izulu. Lokufundiswa kusho ulwazi lukaKristu. Ichaza ukuthi iyasikhipha kwimibono, imikhuba, nezenzo ezizuzwe esikolweni senkosana yobumnyama. Umphefumulo mawukhululwe kukho konke okumelana nokwethembeka kuNkulunkulu.”-*The Desire of Ages*, p. 330.

- b. Kungayiphi indlela nokuthi kungani kufanele sibonise isimo sengqondo kaKristu-na? Filiphu 2:6-8.

“UJesu wathathela Kuye imvelo yethu, wabekela eceleni inkazimulo Yakhe, ubukhosi, nengcebo ukwenza umsebenzi Wakhe, ukusindisa lokhu okulahlekile. Akezanga ukuba akhonzwe, kodwa ukuba asebenzele abanye. UJesu, lapho eyiswa, ehlukenyezwa, ethukwa, akaphindiselanga. ‘Lowo, lapho edelelwa, akazange aphindisele futhi.’ Lapho ulunya lomuntu lubangela ukuhlupheka Kwakhe ngobuhlungu bokushaywa nokulinyazwa, akasongelanga, kodwa wazinikela kulowo ohlulela ngokulunga. Umpostoli uPawule wanxusa abazalwane baseFiliphu: ‘Mawube kini lowomqondo owawukhona nakuJesu Kristu: lowo, owathi enesimo sikaNkulunkulu, akaze asho ukuthi kuyinto yokuphangwa ukulingana noNkulunkulu: kodwa akazenzanga into yokubukwa, wathatha isimo senceku, wenziwa wafana nomuntu.’ Ingabe inceku inkulu kuneNkosi yayo-na? UKristu wasinikela ukuphila Kwakhe njengesibonelo, kodwa siyamdumaza uma siba nomona ngokweyisa konke, futhi silungele ukulahla konke okulimazayo okucatshangelwayo noma okuyiqiniso. Akubona ubufakazi bengqondo enhle yokulungela ukuzivikela, ukulondoloza isithunzi sethu. Kungcono ukuba sihlupheke ngokuphambuka izikhathi eziningi okulimaza umphefumulo ngomoya wokuphindisela, noma sinikele isikhalo noma ulaka. Kukhona amandla esingawathola kuNkulunkulu. Angasisiza. Angasinika umusa nokuhlakanipha kwasezulwini. Uma ucela ngokukholwa, uzophiwa, kodwa kufanele ulinde ukhuleke. Linda, khuleka, sebenza, kufanele kube ngamazwi okuqaphela kwakho.”-*Testimonies for the Church*, vol. 2, pp. 426, 427.

a. UNkulunkulu uBaba uwubheka kanjani umhlatshelo ongapheli owenziwa nguKristu-futhi nathi siwubheka kanjani-a? Filiphu 2:9-11.

“Usohlangothini lukabani-na? Umhlaba walahlela ngaphandle uKristu, izulu lamamukela. Umuntu, umuntu ofayo, wenqaba iNkosana yokuphila; uNkulunkulu, uMbusi oyiNkosi yethu, wamamukela ezulwini. UNkulunkulu wamphakamisa. Umuntu wamqhelisa ngomqhele wameva, uNkulunkulu wamqhelisa ngomqhele wenkosi yamakhosi. Kufanele sonke sicabange ngokweqiniso. Uzovumela yini lendoda enguKrisu Jesu ikulawule, noma uzovumela uBarnabasi-na?... Ukufa kukaKristu kuyithemba nokuphila okuphakade kubo bonke abamamukelayo bakholwa Nguye.”-*The Bible Commentary*, [E. G. Whie Comments], vol. 5, p. 1107.

b. Ngobuthakathaka esiyibo emandleni okuziphatha kanye nasekuzimiseleni, kungani kufanele sizinikele ngamandla kuMsindisi-na? Filiphu 2:12, 13.

“Uma usuqalile ngempela uhambo lokukholwa kusho ukuthi uzinikele kuJehova ubengo-Wakhe ngokuphelele, Naye ukwamukele ukuze akubumbe akulungise ngokuya ngenhloso Yakhe, ukuze ube yisitsha esiqotho. Kufanele ube nesifiso esikhuthazelayo esithambile ezandleni Zakhe ulandele yonke indawo akuholela Kuyo. Kanjalo uyamethemba ukufeza lokhu akuhlosile, lapho ngesikhathi esifanayo usizana Naye ngokufeza ukusindiswa kwakho ngokwesaba nangokuthuthumela....

“Inkolo ehlanzekile inokwenza nentando. Intando ingamandla abusa imvelo yomuntu, ngokuletha zonke izitho ngaphansi kokuntengantenga kwayo. Intando akulona unambitho noma ukuthambeka, kodwa kungamandla anqumayo asebenza kubantwana babantu ekulaleleni uNkulunkulu noma ukungalaleli.”-*Testimonies for the Church*, vol. 5, pp. 512, 513.

“Uzohlala njalo usengozini uze uqonde amandla ngempela entando. Ungakholwa futhi uthembise izinto zonke, kodwa izithembiso zakho noma ukholo lwakho alusizi ngalutho uze ubeke intando yakho ohlangothini lokukholwa nesenzo. Uma ulwa ukulwa kokukholwa ngamandla entando yakho yonke, uzonqoba. Imizwa yakho, ukuzwisisa kwakho, umhawu wakho, akufanele uzethembe, ngoba azithembakalanga....

“Kodwa akufanele uphelelwe yithemba.... Kukuwe ukuba unikele intando yakho kwintando kaJesu Kristu; uma ukwenza lokho, uNkulunkulu ngokushesha uzothatha indawo asebenze kuwe intando nokwenza lokho okuthokozisayo Kuye. Imvelo yonke yakho izolethwa ngaphansi kolawulo loMoya kaKristu, ngisho nemicabango Yakho izothobela Yena.”-*Ibid.*, pp. 513, 514.

a. Yisho ezinyen izinkinga ezivamile okufanele sizinqobe-na? Filiphu 2:14, 15.

“Uthando lukaNkulunkulu kufanele lugcwalise umphefumulo, noma izithelo zokulunga angeke zabonakala. Akuphephile ukuzitika ngobuze nokuzigabisa, noma ukuthanda amandla noma inzuzo. Kungubonakala ubugovu obedlulele ukutetema nokujezisa nokukhononda ngoba unamandla okwenza lokhu nalabo obaphatha kabi ngalendlela angeke bakuvimba. Kungubugovu obubangela ukungezwani kwisiyingi somndeni nasebandleni. Izinhliziyi zalabo abangasiwo amaKrestu zicabanga ukuthi zingehlukanisa iziphambeko ezinkulu kwabanye lapho kungekho noyedwa ozohlala phezu kwezindaba ezincane, zize zibonakale zizinkulu uma zikhuliswa. Indlela yokulungisa izindaba ezincane, ezibonakala kwabanye zizinkulu, uNkulunkulu ushiyele kubalandeli Bakhe ukuba bazicazulule. Masingavumeli ukungezwani okudumele kuhlale kuze kuphenduke impande yobuhlungu ebandleni, lapho abaningi bezongcoliswa. Uma uKristu esenhliziyweni kuzothanjiswa futhi kuthotshiswe uthando lukaNkulunkulu nomuntu otetemayo, othola amaphutha, nokuphikisana angeke kwabakhona lapho. Inkolo kaKristu enhliziyweni izozuzela onayo ukunqoba okuphelele phezu kwezinkanuko ezifuna ukubusa.”-*Testimonies for the Church*, vol. 4, p. 610.

b. Yiliphi iqiniso elibalulekile okufanele silikhumbule ngokutusa kukaPawule u-Ephafrodithu-na? Filiphu 2:21, 25-27, 30.

“UKristu akazange athumele izingelosi kulomhlaba owileyo, ngesikhathi ehlezi esezulwini; kodwa Yena waphuma ngaphandle kwekamu, ethwele ukusolwa. Waba ngumuntu wosizi, wajwayelana nobuhlungu; wathathela Kuye ukugula kwethu, wathwala ubuthakathaka bethu. Ukungabikho kokuzidela kubalandeli Bakhe abazishoyo, uNkulunkulu ubabheka njengobenqaba igama lobuKrestu. Labo abafakazela ukuba munye noKristu, kepha bezitika ngezifiso zobugovu babo bokucebisa nokwembatha izingubo zenana eliphezulu, impahla yasendlini, ukudla, bangamaKrestu ngegama kuphela. Ukuba nguMkrestu kungukufana noKristu.”-*Counsels on Stewardship*, p. 54.

IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

NgoLwesihlanu, Mfumfu 9

1. Kungani ubunye bobuKrestu bubalulekile, futhi butholakala kuphela kanjani-na?
2. Iyini imfihlo yokuphumelela, komuntu ngamunye namabandla-na?
3. Singafingqa kanjani lokho uKristu akwenza ngenxa yomuntu-na?
4. Naphezu komlando wethu osolekayo, kuyini uJesu azimisele ukusenzela yona-futhi kanjani?
5. Kungani ngivama ukukhononda-futhi kuyini okungangisiza ukuthi nginqobe lobu bubi?

Ukulangazelela Ukumazi Ngcono uJesu

IVESI LEKHANDA: “Ukuze ngimaze Yena, namandla okuvuka Kwakhe, nokuhlanganyela ezinhlophekweni Zakhe, ngimfuze ngokufa Kwakhe, uma mhlawumbe ngingaze ngifinyelele ekuvukeni kwabafuleyo” (Filiphu 3:10, 11).

Izincwadi Ezinikeziwe: *Testimonies for the Church*, vol. 3, pp. 22-32.
The Story of Redemption, pp. 310-314.

“Njengoba umfundi weBhayibheli ebheka uMhlengi, kuvuka emphefumulweni amandla angaqondakali okukholwa, okudumisa, nothando. Ngombono kaKristu ukubheka kuyagxiliswa, nobhekile uyakhula abasesimeni salokhu akuthandayo.”-*Education*, p. 192.

1. UKULUNGA NGOKUKHOLWA

NgeSonto, Mfumfu 11

a. Kungayiphi indlela uPawule ephakamisa isidingo sokukholwa kuKristu ngaphandle kokuthemba ngomcabango wokufaneleka kwenyama-na? Filiphu 3:1-3.

“Uma sisondela eduze noJesu futhi yilapho sizokwazi ukuhlukanisa ngokukhanya okukhulu ukuhlanzeka kwesimilo Sakhe, njengoba sizohlukanisa ngempela ububi obukhulu besono futhi sizokwehla uma sizizwa sengathi singaziphakamisa....

“Akekho kubapostoli noma abaprofethi abake bazizwa ukuthi kabanasono. Abantu ababephila eduze kakhulu noNkulunkulu, abantu abanganikela ngokuphila impela kunokuba benze isono ngabomu, abantu uNkulunkulu abahlonipha ngokukhanya okungcwele namandla, bavuma ububi bemvelo yabo. Abazange bathembe inyama, abazange babize ukulunga njengokwabo, kodwa bathembela ngokuphelele ekulungeni kukaKristu. Bazobanjalo bonke ababheka kuKristu.

“Lonke inyathelo elikuqhubekela phambili lamava oMkrestu ukuphenduka kwethu kuzojula. Yilabo iNkosi ebathethelele, yilabo abavuma njengabantu Bakhe, ngabo uthi, ‘Seniyakukhumbula izindlela zenu ezimbi nenzenzo zenu ezingezinhle, ninengeke emehlweni enu ngenxa yobubi benu.’ Hezekeli 36:31...Ngakho-ke imilomo yethu angeke yavulekela ukuzidumisa. Sizokwazi ukuthi ukuneliseka kwethu kukuKristu kuphela.”-*Christ’s Object Lessons*, p. 160.

a. Chaza isimo sikaPawule sokuqala ngaphambi kokuguqukela kuKristu. Filiphu 3:4-6.

“Ezikelweni zokufunda ulwazi ngoNkulunkulu zaseJudiya izwi likaNkulunkulu labekelwa eceleni ngenxa yemicabango yabantu; laphangwa amandla alo ngokuhunyushwa kanye namasiko orrabi. Ukuzikhukhumeza kwabo, ukuthanda ubukhulu, umona ohlotshisiwe, inzondo nokuzidla okweyisayo, bekuyizimiso ezilawulayo nokuhlosiwe kulabothishela.

“Orrabi babezidumisa ngobukhulu bamandla abo, kungesikho kubantu kuphela nakwezinye izizwe, kodwa nakubantu bakubo. Ngenzondo yabo enolaka kubacindezeli babo baseRoma, babethokozela ukuzimisela ukuthola futhi ngamandla ezikhali ubukhosi besizwe sabo. Abalandeli bakaJesu, ngesigijimi sabo sokuthula esasiphambene kakhulu namacebo abo nezifiso zabo, babazonda baze bababulala. Kuloluhlupho, uSawule nguyena obeyisitha esikhulu nesisebenzi esilukhuni.”-*Education*, pp. 64, 65.

b. Uthini uPawule ngenjabulo enkulu yokuzinikela ngokuphelele kuJesu-na? Filiphu 3:7, 8.

“Abapostoli ababalanga ukuphila kwabo njengokuthandekayo, babethokozela ukuthi babalelwa njengabefanele ukuhlupheka kwehlazo ngenxa yegama likaKristu. UPawule noSila bahlupheka ngokulahlekelwa izinto eziningi. Bahlupheka ngokushaywa, ngendlela kanzima balahlelwa phansi endaweni ebandayo yetilongo ngendlela ezwisa ubuhlungu, izinyawo zabo zaphakanyiswa zaboshelwa ezingodweni. Ingabe ukukhononda nokububula kwafinyelela ezindlebeni zomphathi wetilongo-na? Cha, nakanye! Kusukela kwitilongo elingaphakathi, amaphimbo ezwakala edabula ukuhula kobusuku ngezingoma zenjabulo nokudumisa uNkulunkulu. Labafundi bathokoziswa uthando olujulile noluqinisile ngomsebenzi woMhlengi wabo, ngalokhu abahlupheka ngakho.

“Njengoba iqiniso likaNkulunkulu ligcwalisa izinhliziyi zethu, zithathekisa uthando lwethu, lulawule nokuphila kwethu, nathi sizokubalela kube injabulo ukuhlupheka ngenxa yeqiniso. Azikho izindonga zetilongo, ukufela ukholo, okungadumaza noma kusivimbele emsebenzini omkhulu. Woza, mphefumulo wami, eKhalvari. Phawula ukuphila okuthobekile kweNdodana kaNkulunkulu. Ubengumuntu ‘wesono, ejwayelene nosizi.’ Bheka ukuthotshiswa Kwakhe, usizi Lwakhe eGetsemane, ufunde ukuthi kuyini ukuzidela. Ingabe sihlupheka ngenxa yokuswela-na? kwakunjalo nakuKristu, iNkosi yasezulwini. Kodwa ubumpofu Bakhe bekungenxa yethu. Ingabe sibalelwa phakathi kwabacebile-na? wayenjalo Naye. Kodwa wakuvumela ngenxa yethu ukuba sibempofu, ukuthi ngobumpofu Bakhe senziwe abacebile. KuKristu sinesibonelo sokuzidela.”-*Testimonies for the Church*, vol. 3, pp. 406, 407.

a. Iyiphi inhloso kaPawule okufanele silangazelele ukuyiveza namuhla-na? Filiphu 3:9.

“UFakazi oqinisileyo uthi, ‘Thenga kimi igolide elihlanzwe ngomlilo ukuze ucebe, nezingubo ezimhlophe ukuze wembathe, kungabonakali ihlazo lobuze bakho.’ Liyini ihlazo lobuze nokuswela-na? Kuyihlazo lokuzembathisa ukulunga okungokwethu, nokuzehlukanisa ngokwethu kuNkulunkulu, lapho eSenzele amalungiselela amakhulu wokuba bonke bamukele isibusiso Sakhe.”-*The Bible Commentary*, [E. G. Whie Comments], vol. 7, p. 965.

“Umphefumulo othanda uNkulunkulu, uvuka ngaphezu kwefu lokungabaza; uzuza ukukhanya okubanzi, okujulile, amava aphilayo, abemnene afane noKristu. Umphefumulo wakhe unikelwe kuNkulunkulu, ufihleke noKristu kuNkulunkulu. Uzobanakho ukuma kwisilingo sokunganakwa, sokuphathwa kabi nokweyiswa, ngoba uMsindisi wakuhluphekela konke lokhu. Angeke ateteme noma adumale uma izilingo zimcindezela, ngoba uJesu akazange ahluleke noma aphele amandla. Wonke uMkrestu weqiniso uzoba namandla, kungesiwo amandla nokufaneleka kwemisebenzi yakhe emihle, kodwa ngokulunga kukaKristu, lokho ngokukholwa kwabelwe yena. Kuyinto enkulu ukubamnene nokuthobeka kwenhliziyo, ukuba uhlanzeke futhi ungangcoliswa, njengoba yayinjalo iNkosana yezulu ngesikhathi ihamba phakathi kwabantu.”-Ibid., p. 907.

b. Chaza inhloso yokuphila koMkrestu yangempela. Filiphu 3:10, 11; 1 Peter 2:21.

“[Abapostoli] bakhomba phambili indlela yokuphila yokuzidela nesiphambano. Bahlanganyela noMsindisi ekuhluphekeni Kwakhe, isifiso sabo esikhulu ukumazi uKristu Jesu, Lowo owabethelwayo. Kabazange babheka ukuthanda kwabo, nokubala ukuphila kwabo njengokuthandekayo kubo. Abaphilelanga ukuzithokozisa, kodwa ukwenza okuhle, nokusindisa imiphefumulo leyo uKristu ayifelayo.”-*Testimonies for the Church*, vol. 3, p. 27.

“Kungukuhlanganyela noKristu, ukuthintana uqobo noMsindisi ophilayo, okusiza ingqondo nenhliziyo nomphefumulo kunqobe phezu kwemvelo engaphansi. Tshela ozulayo ngesandla esinamandla esizomphakamisela phezu, ubuntu obungapheli kuKristu omhawukelayo. Akwanele kuye ukukholwa umthetho acindezele, izinto ezingenasihawu, angezwa nesikhalo sofuna usizo. Udinga ukubamba isandla esifudumele, ukuthemba inhiziyo egcwele ubumnene. Ogcina ingqondo yakhe ukuhlala phezu komcabango wobukhona obungcwele obuhlala bukhona eduze kwakhe, bubheka njalo ngothando oluzwelayo. Mncenge ukuba acabange ngenhliziyo kaBaba ohlala edabukela isono, isandla sikaBaba silokhu selulekile.”-*Christ's Object Lessons*, p. 388.

a. UPawule uchaza kanjani ubizo, lwansuku zonke kuwo wonke umlandeli kaKristu-na? 2 Korinte 7:1; Filiphu 3:12-14; 1 Korinte 15:31.

“Kukhona umehluko okhanyayo phakathi kwalabo abazigabisayo, abanokulunga okungokwabo bezisho ukuthi kabanasono, namazwi amahle ompostoli. Kodwa ukuhlanzeka bokuthembeka kokuphila kwakhe okunikeza amandla afanayo okuncengisisa kubazalwane bakhe.”-*The Sanctified Life*, p. 86.

“Maye kwangathi ngamunye angenza ukhetho lwesipho sasezulwini, sokuba yindlalifa kaNkulunkulu kwifa ogama lakhe lilondolozwe noma ngomuphi umchithi, kumhlaba ongenasiphelo! Maye, ungakhethi umhlaba, kodwa khetha ifa elingcono! Phikelela, qinisela endleleni yakho kuphawu lomvuzo wokubizwa kwenu okuphakeme kuKristu Jesu.”-*Fundamentals of Christian Education*, p. 235.

“Asazi ukuthi ngolunye usuku izobanamandla kangakanani impi yethu elandelayo. USathane uyaphila, futhi uyasebenza, nsuku zonke kufanele sikhale ngokuphikelela kuNkulunkulu usizo namandla okumelana naye. Njengongoba uSathane ebusa kufanele sithobise umina, singobe ukusattshiswa, ayikho indawo yokuma, ayikho indawo esingenza kuyo sithi silizuzile ngokuphelele....

“Ukuphila koMkrestu uhambo oluqhubekela phambili ngezikhathi zonke. UJesu uhlala njengomcwengisisi nomhlanzi wabantu Bakhe; lapho umfanekiso wakhe ubonakala kubo, baphelele futhi bangcwele, balungele ukuguqulwa.”-*Testimonies for the Church*, vol. 1, p. 340.

b. Yisiphi isilingo somzimba ngokuvamile esilugibe lwesimoya-na? Filiphu 3:18, 19.

“Ukuzidela nokuzithiba phezu kokudla inyama yesilwane zibalulekile ukuphakamisa nokuseka nokuthuthukisa isimo sempilo nokuziphatha, nokuhlanza ukunakala komphakathi. Konke ukwephulwa kwesimiso sokudla nokuphuza kwenza buthuntu amandla okwehlukana...Ukuzithiba ezintweni zonke kuyadingeka empilweni nokuqhubekisela phambili ukukhula kwesimilo esihle soMkrestu.

“Labo abephula imithetho kaNkulunkulu kwizitho zabo zomzimba angeke bancipha ekwephuleni umthetho kaNkulunkulu owamenyezelwa eSinayi. Labo abangeke, emva kokukhanye okuze kubo, badle baphuze okuvela esimisweni esikhundleni sokulawulwa unambitho lokudla, angeke babelukhuni maqondana nokulawulwa isimiso kwezinye izinto. Ukukhathazeka ngesihloko semvuselelo yokudla nokuphuza kuzokhulisa isimilo futhi ngokungaduki kulethe ekukhanyeni labo abenza ‘izisu zabo unkulukulu.’”-*Counsels on Health*, pp. 38, 39.

a. Yisiphi isicelo nesithembiso esiyinselela ezinhliziyi zethu namuhla-na? Filiphu 3:20, 21.

“Abantu bakaNkulunkulu-ulsrayeli weqiniso-noma esakazekele ezizweni zonke, ulapha emhlabeni njengezihambi, okhaya lakhe lisezulwini.”-*Patriachs and Prophets*, p. 447.

“Bazalwane noDade abathandekayo: Ingabe siyakholwa ngenhliziyo yonke ukuthi uKristu uyabuya masinyane nokuthi manje siphethe isigijimi sokugcina somusa esike sanikwa umhlaba onesono-na? Ingabe isibonelo sethu siyilokho okufanele sibeyiso-na? Ingabe, ngokuphila kwethu nokukhuluma okungcwele, kubonisa labo abasizungezile ukuthi sibheke ukubonakala kweNkosi noMsindisi wethu uJesu Kristu, Lowo ozoguqula lemuzimba eyonakele ayenze ifane nomzimba Wakhe okhazimulayo-na? Ngiyesaba ukuthi asikholwa asiqonde lezinto ngendlela efanele. Labo abakholelwa kumaqiniso abalulekile esiwafakazelayo, kufanele benze nasekuphileni kwabo. Kukhona ukufuna okukhulu ukuzijabulisa nezinto ezizothatha ukunaka kulomhlaba; ingqondo iyashiywa ukuzulazula kakhulu ekugqokeni, nolwimi luhlanganyela njalo ezindabeni ezilula neziyize, ezinikeza amanga ngokuzisho kwethu, ngoba ukukhuluma kwethu akukho ezulwini, kuyilapho silindele uMsindisi.

“Izingelosi zisiqaphele futhi ziyasilonda; kaningi sidabukisa lezingelosi ngokuzitika ezindabeni eziyize, ukuntela, nokutekula, nokwehlela phansi ekunganakini, isimo sobuwula. Noma manje singenza umzamo wokunqoba siwuzuze, kodwa uma singawugcini, sishona phansi ngokunganaki okufanayo, kwisimo sokungakhathali, singakwazi ukubekezelela izilingo zokumelane nesitha, asibekezeleli isilingo sokukholwa kwethu okuyigugu kakhulu kunegolide. Asihlupheki ngenxa kaKristu, asithokozi ekuhluphekeni.

“Kukhona ukusilela kwamandla obuKrestu nokusebenzela uNkulunkulu ngokwesimiso. Akufanele sifune ukuthokozisa nokwenelisa umina, kodwa ukuhlonipha nokudumisa uNkulunkulu, kukho konke esikwenzayo nesikushoyo sibe neso linye enkazimulweni Yakhe.”-*Early Writings*, pp. 111, 112.

IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

NgoLwesihlanu, Mfumu 16

1. Kuyini okuzongigcina ukuba ngingaziphakamisi-na?
2. Chaza ukuguqulwa okumangalisayo kwesimilo sika-Pawule.
3. Kuyini okufanele kube ngumqondiso wokuphila kwami-na?
4. Ngeyiphi indlela ukuzitika ngokweqile ekudleni kuthinta ngayo isimoya sami-na?
5. Yiziphi ezinye izithiyo ezingase zivimbele ukukhula kwami kobuKrestu-na?

Ukuqiniswa Yi-Zulu

IVESI LEKHANDA: “Ngiyakwazi ukuba phansi, ngiyakwazi nokubusa, kukho konke nasezintweni zonke ngifundisiwe; ukusutha, nokulamba, nokuswela” (Filiphu 4:12, 13).

Izincwadi Ezinikeziwe: *Testimonies for the Church*, vol. 2, pp. 594-597.
The Acts of the Apostles, pp. 461-468.

“Khumbula ukuthi ukusebenza noKristu njengoMsindisi wakho kungamandla akho nokunqoba kwakho. Lena inxenye yokuthi bonke kufanele basebenze. Bonke abakwenzayo lokhu kuza ithemba labo: ‘Kepha bonke abaNkulunkulu, wabapha amandla okuba babe ngabantwana bakaNkulunkulu.’”-*Testimonies for the Church*, vol. 7, p. 39.

1. UKUBA NOZWELO

NgeSonto, Mfumfu 18

a. Kuyini esingakufunda indlela uPawule ayekhuthaza abanye ngayo-na? Filiphu 4:1.

“[UPawule] ubengabhaleli labo abaphelele ngokwesimilo. Wababhalela njengabesilisa nabasefazane abazama ukumelana nesilingo nabasengozini yokuwa....

“Uma lowo ophambukayo eba nomuzwa wecala lakhe, qaphela ungabulali isithunzi sakhe. Ungamqedi amandla ngokungakhathali noma umxwaye. Ungasho ukuthi, ‘Ngaphambi kokuba ngimnike ithemba lami, ngizolinda ngibone ukuthi uzokhangeza.’ Kangingi lokungathembi ngempela kubangela olingwayo ukuba akhubeke.”-*The Ministry of Healing*, pp. 167, 168.

“Ukukhanyiselwa okuthokozelwayo kwengqondo nomphfumulo ngesiqiniseko sokuthi sibuyisene noNkulunkulu, ithemba esinalo lokuphila okuphakade ngoKristu, nenjabulo yokubusisa abanye, yiyona ntokoza engalethi usizi kubo.”-*My Life Today*, p. 177.

b. Babebaluleke ngani abanye abantu uPawule akhuluma ngabo-na? Filiphu 4:2, 3; Isambulo 20:15.

a. Yisiphi isicelo esimangalisayo uPawule asenzayo esetlongweni-na? Filiphu 4:4.

“Dumisa iNkosi nalapho uwela ebumnyameni. Mdumise nasekulingweni. ‘Thokozani eNkosini njalo njalo,’ kusho umpostoli; ngiyaphinda ngithi: Thokozani.’ Ingabe lokhu kungaletha ithunzi nobumnyama emikhayeni yenu-na? Akukho, ngempela; kuzoletha imisebe yelanga. Kanjalo uzohlanganisa imisebe yokukhanya okunaphakade okuvela esihlalweni senkazimulo uyihlakaze ngapha nangapha kwakho. Ngikunxusa wena ukuba uhlanganyele kulomsebenzi, hlakaza lokukhanya nokuphila kwabakuzungezile, kungesikho endleleni yakho kuphela, kodwa nasendleleni yalabo ohlangana nabo. Makube ngumgomo wakho ukwenza abakuzungezile babengcono, ubaphakamise, ubakhombe ezulwini nenkazimulo, ubaholele ukuba bakufune, ngaphezu kwezinto zonke zomhlaba, izinto zephakade, ifa elingapheli, ingcebo enegenakubola.”-*Testimonies for the Church*, vol. 2, pp. 593, 594.

“Noma yisiphi isikhundla okuso, uNkunluku unakho ukusibumba ukuze sibemnandi sifane nesikaKristu. Ngokusebenzisa ukholo oluphilayo ungahlukana nakho konke okungavumelani nomqondo kaNkulunkulu, kanjalo uletha izulu ekuphileni kwakho uselapha. Ngokwenza lokhu, uzoba nokukhanya kwelanga inyathelo ngalinye. Lapho isitha sifuna ukwemboza umphefumulo ngobumnyama, hlabelela ukholo ukhulume ukholo, uzothola ukuthi uhlabellele wakhuluma futhi wangena ekukhanyeni.

“Thina sizivulela ngokwethu izikhukhula zosizi noma injabulo. Uma sivumela imicabango yethu ilibaziseke ngezinkathazo nokuyize komhlaba, izinhliziyi zethu zizogcwala ukungakholwa, ubumnyama, nesinyama. Uma sibeka uthando lwethu ezintweni zaphezulu, izwi likaJesu lizokhuluma ezinhliziyweni zethu, ukukhononda kuzophela, imicabango ethukuthelayo izolahlekelwa ukudumisa uMhlengi wethu.”-*Counsels to Parents, Teachers, and Students*, pp. 233, 234.

b. Ezweni elisheshayo, elicindezelekile, kuyini okufanele sihlale sikukhumbula-na? Filiphu 4:5-7.

“Lapho sifinyelela ezindaweni ezinzima yilapho embula khona amandla Akhe nokuhlakanipha kwimpendulo yomkhuleko othobekile. Yiba nesibindi Kuye njengomkhuleko olalelwayo, umkhuleko ophendulwa nguNkulunkulu. Uzozibonakalisa kuwe njengaLowo osizayo kukho konke okuphuthumayo. Lowo owadala umuntu, lowo owamupha umzimba omangalisayo, ingqondo, namandla esimoya, angeke agcine lokhu okudingekayo ukulondoloza ukuphila akunikezile.”-*The Ministry of Healing*, p. 199.

a. Yisho izindlela ezibalulekile zokunqoba ngoKristu. Filiphu 4:8.

“Njengoba uNkulunkulu esebenza enhliziyweni ngoMoya Ongcwele, kufanele sisizane Naye. Imicabango kufanele iboshelelwe, ivinjelwe, isuswe ekuchezukeleni ngaphandle ukuzindla ngezinto ezenza buthakathaka futhi zingcolise umphefumulo kuphela. Imicabango kufanele ihlanzeke, imizindlo yenhliziyo icwebe, uma amazwi kufanele abe amazwi amukelekayo ezulwini, futhi asize labo ojwayelene nabo....

“Kwintshumayelo yasentabeni, uKristu waletha phambi kwabafundi Bakhe izimiso ezifinyelela kude zomthetho kaNkulunkulu. Wafundisa abalaleli Bakhe ukuthi umthetho wephulwa ngomcabango ngaphambi kwesifiso esibi kwphumeleliswa ngeseno sangempela. Singaphansi kwesibopho sokulawula imicabango yethu, siyilethe ngaphansi komthetho kaNkulunkulu. Amandla anesithunzi engqondo anikwe thina yiNkosi, ukuba siwasebenzise ukucabanga ngezinto zezulu. UNkulunkulu wenze ngokwanele amalungiselelo ukuthi umphefumulo ungaqhubekela phambili ekuphileni okungcwele. Ubekile yonke indawo izithunywa ukusiza ukukhula olwazini nasemandleni; kodwa, ukuthi lezithunywa zibongwa futhi zithokozelelwa kancane kanjani! Kungakakhi inikezwa ekuzindleni lokhu okomhlaba, okwenyama, nokonakele! Sinikeza isikhathi sethu nomcabango kwizinto eziyize nezivamile zomhlaba, nokudembesela intakazelelo enkulu ehlangene nokuphila okuphakade. Amandla anesithunzi engqondo ambashisa futhi enze buthakathaka ngokuswela ukuwasebenzisa kwizihloko ezifanele umcabango.”-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments] vol. 3, p. 1145.

b. Chaza umyalo wokuqeqesha ingqondo ongavamile uPawule awukhulisa ekuphileni kwakhe. Filiphu 4:11, 12.

“Akusiyo ingcebo noma ukuhlakanipha okunikeza injabulo. Kungukufaneleka kokuziphatha okuhle. Ubuhle bangempela kubhekwa yiZulu njengobukhulu bangempela. Umbandela wokuthanda ukuziphatha okuhle kunquma ukufaneleka komuntu. Umuntu angaba nemfuyo futhi ahlakaniphe, kodwa abeyize, ngoba umlilo okhazimulayo awuzange ushe phezu kwe-altare lenhliziyo yakhe, ngoba unembeza wakhe ushisiwe, wenziwa mnyama, waklamuzela ngobugovu nesono.”-*Testimonies for the Church*, vol. 2, p. 305.

“Ukumesaba uNkulunkulu nokuzidela kuyinzuzo enkulu. Nansi imfihlo yeqiniso yokujabula, nempumelelo yangempela yomphefumulo nomzimba.”-*Ibid.*, vol. 1, p. 542.

a. Ngokuhlala kuKristu, yiyiphi indlela efinyelela kude esiguqulwa ngayo nesinikwa amandla ngayo-na? Johane 15:5; Filiphu 4:13.

“Angeke sibe nokukholwa okubuthakathaka manje; angeke saphepha ngesimo esidelelekayo, ukudenga, ubuvila. Konke ukwazi okuncane kufanele kusetshenziswe, ngokuhlakanipha, ngokuthula, umcabango ojulile kumele wenziwe. Ukuhlakanipha kwanoma yisiphi isithunywa soluntu akwanele ukuhlela nokucebisa namuhla. Yendlala lonke icebo phambi kukaNkulunkulu ngokuzila, nangokuzithoba komphefumulo phambi kweNkosi uJesu, bese unikela izindlela zakho eNkosini. Isithembiso esiqinisekile yilesi, uzoqondisa imikhondo yakho. Izindlela Zakhe zimi ingunaphakade. Lowo Ongcwele kalsrayeli, obiza umbutho wasezulwini ngegama, obamba izinkanyezi zezulu endaweni yazo, ngamunye ugcinwa Nguye.”-*Selected Messages*, bk. 2, p. 364.

“Vumela labo abazicabangelayo, labo abaswela ukuzethemba okubaholela ekuncipheni ekunakeni nokuziphendulela, bafundiswe ukweyama kuNkulunkulu. Yingakho abaningi noma oyedwa uphenduka indlela yokuloba okuyimfihlo [i.e. yolowo ongenamfutho noma ongabalulekanga] emhlabeni, hleze ungumthwalo ongenasizo, angabanakho ukusho njengompostoli uPawule, ‘Nginamandla okwenza konke ngoKristu ongiqiniseyo.’-*Education*, p. 256.

“Lapho ibandla noma nini lidele izono zalo, likholwa futhi lihamba eqinisweni, lithe lahlonishiwe nguNkulunkulu. Kukhona kulo ukukholwa nokulalela okuzothile amandla lawo izwe elingeke lamelana nawo. Uhlelo lokulondoloza kukaNkulunkulu maqondana nabantu Bakhe luqhubekela phambili-intuthuko eqhubekayo yokuphelelisa isimilo soMkrestu, ngendlela yobungcwele, senyukele phezulu kakhulu ngokukhanya okusobala nolwazi nothando lukaNkulunkulu, sifinyelele ekupheleni kwesikhathi.”-*Testimonies for the Church*, vol. 5, p. 484.

“Noma yimaphi amaphutha noma ukwehluleka esikhathini esidlule, singabanakhongosizo lukaNkulunkulu senyukele ngaphezu kwawo.”-*The Ministry of Healing*, p. 516.

b. Chaza ukubaluleka okukhulu komcabango wokuphana. Filiphu 4:14-19.

“Lowo onikela ukuphila Kwakhe kuNkulunkulu ngemfundiso kubantwana Bakhe ihlanganiswa Naye unezinsiza zonke zezulu nomhlaba ngokomyalo Wakhe. Ukuphila Kwakhe kuboshelwe ngeketanga legolide lezithembiso ezingaguquki zokuphila kukaNkulunkulu. INkosi angeke yehluleke ngehora lokuhlupheka nelesidingo.... Nangehora lesidingo sokugcina lowo onomusa uzothola isiphephelo somusa kuMsindisi onozwelo futhi uzokwamukeliswa indawo yokuhlala ingunaphakade.”-*Thoughts from the Mount Blessings*, p. 24.

a. Yiliphi ixuku elikhethekile labakholwayo elikhuthaza ngempela bonke abazithola besebunzimeni bendawo abahlala kuyo, futhi kungani? Filiphu 4:21, 22.

“Ngisho nasemndenini kaNero, izindondo zesiphambano zazuzwa. Kusukela kwababi ababekhona benkosi ebusa ngolunya kwazuzwa abaphendukile baba amadodana kaNkulunkulu. Labo bebangewona amaKrestu ngasese, kodwa abonwayo. Babengenamahloni ngokukholwa lwabo.”-*The Acts of the Apostles*, p. 463.

“Wonke uMkrestu unokuthize anagkwenza emsebenzini weNkosi yakhe. Akufanele sifune okwethu ukunethezeka noma ukuthanda, kodwa kugcono ukwenza isakhiwo sombuso kaKristu umcabango wetthu wokuqala....

“UNkulunkulu usakazile abantwana Bakhe kwimiphakathi ehlukahlukene ukuze ukukhanya kweqiniso kungagcinwa kukhanya phakathi kobumnyama obemboze umhlaba. Njengoba ubumnyama obusizungezile bujula kakhulu, nesidingo sikhulu sokuthi ukukhanya kwethu kukhanye uNkulunkulu. Singabekwa ngaphansi kwezimo ezinzima kakhulu nesilingo, kodwa lokhu akusho ukuthi asikho kwisimo esinikezwe sona nguMlondolosi. Phakathi kwamaKrestu aseRoma ezinsukukwini zikaPawule umpostoli ukhuluma ngabo ‘ukuthi bangumkhaya kaKesariya.’ Ayikho indawo yomfutho wokuziphatha obungavumi kumaKrestu kunesigodlo saseRoma ngaphansi kombuso ononya kaNero. Kodwa labo, ngesikhathi besemsebenzini wenkosi, abamukela uKristu abazange bazizwe bekhululekile, emva kokuguquka kwabo, abazange bashiya indawo yabo yokusebenza. Lapho bebhekene nezilingo eziyengayo, ukuphikisana okunolaka, nezingozi ezesabisayo babengofakazi abathembekile bakaKristu.

“Lowo oweyama ngokuphelele emseni ongcwele angenza ukuphila kwakhe ubufakazi obungapheli ngenxa yeqiniso. Akukho lowo omiselwe ukuthi angeke abe nguMkresu weqiniso nothembekile. Kodwa ziningi izihibe, bonke abazimisele ukulalela uNkulunkulu bazothola indlela evuleka njengoba beqhubekela phambili.

“Labo abagcina ukuthembeka kwabo kuNkulunkulu phakathi komfutho wempikiswano bathola amava abaluleke kakhulu. Amandla abo ayakhula nezivimbelo zonke ziyahlulwa, zonke izilingo ziyancotshwa.”-*Testimonies for the Church*, vol. 5, pp. 182, 183.

IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE**NgoLwesihlanu, Mfumfu 23**

- 1. Ngingaphumelela kanjani ekusizeni imiphefumulo enhlanhlathayo?**
- 2. Chaza umthelela omkhulu otholakala ngokukhetha imicabango yethu.**
- 3. Hlobo luni lwezinto okufanele ngicabange ngazo-futhi nezinto okumele ngingazicabangi?**
- 4. Chaza amandla ahambisana nokuhlala kuKristu.**
- 5. Yini engingayifunda kumaKrestu ayehlala endlini kaKhesari?**

Ukuhamba Ngokufaneleka

IVESI LEKHANDA: “Nihambe ngokufanele iNkosi, niyithokozise ngakho konke, nithela izithelo emisebenzini yonke elungileyo, nikhula ekumazini uNkulunkulu; niqiniswe nokuqiniswa konke ngokwamandla enkazimulo yakhe, kuze kube-ngokubekezela konke nokubhekakade ngokujabula” (Kolose 1:10, 11).

Izincwadi Ezinikeziwe: *Testimonies for the Church*, vol. 2, pp. 71-77.
Ibid., vol. 8, pp. 286-289.

“UPawule wabhala ngamazwi ngokusobala isifiso sakhe ngamakholwa aseKolose. Ukuthi uphakeme kangakanani umgomo lamazwi owaqukethe phambi kwabalandeli bakaKristu! Ukhombisa amathuba amangalisayo okuphila komKrestu futhi wenza kukhanye ukuthi akukho mkhawulo ezibusisweni ezingatholwa ngabantwana bakaNkulunkulu.”-*The Acts of the Apostles*, p. 471.

1. ISIBONELO SETHU

NgeSonto, Mfumfu 25

a. Umposoli uPawule uveza kanjani ukuqiniseka kwakhe okujulile ngesimo sesimoya sabaseKolose-na? Kolose 1:1-6.

“Kwisahluko sokuqala nesesibili encwadini yabaseKolose ilethwa kimi njengezwi lokuthi amabandla ethu emhlabeni wonke kufanele abenjani.”-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 7, p. 906.

b. Lokhu kukholwa kwashukumisa umpostoli ukuba enzeni-na? Kolose 1:7-11.

“[Kolose 1:9-11ngokuphindwa.] Uphelele kanjani lomkhuleko! Akukho silinganiso kwisibusiso esiyilungelo lethu ukusamukela. ‘Singagcwaliswa ngolwazi lwentando yakhe.’ UMoya Ongcwele ngabe ungazange wakhuthaza uPawule ukuba anikele lomkhuleko ngenxa yabazalwane bakhe, bekungeke kwenzeka kubo ukuthola impendulo evela kuNkulunkulu ngokuya ngesicelo. Njengoba lokhu kunjalo, siyazi ukuthi intando kaNkulunkulu ibonakaliswa kubantu Bakhe njengoba bedinga ukuqonda okukhanyayo kwentando Yakhe.”-Ibid.

- a. Chaza amava amahle kakhulu afanekiswa ngumpostoli-nendlela okufanele sigcine ukholo lwethu luqinile ngokuhlala kulo. Kolose 1:12-14.**
-

“Kufanele sime siqinile ngenkululeko leyo esibeke sakhululeka sathokoza eqinisweni. UNkulunkulu akathokozi ngathi uma silalela isiphambeko, ngaphandle kokucindezelwa ukuba sihambe; ngaphandle kokuthi asithumele kuleyo mihlangano lapho isiphambeko sicindezelwa ekhaya kubantu ngamandla entando, angeke asivimbela. Izingelosi ziyayeka ukusiqaphela, sishiywa ekushayeni yisitha, senziwe mnyama futhi sibe buthakathaka nguye namandla ezingelosi zakhe ezimbi; nokukhanya okusizungezile kungcoliswa ubumnyama....

“Asikho isikhathi esingasichitha ngokulalela izinganekwane. Izingqondo zethu mazingaphambukiswa kanjalo, kodwa mazingcwaliswe ngeqiniso lanamuhla, sifune ukuhlakanipha ukuze sithole ulwazi olukhulu ngesimo sethu, ukuze ngobumnene singaba nakho ukunikeza isizathu sethemba lethu elivela eMibhalweni.”-*Early Writings*, pp. 124, 125.

“UNKulunkulu ‘owasikhulula emandleni obumnyama, nowasibeka embusweni weNdodana yothando Lwakhe.’ Kolose 1:13. Konke kunikezwe thina ezwini Lakhe. Uma samukela izwi, samukela ukukhululwa.”-*The Desire of Ages*, p. 320.

- b. Ukuqhathanisa Umbhalo noMbhalo kucacisa kanjani umqondo wobukhulu bukaKristu umqhathanise-na? Kolose 1:15, 18: qhathanisa igama “izibulo” ku Amahubo 89:20, 27; 1 Samuweli. 16:11-13.**
-

“Sinomfanekiso owodwa kuphela ophelele ngoNkulunkulu, lowomfanekiso nguJesu Kristu.”-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 7, p. 906.

- c. Kuyini okwembula uKristu njengoNkulunkulu? Kolose 1:16, 17; Johane 1:1-3; Heberu 1:2.**

“NgoKristu oYizwi, uNkulunkulu uqobo wadala umuntu wamembathisa ngokuhlakanipha namandla.”-*The Ministry of Healing*, p. 415.

“Isandla esiqinisa imihlaba emoyeni, isandla esibamba uhlelo lwazo nokusebenza okungaphuthi kwezinto zonke zomhlaba kaNkulunkulu, yilesandla esabethelwa esiphambanweni ngenxa yethu.”-*Education*, p. 132.

- a. Kuyini okufanele sikuqonde mayelana nokubaluleka okujulile komsebenzi kaKristu wokuza njengeNdodana yomuntu? Kolose 1:19, 20; 2:9.**

“Ukuze siqonde ngokuphelele ukubaluleka kosindiso, kuyadingeka ukwazi ukuthi inani lalo lingakanani. Ngomphumela wemicabango elinganiselwe ngokuhlupheka kukaKristu, abaningi babeka isilinganiso esiphansi emsebenzini omkhulu wenhlawulelo.... Ngalencebo elingcwele kubonakala kwembulwa uthando lukaNkulunkulu ngesizwe esiwileyo.”-*Testimonies for the Church*, vol. 2, p. 200.

“Noma inkazimulo engcwele kaKristu okwesikhashana yayemboziwe futhi yasithwa ngobuntu Bakhe azithwese bona, kodwa akayekanga ukuba nguNkulunkulu lapho eba ngumuntu. Lena imfihlakalo yokwesaba uNkulunkulu. Ukucindezela kokubili ‘umuntu’ ‘nobungcwele’ bezikuKristu, ngokusondelene ungeke ukwahlukanise, kodwa zinobuntu obukhethekile ngasinye. Noma uKristu wazithobisa uqobo ukuba ngumuntu, ubuNkulunkulu bekulokhu bungoBakhe. UBukulunkulu abuzange bulahleke lapho emi ngokwethembeka neqiniso kwizikhonzi Zakhe. Ezungezwe usizi, ukuhlupheka, nokungcoliswa kokuziphatha, wadelelwa, wenqatshwa ngabantu kulabo abeke kubo imithetho yezulu. Wayekulungele ukuthatha futhi ubungcwele benkazimulo Yakhe lapho umsebenzi Wakhe emhlabeni usuphelile.”-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 5, p. 1129.

“UJesu ubeka isiphambano ngokulingana nokukhanya okuvela ezulwini, ngoba yilapho kuzobamba iso lomuntu. Isiphambano siqondene nokukhazimula kobuso obungcwele, ukuze ngokubheka isiphambano abantu bangabona futhi bamazi uNkulunkulu noJesu Kristu, lowo amthumileyo. Ngokubheka uNkulunkulu sibheka Lowo owathulula umphefumulo Wakhe wonke ekufeni. Ngokubheka isiphambano umbono welulelwa kuNkulunkulu, nokwenyanya Kwakhe isono kuyehlukaniswa. Kodwa lapho sibheka esiphambanweni ukwenyanya kukaNkulunkulu isono, sibona futhi uthando Lwakhe ngenxa yezoni, olunamandla kunokufa.”-*Ibid.*, pp. 1133.

- b. Umpostoli uwufingqa kanjani umsebenzi uKristu awenzayo ngenxa yalabo abazinikela ngokuphelele Kuye? Kolose 1:21, 22.**

“UKristu uwenzile amalungiselelo okuthi ibandla Lakhe lizoba ngumzimba oququliwe, likhazimula ngokukhanya kwasezulwini, linenkazimulo kaEmanuweli. Kuyinhloso Yakhe ukuthi wonke uMkrestu uzozungezwa ngomfutho wesimoya wokukhanya nokuthula. Asikho isilinganiso sokusiza emsebenzini lowo, obekela umina eceleni, enze indawo yokusebenza koMoya Ongcwele enhliziyweni yakhe aphile ukuphila okuhlukaniselwe uNkulunkulu ngokuphelele.”-*Testimonies for the Church*, vol. 8, p. 19.

- a. Kuphezu kwasiphi isimo esibalulekile insindiso yalabo abeza kuKristu siqinisekiswa ngokuphelele? 1 Korinte 15:1, 2; Kolose 1:23.**
-
-

“Asikwazi ukuba nenkolo eguqukayo. Ivangeli kufanele lishunyayelwe futhi lamukelwe umuntu uqobo. Ukuvuma kweningi akwanele. Kufanele kubekhona inhliziyohlahlaniphile yokwamukela iqiniso lapho olamukelayo kufanele eme ngokubekhezela ekhuluma nabanye ngolwazi alutholile. Iqiniso kufanele lisetshenziswe ngayo yonke indlela, ubambelele ngokuqinile ezwini lokuphila, ‘nenisindiswa ngalo, nxa nibambelela ezwini enganishumyaeza lona, uma kambe ukukholwa kwenu kungabanga yize’ (1 Korinte 15:2).

“Kukhona isimemezelo sokukholwa okungcoliswe kakhulu amabala emvelo yomuntu ngesimilo yaze yaswelwa amandla okusindisa ngokulahlekelwa ukukhetheka kwezimpawu zokufana noKristu. Noma isisho sithi ucebile, ekugcineni uzoithola ulusizi, uhawukelwa, umpofu, uphuphuthaka, uhambaze. Lapho kukhona inkolo ehlofuzelayo nezenzo ezingalandeli izifundo zikaKristu, kanjalo unokukholwa okuyize. Inhliziyohlahlaniphile yakho kufanele ithwale ingcebo yobuhle noma ingcebo yalokhu okubi. Engcebini enhle yenhliziyohlahlaniphile eyamukela iqiniso izoletha izindaba ezinhle. Lowo ozishoyo ukuthi uyakholelwa futhi angakusebenzisi, uletha izinto ezimbi ezilimazayo, eidumazayo, futhi zichithe.

“Nguyakunxusa mzalwane wami, ungenzi njengomntwana ekuqondeni kwakho. Yenza njengomntwana ofunda Izwi likaNkulunkulu. UKristu uthi, ‘Ungibizelani Mina ngokuthi Mfundisi neNkosi, kodwa ungenzi izinto engizisho kuwe-na?’ Ukuvumelana kokuziphatha kwethu ngamazwi, ngokubekhezela, ngobumnene, kuzokwembula uKristu enhliziyohlahlaniphile. Zibeke ngokuqinile esandleni, mzalwane wami, uqhubekele phambili ngokuthulile, inyathelo ngalinye, ukuba ngumnqobi.”-*Manuscript Releases*, vol. 9, pp. 213, 214.

- b. UPawule uchaza kanjani ubizo lwakhe? Kolose 1:24, 25; 2 Korinte 11:28-30.**
-
-

“Zuza isibindi esivela kumava ompostoli uPawule. Wahlangabezana nezilingo eziningi. Ubeyisisebenzi esikhuthele, esihlala njalo sisohambeni, ngezinye izikhathi ezifundeni ezingangenisi izihambi, ngesinye isikhathi emanzini, kwisiphepho nesivunguvungu. Wawunzima kakhulu umsebenzi wakhe kunowethu, ngokuba ukuhamba ngalesosikhathi kwakungelula njenganamuhla. Kodwa uPawule akavumelanga lutho oluzovimbela umsebenzi wakhe.”-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 6, p. 1106.

a. Iyiphi indlela kuphela amaKristu angaba isibonelo ngayo ivangeli eliphilayo okufanele sabelane ngalo-na? Kolose 1:27-29.

“Ngamandla kaKristu, abesilisa nabesifazane bawanqamulile amaketanga emikhuba yesono. Badelile ubugovu. Ukuphatha kabi kuphenduke inhlonipho, odakwayo wasanguluka, owonakele wahlanzeka. Imiphefumulo ebithwele umafanekiso kaSathane iphendukele kumfanekiso kaNkulunkulu. Lenguquko kuyona kukhona isimanga sezimanga. Inguquko elethwa ngokusebenza kweZwi, iyimfihlakalo ejulile kakhulu yeZwi. Angeke saliqonda; singakholwa kuphela, njengokusho kweMibhalo, ‘nguKristu ophakathi kwakho, ithemba lenkazimulo.’” -*The Acts of the Apostles*, p. 476.

“Ukungcweliswa, abantu abazidelayo bayadingeka; abantu abangeke bagweme izilingo nokuziphendulela; abantu abanesibindi nabathembekile; abantu ezinhliziyeeeni zabo uKristu uyakhiwa ‘ithemba lenkazimulo,’ futhi lowo ngezindebe ezithintwe ngomlilo ongcwele ‘uzoshumayela izwi.’ Ukuswelakala kwezisebenzi ezinjalo emsebenzi kaNkulunkulu kuyadandalisa, namaphutha abulalayo, njengoshevu olunobuthi, angocolisa ukuziphatha futhi anqunde amathemba enxenye enkulu yesizwe soluntu.” -*Ibid.*, p. 507.

“Uma uKristu ekuwe ‘ithemba lenkazimulo,’ angeke waba nokuhlela ukubheka abanye, ukwembula amaphutha abo. Esikhundleni sokufuna ukubeka icala nokusola, kuzoba ngumsebenzi wakho ukusiza, ukubusisa, nokusindisa. Ekuphatheni labo abasephutheni, uzoqaphela umyalezo, Uzibheke ‘wena, funa uyengwe nawe.’ Galathiya 6:1. Uzokhumbula ngenqondo izikhathi eziningi uphambuka nokuthi kwabanzima kanjani ukuthola indlela elungile oke washiya ngaphambili. Angeke wasunduzela umzalwane wakho ebumnyameni, kodwa ngenhliziyo egcwele isihe uzomtshele ngengozi yakhe.

“Lowo obheka njalo esiphambanweni saseKhalvari, ekhumbula ukuthi izono zakhe yizona ezabeka uMsindisi lapho, angeke azama ukulinganisa izinga lesono eliqhathanisa naleso sabanye. Angeke akhwela esihlalweni sokwahlulela ukuletha ukusola maqondana nomunye. Angeke kwabakhona umoya wokugxeka noma ukuziphakamisa kwinxenye yalabo abahamba ethunzini lesiphambano saseKhalvari.” -*Thoughts from the Mount of Blessing*, p. 128.

IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

NgoLwesihlanu, Mfumu 30

- 1. Yisiphi isifiso sikaPawule ngabaseKolose okufanele sisisebenzise kithi namuhla?**
- 2. UMbhalo uphakamisa kanjani uKristu njengoMdali wezinto zonke?**
- 3. Kungani kubalulekile ukuqonda ngempela isimo semvelo kaKristu?**
- 4. Noma umuntu angavuma uKristu, kudembesela kuni okulimaza ukholo lweqiniso Kuye-na?**
- 5. Kungani uKristu ekithi, ithemba lenkazimulo, edingeka kakhulu namuhla?**

Umnikelo weSabatha Lokuqala

Sabatha, Lwezi 7, 2026

General Conference Publishing Department

Iminyaka edlule, kwiSabatha lokuqala enyangeni ka-Lwezi, nithe najwayela ukufunda ngesicelo kulesifundo esiqukethe izicaphuno ezivela kuMoya wesiProfetho maqondana nokwabiwa kwezincwadi, igcizelela kakhulu isidingo sokukhulisa lomsebenzi-ofanele ngempela futhi ofike ngesikhathi.

Namuhla, nokho, sithanda ukwabelana nani olunye ulwazi ukuze niqonde kahle ngalesidingo.

Iminyaka embalwa edlule, besishicilela *iZifundo zeSikolo seSabatha* ezingu 10 000 ngeEnglish (ezikhona kithi ngenani elikhulu ngokuvamile.) Okwamanje, lenani lehlile lafinyelela ku 2000 yezifundo, leyo ngeshwa lidinga umthamo obiza ngenani lesifundo esisodwa. Lokhu kwehlisa ukushicilela okwenzakalayo ngenxa yezifundo zamahala ezitholakala online lokhu, ngenye indlela, isibusiso esiza ngenxa yokuthuthuka kwe technology ngempela.)

Ngokulandela okwenziwa emhlabeni wonke, iGeneral Conference izigcinile i-app lapho ongafunda khona *Isifundo sesikolo SeSabatha* ngeviki ngolwimi lwakho. Okwamanje sinezilimi ezingu 22 kanye nama-links ongathola izifundo zamakota edlule ngolwimilwe-English. Uzothola le app kuGoogle Play Store naku Apple App Store ngaphansi kwamagama amathathu “Sabbath Bible Lesson,” “Church Hymnal,” noma “sdarm.” Le app inikeza futhi ukuba uzitholele izifundo zabantwana kanye nesifundo Seviki Lomkhuleko.

I website yethu “sdarm.org” ikunikeza ukuba ungene nakwizifundo ezedlule futhi manje ikunika *Izifundo ZeSikolo seSabatha* ngezilimi ezingu 53. Siyaqonda futhi siyathokoza kakhulu umsebenzi wokuzinikela owenziwa ngabahumushi bethu abazidelayo. Umsebenzi oku-online uletha ngokuphelele, yebo-futhi, siyambonga ngempela uNkulunkulu ngenxa yetechnology.

Nokho, kuyiqiniso futhi lokuthi lokhu akuthathi indawo yesidingo somhlaba wonke wezincwadi ezishicilelwayo.

I-Publishing Department yeGeneral Conference ithumela ngesihle *amaSabbath School Lessons, the Reformation Herald*, kanye ne-*Youth Messenger* kumaMission angu 30 emhlabeni wonke. Lokhu kusho ukuthi ukuthunyelwa kwazo ngomkhumbi, kanye nokushicilelwa kwazo, kuxhaswa umnikelo oqokelelwa njalo ngoLwezi minyaka yonke. Uma ubheka kancane, ungafinyelela esiphethweni sokuthi leminikelo ayinelisi zonke izindleko.

KuleSabatha, uyacelwa ukuba uhlele kahle umnikelo wakho wezifundo ngaphambili, ukuze ngawo singenza okungcono ukufinyelela kubantu abaningi ngesigijimi!

General Conference Education Department

Ukuphiwa Amandla NguMsindisi

IVESI LEKHANDA: “Ngakho-ke njengalokho nimamukele uKristu Jesu iNkosi, hambani nikuye: nigxilile, nakhiwe kuye, niqinise ekukholweni, njengalokho nifundisiwe, nivame ukubonga” (Kolose 2:6, 7).

Incwadi Enikeziwe: *Testimonies for the Church*, vol. 1, pp. 290-302.

“Unaso Isibonelo, uKristu Jesu; hamba ezinyathelweni Zakhe, futhi uzofaneleka ukugcwalisa noma yisiphi isikhundla ongase ubizelwe kuso ukuba usithathe.”-*Fundamentals of Christian Education*, p. 303.

1. UMTHOMBO OQINILE

NgeSonto, Lwezi 1

- a. Kulesikhathi lapho ulwazi oluningi lutholakala khona, kukuphi lapho uPawule esitshela ukuthi sifune izimpendulo-na? Kolose 2:1-4.

“Ngiyaliwe ukuthi ngithi kubantu bethu: Masilandele uKristu. Singakhohlwa ukuthi kufanele abe yisibonelo sethu ezintweni zonke. Singalahla ngokuphepha leyomicabango engatholakali kwizimfundiso Zakhe. Ngiyanxusa kubafundisi bethu baqiniseke ukuthi izinyawo zabo zibekwe endaweni yeqiniso eliphakade. Qaphela ukuthi ulandela kanjani ukuzizwa kwenhliziyo, ukubize ngokuthi uMoya Ongcwele. Abanye basengozini kulomcijo. Ngiyababiza ukuthi baqine ekukholweni, bakwazi ukunikeza wonke umuntu isizathu sethemba elikubo.”-*Testimonies for the Church*, vol. 8, p. 296.

“Sisondela ekupheleni kwesikhathi, futhi sikufuna manje, ukuba singahlangani nokunambitha kwelizwe nokwenza kwalo, kodwa ukuhlangana nomqondo kaNkulunkulu; ukubona ukuthi iMibhalo ithini, bese sihamba ngokuya ngokukhanya uNkulunkulu asiphe kona. Ukuthambekela kwethu, imikhuba nokwenza kwethu, akufanele kube nokukhetha. Izwi likaNkulunkulu liyisilinganiso sethu.”-*Ibid.*, vol. 5, p. 506.

- b. Yibuphi ubuhle obuyigugu umpostoli abutusa ngokukhethekile kumakholwa aseKolose? Kolose 2:5.
-

- a. Singakhula kanjani ngenyethelo ngaliye kulolonke uhambo lwethu lobuKrestu-futhi lokhu kungasiqondisa kanjani ekufundiseni isizukulwane esilandelayo? Kolose 2:6, 7.**

“Imfundo engcono enganikezwa abantwana nabasha yileyo ethwele ngokusondelene nekusasa, ukuphila okuphakade. Uhlobo lwemfundo enjalo kufanele lunikezwe ngabazali abesaba uNkulunkulu, othishela abazinikele, nebandla, ekugcineni abasha bazoba nentshiseko yokuhambisa ivangeli ekhaya noma kumazwe akude. Kufanele bafundiswe ngokukhuthala iqiniso leBhayibheli, ukuze babe izinsika ebandleni, amaqhawe eqiniso, agxilile naqinile ekukholweni. Kufanele bazi abakukholelwayo, ukuba namava anjalo ezintweni ezingcwele ukuze bangabi ngabakhapheli bamathemba angcwele. Abasha kufanele bafundiswe ngezimiso nangezibonelo ukuthi bazoba izithunywa zikaNkulunkulu, izithunywa zomusa, balungele ukukhuluma izwi elilungile nomsebenzi, kufanele babe isibusiso kulabo abalungele ukufa.”-*Fundamentals of Christian Education*, p. 231.

- b. Ngokubona umqondo wezwe namuhle, yimuphi umbono obalulekile okumele sihlale siwukhumbula? Kolose 2:8; 1 Korinte 3:19.**

“Ukuhlakanipha okukhulu kakhulu komhlaba, uma ungakhanyiselwanga ngeZwi likaNkulunkulu, uyadideka futhi ulahleke uzama ukuhlola indaba yolwazi nesambulo. UMdali nemisebenzi Yakhe zingaphezu kokuqonda kofayo, abantu baphetha ngokuthi njengoba bengakhoni ukuchaza imisebenzi nezindlela zikaNkulunkulu imbangela yezemvelo, umlando weBhayibheli awuthembekile. Abaningi bahlose ukungamfaki uNkulunkulu ekusebenziseni intando yenkosi namandla ekumiseni uhlelo emhlabeni, balulaza umuntu, isithunzi sezidalwa Zakhe, imicabango nemibono yosolwazi kungasenza sikhohlwe ukuthi umuntu uze ngamazanga amancane, kungesiso isimo esisuka ebulwaneni, kodwa kwisidalwa sesimo esiphansi kakhulu sesilwane. Babulale isithunzi ngoba bengavumi amandla amangalisayo kaNkulunkulu.

“UNkulunkulu ukhanyisile ukuqonda kwabantu, wathulula isikhukhula sokukhanya emhlabeni ngokutholwa ngobuciko nesayensi. Kodwa labo ababheka lokhu ngesimo somuntu bazofinyelela ngempela esiphethweni esingasihle. Ameva esiphambeko, ukungabaza, nokungakhohlwa ngokufihlekile njengesembozo sezingubo zolwazi nesayensi. USathane uhlele lendlela esobala yokuzusa imiphefumulo isuke kuNkulunkulu ophilayo, isuke kwiqiniso nenkolo.”-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 7, p. 906.

a. Kuyini esingakuqonda ngemvelo kaKristu? Kolose 2:9.

“Ukuhlangana okumangalisayo komuntu noNkulunkulu!... IZwi elingunaphakade lavunyelwa ukwenziwa inyama! UNkulunkulu waba umuntu! Kwaba ngukuzithoba okumangalisayo kangakanani.”-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments] vol. 5, p. 1127.

“UKristu ubengeke eze kulomhlaba ngenkazimulo ayeNayo ezigodlweni zezulu. Izidalwa zabantu abonayo bezingeke zabekezelela lombono. Wemboza ubungcwele Bakhe ngengubo yobuntu, kodwa akazange ahlukane nobungcwele Bakhe. UMsindisi ungumuntu ongcwele, weza ukuba eme ekhanda lesizwe esiwileyo, ukwabelana ngamava abo kusukela ebuntwaneni ukuya ebudodeni.

“UKristu akazange aguqule ubungcwele Bakhe ngobuntu; kodwa wembathisa ubungcwele Bakhe ngobuntu.

“Qaphela, uqaphele kakhulu ukuthi ugxila kanjani kwimvelo yobuntu bukaKristu. Ungambeki phambi kwabantu njengomuntu owayenaka isono. Ungu-Admu wesibili. U-Adamu wokuqala wadalwa ehlanzekile, isidalwa esingenasono, engenachashaza lesono kuye; ubengumfanekiso kaNkulunkulu. Ubengawa, kodwa wawa ngempela ngokweqa umthetho. Ngenxa yesono isizukulwane sakhe sazalwa sinefa lokunaka kokungalaleli. Kodwa uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu ezelwe yodwa. Wathathela Kuye imvelo yomuntu, futhi walingwa ngezindlela zonke njengoba imvelo yomuntu ilingwa. Ngabe wona; ngabe wawa, kodwa akuzange nangomzuzu owodwa kubekhona Kuye ukunaka okubi.”-*Ibid.*, p. 1128.

b. Kuyini okwembula amandla Akhe, amandla onke anele okusisindisa? Kolose 2:10.

“Ngokulalela Kwakhe yonke imiyalo kaNkulunkulu, uKristu wenzela abantu ukuhlengwa. Lokhu akwenziwanga ngokuya Ngokwakho ukuya komunye, kodwa ngokuthathela Kuye ubuntu. Kanjalo uKristu wanikela kumuntu ukubakhona Kwakhe. Ukuletha umuntu kuKristu, ukuletha isizwe esiwileyo kubunye bobungcwele, ngumsebenzi wokuhlenga. UKristu wathatha isimo semvelo ukuze abantu bangabamunye Naye njengoba Yena emunye noBaba, ukuthi uNkulunkulu angathanda umuntu njengoba ethanda iNdodana Yakhe ezelwe yodwa, ukuze abantu bangaba ngabahlanganyeli bemvelo engcwele, nokuthi baphelele Kuye.

“Lobunye bufanekiswa nobunye bomvini namagatsha. Umuntu ofayo uhlanganiswa nobuntu bukaKristu. Ngokukholwa imvelo yomuntu ifaniswa nemvelo kaKristu. Senziwe sabamunye noNkulunkulu kuKristu.”-*Selected Messages*, bk. 1, pp. 250, 251.

a. Chaza amava afanekisa umbhaphathizo. Luka 3:16; Kolose 2:11-13.

“Umbhaphathizo ungukulahla umhlaba okunesizotha. Labo ababhaphathizwe emagameni amathathu elikaBaba, eleNdodana, nelikaMoya Ongcwele, ekuqaleni kokuphila kwabo kobuKrestu bamemezela esidlangalaleni ukuthi badelile inkonzo kaSathane bangamalunga manje obukhosi basezulwini, abantwana beNkosi yasezulwini. Balalele izwi elithi: ‘Phumani kulo, bantu bami, nahlukane nalo.... ningathinti olungcolileyo lwabo.’-*Testimonies for the Church*, vol. 6, p. 91.

“INkosi ilinganisa abantu ngezulu, amabala esimilo, intando elikhuni, izithixo zobumina, ukuzitika ngokuthola amaphutha, inzondo, ukubanga, yikho okuvusa ulaka lukaNkulunkulu kufanele kususwe kubantu abagcina umyalo Wakhe... UNkulunkulu uzothumela ukusola nesixwayiso kubantu Bakhe njengoba beqhubeka bephila kulomhlaba.”-*Steps to Christ*, Ibid., vol. 4, p. 180.

b. Kuyini okufanele sikuqonde ngezinkonzo ezabethelwa esiphambanweni? Kolose 2:14, 15.

“Lapho ukwakhiwa kwetabanakeli sekuphelile [iNkosi] yakhuluma noMose isefwini lenkazimulo ngaphezu kwesihlalo somusa, wamunikeza yonke imiyalo maqondana nohlelo lweminikelo nesimo sokukhonza okufanele sigcinwe endaweni engcwele. Imithetho yemikhosi yanikezwa uMose, futhi ngaye lemiyalo yabhalwa encwadini. Kodwa Imithetho Elishumi eyakhulunywa eSinayi yabhalwa nguNkulunkulu ngoKwakhe ezibhebheni zamatshe, yagcina ngobungcwele emphongolweni.

“Kukhona abaningi abazama ukuhlanganisa lezinhlelo ezimbili, besebenzisa amazwi akhuluma ngomthetho wemikhosi ukufakazela ukuthi umthetho wokuziphatha uthe wachithwa; kodwa lokhu ukuhlanganekezelwa kweMibhalo. Umahluko phakathi kwezinhlelo ezimbili ubanzi futhi usobala. Uhlelo lwemikhosi lwenziwa njengophawu olukhomba kuKristu, kumhlathshelo Wakhe nobupristi Bakhe. Lomthetho wenkambiso, ngeminikelo yayo nezinkonzo, kwakufanele wenziwe ngamaHeberu kuze kufinyelele kwisikhathi lapho okoqobo ngokufa kukaKristu, iWundlu likaNkulunkulu elisusa izono zezwe. Ngakho-ke yonke iminikelo yemihlatshelo kwakufanele ipheliswe. Yilomthetho uKristu ‘awususa.... endleleni, wawubethela esiphambanweni.’ Kolose 2:14. Kodwa maqondana nemiThetho Elishumi umhlabeleli uthi, ‘Kuze kube phakade, Jehova, izwi Lakho limi liqinile ezulwini.’ Amahubo 119:89.”-*Patriarchs and Prophets*, pp. 364, 365.

- a. Ngokuphambene neSabatha losuku lwesikhombisa emiThethweni Elishumi (Eksodusi 20:8-11), yimuphi umahluko wegama elithi “sabatha” elitholakala kwabaseKolose 2:16, 17? Chaza umehluko. Levitiku 23:37-39; Heberu 10:1-4.

“UPawule wazimisela ukuqondisa izingqondo zabalaleli Bakhe kulowo onguMhlatshelo omkhulu wezono. Wakhomba imihlatshelo eyizithunzi zezinto ezinhle ezizayo, waletha uKristu njengomnikelo woqobo yemikhosi yonke-umgomo okhonjwa njengomthombo kuphela wokuphila nethemba lomuntu owileyo. Amadoda angcwele asendulo asindiswa ngokukholwa egazini likaKristu. Lapho bebona usizi lokufa kwezilwane zomhlatshelo babhekela phambili isikhathi sezinsuku eziphakade zeWundlu likaNkulunkulu elizosusa izono zezwe.”-*The Acts of the Apostles*, p. 424.

- b. Nikeza izibonelo zalokhu uPawule axwayisa ngazo abaseKolose? Kolose 2:18-23.

“Abafundisi benkolo yemimoya bafinyelela ekujabuleni, ngendlela ethakathayo ukukukhohlisa, futhi uma ulalela izinganekwane zabo ukhohliswa isitha sokulunga futhi uzolahlekelwa ngempela numvuzo wakho. Lapho umfutho oweleka ngesithunzi womkhohlisi ukunqoba, udlisiwe, futhi umfutho wawo obulalayo wokuheha ochitha ukholo lwakho kuKristu oyiNdodana kaNkulunkulu, futhi uyayeka ukweyamela ekufanelekeni kwegazi Lakhe. Labo abadukiswa yilolwazi bakhohliswa umvuzo wabo ngenkohliso kaSathane. Beyamela ekufanelekeni kwabo, basebenzise ukuzithoba ngokuvuma, bazimisele nokwenza umhlatshelo, bazonakalise ngokwabo, banikele izingqondo zabo kwinkolo ephakeme yobuthutha, bamukele imibono eyinhlekisa ngalabo abakholelwa ukuthi abangani babo abafile. USathane uphuphuthekise kakhulu amehlo abo waphendukezela ukwahlulela kwabo ukuze bangaqondi ububi. Bese belandela izeluleko eziqondiwe kungathi zivela kubangane babo abafile manje bayizingelosi emkhathini ophakeme.”-*Testimonies for the Church*, vol. 1, pp. 297, 298.

IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

NgoLwesihlanu, Lwezi 6

1. Kungani kungukuhlakanipha kimi ukulondoloza izifundo engzifunda emiBhalweni?
2. Yisho ezinye izingozi ezicashile esibhekene nazo lapho siphishekela imfundo ephakeme.
3. Kungayiphi indlela yokwazi imvelo kaKristu kungasenza abantu abangcono?
4. Kuyini okufanele ngikuqonde ngabaseKolose 2:14, 15?
5. Hlobo luni lwesabatha uPawule akhuluma ngalo kwabaseKolose 2:16, 17?

Ukucabanga Ngephakade

IVESI LEKHANDA: “Nakani okwaphezulu, ninganaki okusemhlabeni” (Kolose 3:2).

Izincwadi Ezinikeziwe: *Testimonies for the Church*, vol. 4, pp. 92-94, 350-359.
Messages to Young People, pp. 102-118.

“Uma ukufaneleka nekhono lakho bekusetshenziswa kakhulu ekusindiseni imiphefumulo, nasekusabalaliseni iqiniso kwabasebumnyameni, njengoba kunjalo ukuthola inzuzo yokwandisa impahla yakho emhlabeni, ubungaba nezinkanyezi eziningi kumqhele wokuthokoza kwakho embusweni wenkazimulo.”-*Testimonies for the Church*, vol. 4, p. 358.

1. UKUGCINA UKUQONDISA

NgeSonto, Lwezi 8

a. Kukuphi lapho kufanele siqondise khona bonke abazibeka kuKristu? Kolose 3:1.

“Sivuswa noKristu. UKristu ungukuphila kwethu. Ngomusa Wakhe nangothando oluthobekile simenywa njengabakhethiwe, abatholiwe, abaxolelwe, nabalungisisiwe. Ngakho-ke masibonge iNkosi.”-*Selected Messages*, bk. 2, p. 245.

“Umina akufanele kuboniswa naye. Ukuzigabisa, ukuzithanda, ubugovu, ukuhaha, umhawu, ukuthanda ilizwe, inzondo, ukucabangela, umona, ukuzindla okubi, konke makuthotshiswe futhi kunikelwe ingunaphakade. Lapho uKristu ebonakala, angeke eze ukulungisa lobu bubi abesenikeza ukufaneleka kokuziphatha ekuzeni Kwakhe. Lamalungiselelo kumele enziwe ngaphambi kokuza Kwakhe. Kufanele kube yisihloko somcabango, sokufunda, nokubuza okuqinisekile, Singenzenjani ukuba sisindiswe-na? ukuziphatha kwethu kuzobanjani ukuze sibonakale sivunywa nguNkulunkulu?

“Lapho ulingeka ukuba ukhononde, ujezise, nokuzitika kokuncengwa, ulimaza labo abaseduze kwakho, ngokwenzenjalo ulimaza umphefumulo wakho, Maye! Vumela ukubuza okujulile, okuqinisekile, ngokushiseka okuvela emphefumulweni wakho, Ngizokuma yini ngingenalo iphutha phambi kwesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu-na? Yilabo kuphela abangenasici abazoba kuleyondawo. Akekho ozoguqulelwa ezulwini lapho izinhliziyi zabo zisangcwele ukungcola komhlaba. Konke ukusilela kokuziphatha kwesimilo kufanele kwelashwe kuqala, lonke ichashaza lizosuswa ngegazi likaKristu elihlanzayo, konke okungabukeki, izimpawu ezingathandeki zesimilo mazingqotshwe.”-*Testimonies for the Church*, vol. 1, p. 705.

- a. Yikuphi ukukhetha ngamabomu okufanele sikhale sikwenza ukuze siqiniseke insindiso yethu? Kolose 3:2, 3; Isambulo 3:11.
-

“Izingqondo zethu zamukela izinga lezinto imicabango yethu egxila kuzo, futhi uma sicabanga izino zomhlaba, sizohluleka ukwamukela lokhu okucindezelwa yizulu. Sizosizakala kakhulu ngokucabanga ngomusa, ubuhle, nothando lukaNkulunkulu; kodwa siqinisa ukulahlekelwa okukhulu ngokuhlala phezu kwezinto zomhlaba nezesikhashana. Sivumela usizi nokunaka nokudideka kuthahekise izingqondo zethu emhlabeni, futhi sikhulisa ivukuzi silenze intaba....

“Izinto zesikhashana akufanele zithathe konke ukunaka kwethu, noma zilibazise izingqondo zethu ize imicabango yethu isuke ngokuphelele emhlabeni nokomhlaba. Kufanele sifundise, siqeqeshe, sifundise ingqondo ukuze icabange indlela yezulu, ukuze sigxile ezintweni ezingabonwa neziphakade, ezizokuhlaniswa ngombono wesimoya. Kungenxa yokubona Yena ongabonwayo esingakwazi ukuthola amandla engqondo namandla omoya.”-*The SDA Bible Commentary*, [E. G. White Comments], vol. 6, p. 1100.

- b. Yiliphi ilungelo eliphakeme elinikezwa wonke umlandeli kaKristu, futhi singalibamba kanjani ngenkuthalo? Kolose 3:4; 1 Johane 3:2, 3.
-

“Ukuphila kwethu kufanele kufihleke kuKristu ngoNkulunkulu; kepha ‘akukabonakali esiyakuba yikho,’ Siyazi ukuthi nxa ebonakaliswa, ‘siyakuba njengaye; ngokuba siyakumbona njengoba enjalo.’ Isithunzi senkosana yesimilo soMkrestu sizokhazimula njengelanga, nemisebe yokukhanya evela ebusweni bukaKristu izobonakala kulabo abathe bazihlanza njengoba Yena ehlanzekile. Ilungelo lokuba ngamadodana kaNkulunkulu lithengiwe ngokushibhisa, ngisho ngomhlatshelelo wakho konke esinakho, ngisho nokuphila imbala.

“Mzalwane othandekayo, kufanele ubhekise ubuso bakho ngokulandela inhliziyi kaNkulunkulu. Lapho abanye bephenduka ukuba bakwenze noma basho ukuthi akuhambisani nomthetho wesilinganiso soMkrestu kungabi ukuzithethelela kwakho. Kufanele ume phambi koMahluleli welizwe, kungesikho ukuphendulela omunye, kodwa ngokwakho uqobo. Sinokuziphendulela umuntu ngamunye, futhi akukho balana lesimilo elizoxolelwa kancane ngesono sethu; ngoba uKristu usinikile esimilweni Sakhe isibonelo esiphelele, ukuphila okumsulwa....

“Izilingo zizothululwa phezu kwethu, ngoba kufanele sivivinywe ngesikhathi somusa emhlabeni. Lokhu ukuqinisa kukaNkulunkulu, isambulo sezinhliziyi zethu. Asikho isono ngokuthola izilingo; kodwa isono siza ngoba isilingo sinikelwe kuso.”-*Testimonies for the Church*, vol. 4, pp. 357, 358.

- a. Ngokunamathela kuKristu, kuyini okufanele sikujabhise, okungukuthi., sikubulale-futhi lokhu singakwenza kanjani? 1 Peter 2:11; Kolose 3:5-8.**
-

“Umpostoli uyasinxusa ukuba siyeke inkanuko yenyama, elwa imelene nomphefumulo. Yonke inkanuko yokudla ephambukile iphenduka inkanuko emelene nawe. Inkanuko yokudla izitika ngokulimaza amandla omzimba ibangele nokugula komphefumulo. Inkanuko umpostoli akhuluma ngayo ayiqondisi ukwephulwa komthetho wesikhombisa, kodwa ukuzitika ngonambitho olunciphisa amandla omzimba inkanuko emelene nawe....

“Udinga ukukhulisa ukuzibamba. Isifundo engabe wasifunda ebusheni bakho ngabe manje uyingcwethi. Zifundise ukuba ufe kumina, ukuletha intando yakho ngaphansi kwentando kaKristu.”-*Testimonies for the Church*, vol. 4, p. 215.

“Lapho amaKrestu amukela isifungo sombhaphathizo wazo, usizo olungcwele luyathenjiswa kuye. UBaba, iNdodana, noMoya Ongcwele balungele ukusebenza ngenxa yabo. UNkulunkulu ubeka ezwini Lakhe amacebo ezulu, ukuba abe ngumnqobi. Amandla akhe mancane; kodwa uNkulunkulu unamandla Onke, noNkulunkulu ungumsizi wakhe. Nsukuzonke kufanele alethe ukuswela kwakhe esihlalweni somusa. Ngokukholwa nethemba, ngokuziveza ngokwakhe indlela iyanikezwa, angaba umnqobi odlulele.”-*Our High Calling*, p. 157.

- b. Njengoba inhliziyo yenziwa yabayintsha, ilungisa kanjani amazwi ethu? Kolose 3:9, 10.**
-

“Yonke into eyenziwa nguMkrestu kufanele ibesobala njengokukhanya kwelanga. Iqiniso elikaNkulunkulu; inkohliso, ngezinhlobo zonke ezininginingi, ivela kuSathane; futhi noma ngubani nangayiphi indlela asuke endleleni eqondile yeqiniso uyazikhaphela ngokwakhe emandleni omubi. Nokho akukona ukukhanya noma into elula ukukhuluma iqiniso njengoba linjalo. Asikwazi ukukhuluma iqiniso ngaphandle kokuthi silazi iqiniso; futhi kukaningi kanjani sicabangela phambili imibono, ubandlululo lwengqondo, ulwazi olungaphelele, amaphutha ekwahluleleni, avimbelela ukuzwisisa okuqondile indaba leyo okumele siyixazulule! Angeke sikhulume iqiniso ngaphandle kokuthi izingqondo zethu ziholwa njalo yiLowo oyiqiniso.”-*Thoughts from the Mount of Blessings*, p. 68.

“USathane wajabulela ukuthi uphumelele ukwehlisa umfanekiso kaNkulunkulu kumuntu. UJesu weza ukubuyisela kumuntu umfanekiso woMdali wakhe. Akekho omunye ngaphandle kukaKristu ongenza kabusha isimilo esonakaliswe yisono. Weza ukuchitha amademoni alawula intando. Weza ukuba asikhuphule sisuke othulini, ukulungisa isimilo esingcolisiwe ukulandela isimilo Sakhe esingcwele, asenze sibesihle ngenkazimulo Yakhe.”-*The Desire of Ages*, pp. 37, 38.

a. Chaza isigijimi sikaNkulunkulu ngesizwe sonke soluntu asidalile-na? Izenzo 17:24, 26, 27; Kolose 3:11.

“UKristu wabona umuntu eshone esonweni nasekonakaleni. Ubazi ukuthi abesilisa nabesifazane bonakalisiwe futhi balahlekelwe yisithunzi, nokuthi bathokozela kakhulu ububi obenyanyekayo. Izingelosi zamangala ukuthi uKristu uzothwala okubonakala njengomsebenzi ongenathemba. Zamangala ukuthi uNkulunkulu angabekezelela isizwe esonakele kangaka. Zazingaboni indawo yothando. ‘Kodwa uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi kodwa abe nokuphila okuphakade,’ Johane 3:16.

“UKristu weza kulomhlaba ephethe isigijimi somusa nokuthethelelwa. Wabeka isisekelo senkolo leyo amaJuda nabeZizwe, abamnyama nabamhlophe, abakhululekile nezigqila, bahlanganiswa ndawonye ngobuzalwane obubodwa obuvamile, zibhekwa njengezilinganayo phambi kukaNkulunkulu. UMsindisi unothando olungenamkhawulo ngesisidalwa sonke somuntu. Ngamunye ubona ububanzi bokwenza ngcono. Ngamandla angcwele nethemba ujabulela labo anikele ukuphila Kwakhe. Ngamandla Akhe bangaphila ukuphila okunothile ngemisebenzi emihle, begcwele amandla oMoya.”-*Testimonies for the Church*, vol. 7, p. 225.

b. Yisho ezinye izindlela amazwi nezenzo zethu ezingaveza ngayo izinga eliphezulu lobuKrisu kunalokho esikubonayo. Kolose 3:12-14.

“Uma isono sisobala kumzalwane, ungatsheli omunye, kodwa ngothando lomphefumulo womzalwane, ngenhliziyo egcwele isihe, ngezitsha zomusa, mutshele isiphambeko sakhe, bese ushiya indaba yakhe eNkosini. Uwenzile owakho umsebenzi. Akufanele udlulise isigwebo.

“Yenziwe yabalula kakhulu indaba yokuqinisa umzalwane, ukumgxeka, ukumbeke ngaphansi kokulahlwa. Kukhona ukushisekela uNkulunkulu, kodwa makungabi ngokuya ngolwazi. Uma ngamunye angabeka inhliziyo yakhe ukuze, lapho abazalwane behlangana ndawonye ukulalela ubufakazi babo buzolungela futhi kuvela kumphefumulo ogcwele, nabantu abakhona abangakholwa yiqiniso bazosuswa. Ukubonakaliswa koMoya kaNkulunkulu kuzokhuluma ezinhliziyweni zabo ukuthi ningabantwana bakaNkulunkulu. Uthando lwethu omunye komunye kufanele lubesobala kubo bonke. Ngakho-ke luzozisho. Luzoba nomfutho....

“Thatha umsebenzi umuntu ngamunye, shisekela ukuba uphenduke; emva kwalokho konke okungalungile makuqondiswe, bese uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakwamukela. Ungahambi ukhala, kodwa yamukela uNkulunkulu ngokwezwi Lakhe.”-*Ibid.*, vol. 1, 165.

- a. Ezweni namuhla elinobutha, yisho ezinye zezimfanelo eziqabulayo zempilo yeqiniso kuKristu. Kolose 3:15-17.

“Ngokukhohlwa ubunzima bethu nezinkinga, masidumise uNkulunkulu ngethuba lokuphila ngenkazimulo yegama Lakhe. Vumela isibusiso esisha usuku nosuku olusha sivuse indumiso ezinhliziyweni zethu ngalezimpawu zothando Lwakhe olunakelelayo. Uma uvula amehlo akho ekuseni, mbonge uNkulunkulum ukuthi ukugcinile ubusuku bonke. Mbonge ngokuthula Kwakhe enhliziyweni yakho. Ekuseni, emini, nasebusuku, vumela ukubonga njengamakhama amnandi kwenyukele ezulwini.

“Uma umuntu ekubuza ukuthi uzizwa kanjani, ungazami ukucabanga okuthize okudabukisayo ozokusho ukuze uthole ukuhawukelwa. Ungakhulumi ukuswela kwakho ukholo nosizi nokuhlupheka kwakho. Umlingi uyathokoza ukuzwa amazwi anjalo. Uma sikhuluma ngezihloko ezifiphele, sidumisa uSathane. Akufanele sigxile ezandleni zamandla amakhulu kaSathane ukuze asinqobe. Kangingi sizinikela ezandleni zakhe ngokukhuluma ngamandla akhe. Endaweni yalokho masikhulume ngamandla amakhulu kaNkulunkulu sihlenganise bonke ubumnandi bethu noBakhe. Khuluma amandla angelinganiswe kaKrestu, sikhulume ngenkazimulo Yakhe. Izulu lonke linentakazelelo ngosindiso lwethu. Izingelosi zikaNkulunkulu, izinkulungwane phezu kwezinkulungwane, nezinkulungwane ezilishumi eziphindwe kashumi, ziyathunywa ukusiza labo abazoba yizindlalifa zosindiso. Ziyasilonda ukuba simelane nobubi zibuyisele emuva amandla obumnyama lawo afuna imbhuhiso yethu. Asinaso yini isizathu sokubonga umzuzu nomzuzu, sibonge nalapho kukhona ubunzima obubonakalayo endleleni yethu?.”-*The Ministry of Healing*, pp. 254, 254.

“Phezu kwamakhanda abanqobi, uJesu ngesandla Sakhe sokudla ubeka umqhele wenkazimulo. Ngamunye kukhona umqhele, uthwele igama lakhe ‘elisha,’ [Isambulo 2:17], nombhalo, ‘ubungcwele eNkosini.’ Esandleni ngasinye kubekwa isundu nehabhu elikhazimulayo. Besekuthi, njengoba izingelosi eziholayo zishaya inodi, zonke izandla zishaya izintambo zehabhu ngokuthinta okunobuciko, okuvusa ingoma izwakale njengokukhala komnyuzi omnandi nonothile.”-*The Great Controversy*, p. 646.

IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

NgoLwesihlanu, Lwezi 13

1. Kuyini okuvame ukukhombisa indlela esinganamathela ngayo emhlabeni?
2. Ngingabeka kanjani kangcono ukunaka kwami ekulungiseleleni uJesu?
3. Kungani uJesu efuna ngihlale endaweni ephakeme ngomcabanga nangesenzo?
4. Kungani ingxonxo ephathelene nokuhlukaniswa kwezinhlanga ingenamsebenzi kumaKristu eqiniso?
5. Ngingabuveza kanjani ubumhlophe, nobumsulwa beZulu ngezwi noma ingoma?

Umkhaya Kanye Nengaphesheya

IVESI LEKHANDA: “Maniphathane ngobumnene, nihawukelane, nithethelelane, njengolokhu noNkulunkulu wanithethelela ngoKristu” (Efesu 4:32).

Incwadi Enikeziwe: *A Solemn Appeal*, pp. 376-389.

“Kufanele sibe noMoya kaNkulunkulu, kungenjalo angeke saba nokuvumelana ekhaya....Uma omunye ephambuka, omunye uzombonisa ngokubekezela okufana nokukaKristu futhi angadonseli kude naye”-*The Adventist Home*, p. 118.

1. IZICELO EZIQONDE KWABESIFAZANE

NgeSonto, Lwezi 15

a. Owesifazane angathuthukisa kanjani ubuhlobo obuhle emshadweni wakhe? Izaga 14:1; Efesu 5:33 (isigaba sokugcina); Kolose 3:18.

“Ubudlelwano phakathi komyeni nenkosikazi bungcwele kakhulu fuhi buqinisile.”-*Manuscript Releases*, vol. 6, p. 43.

“Amadoda amaningi aphelela kulamazwi, ‘Abafazi mabathobele amadoda abo,’ kodwa sizofunda isiphetho somyalo ofanayo, othi, ‘Kungathi kukuyo iNkosi.’

“UNKulunkulu ufuna ukuthi umfazi agcina ukwesaba nenkazimulo kaNkulunkulu njalo phambi kwakhe. Ukuthobela ngokuphelele makwenzelwe iNkosi uJesu Kristu kuphela. Lowo amthenga njengomntwana Wakhe ngenani elingapheli lokuphila Kwakhe. UNkulunkulu umphile unembeza, angeke alwisane nawo ngokwesaba isijeziso. Ubuyena bakhe angeke balinganiswa nalobo bendoda yakhe, ngoba uthengiwe nguKristu. Kuyiphutha elikhulu umcabango wokuthi ngenkonzo engaboniyo kufanele enze ngqo okwenziwa yindoda yakhe ezintweni zonke, ngoba uyazi ukuthi ngokwenzenjalo, ukulimala kuzosebenza emzimbeni wakhe nasemoyeni wakhe, uthe wahlengwa ebugqilini bukaSathane. Kukhona oyedwa ome ngaphezu kwendoda kowesifazane; nguMhlengi wakhe, nokuthobela indoda yakhe kufanele kunikelwe njengoba uNkulunkulu eyalezile- ‘kungathi kukuyo iNkosi.’-*The Adventist Home*, p. 116.

“Umfazi, uma enomoya kaKristu, uzoqaphela amazwi akhe; uzolawula umoya wakhe, uzothobela indoda, kodwa angeke azizwe eyisigqila, kodwa umlingani komyeni wakhe.”-Ibid., p. 118.

- a. **Abesifazane abesaba uNkulunkulu bangazazisa kanjani izimiso Zakhe zokuziphatha-futhi bakhuthazeke emindenini yabo namabandla ukwenza kanjalo-na? 1 Peter 3:1-6; Filiphu 2:14.**

“Kukhona izithombe ezithokozelwa emindenini yethu nasemabandleni ethu namuhla ezinomfutho ofanayo phezu kwethunjengoba kwenzeka ngethole legolide kulrayeli. Ingabe abantu bazozihlola-na? Ingabe abelusi bazokwenza umsebenzi wabo ngokwethembeka njengabalindi bakaNkulunkulu? Ingabe bazobona ukuthi yiziphi izithombe abazithokozelayo? Ingabe wonke osesimeni esifanele angafunda ukuthi bakhona abantu abakhethekile nabahlukile ngendlela abagqoka ngayo, abakhuluma ngayo, abaziphatha ngayo, bevela emhlabeni? Ingabe bazobona ukukhonzwa kwezithombe njengezincane kunezindaba ezinkulu, futhi nalokhu okubahlukanisa noNkulunkulu? Uma ukukhuzwa kulethwa kubo baba namahloni, kodwa abazisol.”-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 7, p. 941.

“Ukukhanga amehlo, ukugqoka izingubo zenana elikhulu kaningi zikhuthaza inkanuko enhliziyweni yalowo oyimbethe futhi zivuse inkanuko embi enhliziyweni yalowo obukayo. UNkulunkulu uyabona ukuthi ukonakala kwesimilo kaningi kuhamba phambili ngokuzitika kokuzigabisa nezambatho eziyize.”-*Counsels on Health*, p. 602.

“Imfashini yisona sithixokazi esibusa umhlaba ongaphandle, futhi kaningi singena ngobuqili phakathi kwebandla. Ibandla kufanele lenze izwi likaNkulunkulu isilinganiso salo, nabazali kufanele bacabange ngokuhlakanipha ngalesihloko. Uma bebona abantwana babo betshekela ekulandeleni imfashini yomhlaba, kufanele benze, njengo-Abrahama, baqinise ekuyaleni indlu yabo emva kwabo. Esikhundleni sokubahlanganisa nomhlaba, babahlanganise noNkulunkulu.”-*Tesimonies for the Church*, vol. 5, p. 499.

“Ukuvikela abantu bakaNkulunkulu kumfutho owonakalaisayo welizwe, nokukhulisa impilo yomzimba nokuziphatha, imvuselelo yokwembatha yangeniswa phakathi kwethu. Beyingaqondanga ukuthi ibe yijoka lobugqila, kodwa isibusiso.”-*Ibid.*, vol. 4, p. 634.

- b. **Kuyini okuqinisa ibandla ukuze liphakamise imikhuba yokuhlonipha uNkulunkulu futhi livikele ukuziphatha okuhle ezweni elingamesabi uNkulunkulu? Thithu 2:1-5; Mathewu 5:8.**

“Bodade, kufanele nidede kukho konke okubonakala kukubi. Kulesikhathi esihamba ngokushesha, esinuka ukonakala, aniphephanga ngaphandle kokuthi nihlala nivikelekile. Ukulunga nokuzithoba kunqabile. Nginyancenga nina balandeli bakaJesu Kristu, enenza ukubizwa kwenu okuphakeme nokuphezulu, ukuba nithokozele leligugu, itshe elinqabile, lokulunga. Lokhu kuzovikela ukuzithoba.”-*A Solemn Appeal*, p. 151.

a. Ngaphambi kokuzibophela emshadweni, kuyini owesilisa okumele akuqonde-na? Kolose 3:19.

“Uma amadoda efuna ukuthotshelwa okuphelele kumakhosikazi abo, bethi owesifazanane akanalo izwi noma intando emndenini, kodwa kufanele anikele ukuzithoba okuphelele, babeka amakhosikazi abo endaweni ephambene neMibhalo. Uma bechaza uMbhalo ngalendlela balwisana nohlelo lwesimiso somshado. Lokuchazwa kwenziwe kwabalula ukuze basebenzise umyalo ngokungakhathali, leli akulona ilungelo labo. Kodwa siqhubeka kufunda levesi, ‘Madoda, thandani omkenu, ningabathukuthelisi.’ Kungani indoda ithukuthelisa unkosikazi wakhe-na? Lapho indoda ithola isiphambeko futhi inkosikazi inamaphutha amaningi, ubuhlungu benhliziyo angeke balapha lobubi....

“Akulona uhlelo lukaNkulunkulu lokuthi indoda ilawule, njengenhloko yomkhaya, lapho yona ngokwayo ingathobeli uKristu. Kufanele ibengaphansi komyalo kaKristu ukuze ifanekise ubudlelwano bukaKristu ebandleni.”-*The Adventist Home*, pp. 116, 117.

“Amadoda amaningi athanda amakhosikazi abo, kodwa anomina kakhululu ukuthi alubonakalise. Anesithunzi samanga nokuzigabisa, futhi angeke abonise uthando lwabo ngamazwi nangezenzo. Kukhona amadoda amaningi angeke azi ukuthi enhliziyweni yenkosikazi ilambe kangakanani ukuzwa amazwi amnene okubonga nothando. Bangcwaba labo ababathandayo phambi kwabo bakhononde ngokuhlela kukaNkulunkulu ngokubaphuca abalingani babo, lapho, bangabheka impilo ilingaphakathi labalingani, bangabona isizathu sendlela yabo yokufa kungakabi yisikhathi.”-*Testimonies for the Church*, vol. 3, pp. 527, 528.

b. Kuyini okukhuthaza uthando lweqiniso endodeni maqondana nomkayo-nokuthi ukuxhumana noNkulunkulu kuthinta kanjani isimo sokuziphatha kwakhe-na? Efesu 5:25, 33 (isigaba sokuqala); 1 Peter 3:7.

“Amadoda kufanele afunde isibonelo afune nokwazi ukuthi luchazani uphawu olutholakala kuEfesu, ubudlelwano uKristu abugcinile ebandleni. Indoda kufanele ibe nguMsindidi ekhayeni lakhe. Ingabe uzokuma ekuthembekeni kwakhe, ubudodeni abunikwe-uNkulunkulu, efuna njalo ukuphakamisa inkosikazi yakhe nabantwana-na? Ingabe izophefumula ngakuyo umoya, omnandi nohlanzekile-na? Angeke yini ngesineke akhulise uthando lukaJesu, alwenze isimiso esiqinile ekhayeni lakhe, njengoba ezoqinisa izimfuno zakhe zegunya-na?

“Vumela yonke indoda nobaba afunde futhi azwisise amazwi kaKristu, kungabi ngendlela yohlangothi olulodwa, ngokugxila kakhulu phezu kwesihloko senkosikazi kumyeni wakhe, kodwa ngokukhanya kwesiphambano saseKhalvari, afunde ngesikhundla sakhe kwisiyinqi somkhaya”-*The Adventist Home*, p. 117.

a. Chaza umsebenzi wethu kubazali bethu. Duteronomi 5:16; Kolose 3:20.

“Abantwana abangahloniphi futhi bengalaleli abazali, bedelela ukuqondisa kwabo nezeluleko, angeke babe nesabelo emhlabeni owenziwe busha. Umhlaba omusha ohlanziwe angeke waba yindawo yabahlubuki, abangalaleli, indodana noma indodakazi engabongiyo.”-*The Adventist Home*, p. 295.

“Asikho isikhathi lapho abantwana kufanelele babambe inhlonipho nothando kubaba noma umama wakhe. Uma abazali besaphila, kufanele kube yintokozo yabantwana ukubahlonipha nokubalalela. Kufanele babanikeze konke ukwenama nokukhanya ekuphileni kwabazali asebekhulile, ngendlela abangenza ngayo....

“Umcabango wokuthi abantwana bayasiza ekududuzeni abazali babo ngumcabango onelisayo ekuphileni konke, futhi ngokukhethekile kuzobalethela injabulo bona ngokwabo lapho bedinga uzwelo nothando. Labo izinhliziyi zabo ezigcwele uthando bazobheka ilungelo lokwenza bushelelezi indlela yabazali babo yokuya ethuneni ngelungelo elingelinganiswe. Bazojabulela ukuthi babenenxenye yokuletha induduzo nokuthula ezinsukwini zokugcina zabazali babo ababathandayo.”-*The Review and Herald*, Lwezi 15, 1892.

b. Njengabazali, sinxuswa kanjani ukuthi senze umsebenzi wabantwana bethu kithina ubelula kakhulu-na? Kolose 3:21; Efesu 4:32; 6:4.

“Abasha abanalo ulwazi futhi abanawo amava, nokuthanda iBhayibheli namaqiniso alo angcwele angeke kwazifikela ngempela. Ngaphandle kokuthi ubuhlungu obukhulu buyenzeka ukuba bakhe umudwa wokubavikela kumacebo kaSathane, bangaphansi kwezilingo zakhe futhi balethwa ebugqilini bakhe ngentando yakhe. Eminyakeni yokuqala abantwana kufanele bafundiswe izimfuno zomthetho kaNkulunkulu nokukholwa kukaJesu uMhlengi wethu ukusihlanza kumabala esono....

“Abantwana bangabunjwa kahle besebancane. Kodwa iminyaka iyadlula lapho izinhliziyi ezithambile nezamukelayo zikucindezela iqiniso, kodwa sincane isikhathi esinikezelwa kwimvelo yokuziphatha. Izifundo eziyigugu zeqiniso nomsebenzi kufanele kufakwe ezinhliziyweni zabo nsuku zonke.”-*Testimonies for the Church*, vol. 5, p. 329.

“Lapho obaba nomama bebona ukuthi abantwana babalingisa kanjani, bazoqaphela kakhulu wonke amazwi nezenzo zabo.”-*Sermon and Talks*, vol. 1, p. 325.

“Bayajabula abazali ukuphila kwabo kuyisibonelo sobungcwele beqiniso, ukuze izithembiso nemiyalo kaNkulunkulu ingavuswa kumntwana ngokubonga nenhlonipho; abazali labo ubumnene babo nokulunga nokubekezela kuchaza kumntwana uthando nokulunga nokubekezela kukaNkulunkulu.”-*Prophets and Kings*, p. 245.

- a. **Kungakhathaliseki ubukhulu besikhundla somsebenzi esikuwo noma isikhundla esinaso emphakathini, yimuphi umbono oshukumisa isimo sengqondo yobuKristu beqiniso kithi-na? Kolose 3:2-4; 4:1, 5.**

“Kukhona ulwazi lwendlela yomsebenzi othobekile, uma bonke bangabheka kanjalo, bangabona ubuhle emsebenzini. Inhliziyo nomphefumulo kufanele zingeniswe emsebenzini noma yimuphi; ngakho-ke kuzobakhonna uthando nokweneliseka.... Kukhona inhlonipho kulolonke izinga lomsebenzi okumele wenziwe. Vumela umyalo kaNkulunkulu wenziwe isilinganiso sesenzo futhi uhlonipheke ungcwelise wonke umsebenzi. Ukuthembeka ekwenzeni wonke umsebenzi kwenza umsebenzi uhlonipheke, wembule isimilo leso uNkulunkulu azosivuma.

“‘Wothanda uJehova uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangawo onke amandla akho.’ UNkulunkulu ufisa uthando lomsebenzi olucindezelwa enhliziyweni, umsebenzi ngomphefumulo, umsebenzi wamandla omzimba....

“Angeke ukhethe ukugxila endleleni ephambukile yokwenza ngoba ungazimisele ukuzibeka esandleni bese uyaphenduka, noma ukhulise amandla akho ukwenza ngamandla onke uhlobo lomsebenzi, uzoithola udingeka noma kuphi nakuyo yonke indawo. Uzothokozelwa yibo bonke ngoba uyigugu. ‘Konke isandla sakho esikufumanayo ukukwenza, kwenze ngamandla akho onke.’ ‘Ungabi ngovilaphayo emsebenzini; yiba ngovuthayo emoyeni, usebenzele iNkosi.’-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 5, p. 1112.

“Asazi ukuthi umphumela wosuku uzoba yini, owehora, noma umzuzu ukuthi unganqumani futhi masingaluqali usuku ngaphandle kokunikela izindlela zethu kuBaba wethu osezulwini. Izingelosi Zakhe zikhethelwe ukuba zisibheke, uma sizibeka ngaphansi kokulondoza kwazo, ngakho-ke ngezikhathi zonke zengozi zizoba sesandleni sethu sokudla. Lapho singazelele siphansi kobunzima bokucindezela umfutho ongalungile, izingelosi zizoba sohlangothini lwethu, zisikhuthazele endleleni engcono, zisikhethe amazwi ethu, zinikeze izenzo zethu umfutho. Kanjalo umfutho ungaba ukuthula, ngokungazelele, kodwa amandla amakhulu okudonsela abanye kuKristu nomhlaba wasezulwini.”-*Christ’s Object Lesson*, pp. 341, 342.

IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

NgoLwesihlanu, Lwezi 20

1. **Chaza ukulingana okunempilo uNkulunkulu akuqondisa kwabesifazane.**
2. **Yisho isiphazamiso sokukhonza izithombe ngokuvamile esigcina siyisicupho.**
3. **Chaza ubizo oluphezulu maqondana nendoda emshadweni.**
4. **Ukuziphatha kwami maqondana nabazali bami, ngingabonisa kangcono kanjani intando kaNkulunkulu?**
5. **Ngingabonisa ngcono kanjani intando kaNkulunkulu kulabo abangisebenzelayo?**

Ukusebenzela Abadukile

IVESI LEKHANDA: “Nina ningofakazi, naye uNkulunkulu, bokuthi sahlala kanjani phakathi kwenu nina enikholwayo ngobungcwele nangokulunga nangokungasoleki: ...ukuba nihambe ngokufaneleyo phambi kukaNkulunkulu, onibizela embusweni nasebukhosini bakhe” (1 Thesalonike 2:10, 12).

Incwadi Enikeziwe: *The Acts of the Apostles*, pp. 346-358.

“UPawule ubenguthishela. Washumayela ivangeli ngephimbo lakhe, futhi ngomsebenzi wokuhlakanipha kwakhe walishumayela nangezandla zakhe.”-*The Review and Herald*, Ndasas 6, 1900.

1. UKUTHEMBEKA KOMALUSI OMNCANE

NgeSonto, Lwezi 22

- a. UPawule ubingelela kalula kanjani, abaseThesalonike ebonisa ukujula kozwelo lwakhe maqondana nomhlambi? 1 Thesalonike 1:1-4.

“Ukusuka kwisisusa sokuzithoba okuvela kubukhulu obuyigugu kakhulu bengqondo-ubukhulu obuholela abantu ukuba baphendukele emfanekisweni kaKristu. Labo abanalobu bukhulu bazuza ukubekezela nokumethemba uNkulunkulu. Ukukholwa kwabo angeke kwahlulwa. Ukuzingcweliswa kwabo kweqiniso nokukhonza kugcina umina efihlekile. Amazwi aphuma emilonyweni yabo abunjelwe ukugcizelela ubumnene bothando olufana nolukaKristu. Benomcabango wobuthakathaka babo, bathokozela usizo iNkosi ebapha lona, futhi balangazela umusa Wakhe kuze benze lokhu okulungile nokuqinisele. Kodwa indlela yabo, ukuziphatha kwabo, umoya wabo, bahamba nawo kungathi izincwadi zabafundi esikolweni sikaKristu.”-*That I May Know Him*, p. 37.

- b. Isikhalo sompostoli uPeter sifana kanjani nesikaPawule-na? 1 Peter 5:2, 3.

“Labo abasesikhundleni somalusi omncane kufanele basebenzise ukulinda ngokuhlakanipha umhlanbi kaJehova. Lokhu akufanele kube ukuqaphela okucindezelayo, kodwa okusebenza ukukhuthaza nokuqinisa nokuphakamisa. Ubufundisi buchaza okukhulu kunentshumayelo; kusho ubuqotho, nomsebenzi womuntu ngamunye.”-*The Acts of the Apostles*, p. 526.

- a. Ukuze iqiniso lisabalaliswe, kuyini sonke esingayifunda kubapostoli nabaphendukile baseThesalonika? 1 Thesalonike 1:5-8.**
-

“Makubonakale kakhulu isifiso sokwamukela uMoya Ongcwele njengofundisayo.”-*Medical Ministry*, p. 307.

“Umsebenzi kaMoya Ongcwele ukukhanyisa ukuqonda okwenziwe mnyama, ukuthambisa umina, inhliziyo yetshe, nokuthobisa isoni esihlubukile, simsindise kumfutho owonakalisayo womhlaba. Umkhuleko kaKristu ekhulekela abafundi Bakhe uthi: ‘Bangcwelise ngeqiniso: Izwi Lakho liyiqiniso.’ Inkemba yoMoya, eyizwi likaNkulinkulu, ihlaba inhliziyo yesoni iyidabule izicucu. Lapho umcabango weqiniso uphindwa ngaphandle komfutho wawo ongcwele uzwakala phezu komphefumulo wesikhulumi, ungenamandla phezu kwabalaleli, kodwa lenqatshwa njengephutha, isikhulumi sizenza onokuziphendulela ngokulahleka kwemiphefumulo. Kumele siqiniseke ukuthi abafundisi bethu bangabantu abaphendukile, abahloniphekile, abamnene, abathobekile ngenhliziyo.”-*Testimonies for the Church*, vol. 4, p. 441.

“UNkulunkulu unikile abafundisi Bakhe isigijimi seqiniso ukuba balimemezele. Lokhu amabandla kufanele akwamukele nangayo yonke indlela bakhulume ngalo, bethola imisebe yokuqala yokukhanya futhi bakuhlakaze.”-*Ibid.*, vol. 6, p. 425.

- b. Kwakunjani ukuguquka kwamakholwa asemasha okwaba ubufakazi emhlabeni-nesehlakalo okufanele siphindeke namuhla? 1 Thesalonike 5:9, 10; Isaya 56:6, 7.**
-

“Amandla aphilayo kufanele aqaphele isigimi sokubonakala kwesibili kukaKristu. Akufanele siphumule kuze kufinyelele lapho imiphefumulo eminingi iphendukela kwithemba elibusisekile lokubuya kweNkosi. Ezinsukwini zabapostoli isigijimi ababesiphethe sasebenza umsebenzi ngempela, beguqula imiphefumulo isuke ekukhonzeni izithombe ikhonze uNkulunkulu ophilayo. Umsebenzi okumele wenziwe namuhla yilona ngempela, futhi iqiniso njengoba liyiqiniso; kufanele sinikeze isigijimi ngokushiseka okukhulu njengoba ukubuya kweNkosi kuseduze. Isigijimi sanamuhla sihle, silula, sibaluleke ngokujulile. Kufanele senze njengabesilisa nabesifazane abakholwa yilo. Silindile, sibhekile, sisebenza, sikhuleka, sixwayise umhlaba-lona ngumsebenzi wethu....

“Izulu lonke liphapheme, lihlanganyela ekulungiseleni usuku lukaNkulunkulu lwempindiselo, usuku lokukhululwa kweSiyoni. Isikhathi sokulibala siphelile. Abofakazi nezihambi ezikade zilangazelela ilizwe elingcono manje baseduze nekhaya.”-*Evangelism*, p. 219.

a. Yisho ezinye izihluthulelo zempumelelo eThesalonika. 1 Thesalonike 2:1-7.

“Abakholwayo baseThesalonike bebengabavangeli ngempela. Izinhliziyi zabo zazivutha ngoMsindisi wabo, obakhulule ekwesabeni ‘ulaka oluzayo.’ Ngomusa kaKristu inguquko emangalisayo yathatha indawo ekuphileni kwabo, nezwi likaJehova, njengoba likhulunywa ngabo, liphelekezelwa amandla. Izinhliziyi zazuzwa ngenxa yamaqiniso anikeziwe, nemiphefumulo yengezwa kwinani labakholwayo.

“Kwisahluko sokuqala, uPawule ubhekise kwindlela yokusebenza kwakhe phakathi kwabaseThesalonike. Ukhuluma ukuthi akazange azame ukuzuza abaphendukile ngenkohliso noma ngamanga.”-*The Acts of the Apostles*, p. 256.

b. Lapho sibheka umsebenzi kaPawule eThesalonika, yiziphi izimfanelo ezijabulisa kakhulu-na? 1 Thesalonike 2:8-10.

“Ngaphambi kokuba abengumfundi kaKristu, UPawule wayesesikhundleni esiphakeme futhi engancikanga kumsebenzi wezandla ukuzondla. Kodwa emva kwalokho, lapho esesebenzise yonke imali yakhe ekuthuthukiseni umsebenzi kaKristu, ngezinye izikhathi wayephendukela emsebenzini wezandla aphila ngawo. Kakhulukazi lapho esebenza ezindaweni akuhlosile bekungaqondwa.

“Kuse-Thesalonike lapho sifunda okokuqala ukusebenza kukaPawule ngezandla zakhe kumsebenzi wokuzondla ngesikhathi eshumayela izwi.”-*Ibid.*, p. 347.

“UPawule, umpostoli omkhulu wabeZizwe, wafunda umsebenzi wokuthunga amathende. Kwakukhona amagatsha aphakeme naphansi okwenza amathende. UPawule wafunda lona wamagatsha aphakeme, kanjalo wayenakho ukusebenzisa amagatsha avamile lapho isidingo sivela. Ukwenza amathende bekungalethi inzuzo ngokushesha njengeminye imisebenzi, ngezinye izikhathi kwakungenxa yomnotho oqinile ukuthi uPawule anganikela Isidingo sakhe.”

“Noma wayebuthakathaka ngokwempilo, [uPawule] wayesebenza emini ukwenza umsebenzi kaKristu, bese esebenza inxenye enkulu ebusuku, futhi kaningi ubusuku bonke, ukuze akwazi ukuzondla yena nezidingo zabanye.”

“UPawule ubenguthishela. Wayeshumayela ivangeli ngephimbo lakhe, ngomsebenzi wakhe ohlakaniphileyo wayeshumayela ngezandla zakhe. Wafundisa nabanye indlela efanayo afundiswe ngayo yilowo obhekwa njengothishela wabantu ohlakaniphe kakhulu. Njengoba uPawule wayesebenza masinyane nangobuciko ngezandla zakhe, walandisa abangane asebenza nabo ukuhlela kukaKristu akunikeza uMose maqondana nokwakhiwa kwetabanakeli.”-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 6, p. 1063.

a. Iyiphi indlela uPawule abenakekela ngayo umhlambi? 1 Thesalonike 2:11-13.

“Ulwazi lweqiniso lwencike hayi kakhulu emandleni okuhlakanipha kunokuhlanzeka kwenhloso, ubulula obuqinisile, ukholo olweyamile. Labo ngezinhliziyi ezithobekile befuna ukuqondisa okungcwele, izingelosi zikaNkulunkulu zisondela eduze. UMoya Ongcwele uyanikezwa ukubavulela ingcebo enothile yeqiniso.”-*Christ's Object Lessons*, p. 59.

b. Chaza izithiyi ezinamandla ezazibhekene nokumenyezelwa kwevangeli osukwini lukaPawule-nokuthi lokhu kuzwakalwa kanjani kuwo wonke umlando, kuhlenganisa nekusasa eliseduze. 1 Thesalonike 2:14-18; 2 Thimothi 3:12; Mathewu 5:10-12.

“Njengoba impikiswano yelulekela kumasimu amasha nezingqondo zabantu zibizelwa kumthetho kaNkulunkulu onyathelelwe phansi, uSathane uyanyakaziswa. Amandla aqaphela isigijimi azothukuthelisa kuphela labo abamelene nawo. Abafundisi bazobeka phambili imizamo engaphezu kwabantu ukuvalela ngaphandle ukukhanya hleze kukhanye phezu komhlambi wabo. Ngezindlela zonke zokuyala kwabo bazozama ukucindezelela phansi ukuxoxisana ngalemibuzo ebalulekile. Ibandla lizocela isandla esiqinile samandla ombuso, futhi, ngalomsebenzi, opapa namaProtestanti bazohlangana. Njengoba intshukumo yokucindezelwa kweSonto ibanamandla futhi inquma, umthetho uzokhulekela umelane nabagcini bomthetho. Bazosongelwa ngokuhlawuliswa nokufakwa etilongweni, abanye bazonikwa izikhundla ezinomfutho, abanye imivuzo nezinsiza, njengokubavumisa ukuba balahle ukholo lwabo. Kodwa impendulo yabo eqinile ithi: Siboniseni ezwini likaNkulunkulu iphutha lethu'-ukuncenga lokho okufana nokwenziwa uLuther ngaphansi kwezimo ezifanayo. Labo ababekwa icala phambi kwezinkantolo benza ukuvikela okunamandla iqiniso, abanye ababazwayo balethwa ukuba bathathe indawo yabo ukugcina yonke imithetho kaNkulunkulu. Kanjalo ukukhanya kuzolethwa phambi kwezinkulungwane ebezingeke zizwe lutho ngalamaqiniso.

“Ukulalela ngenhliziyi ephapheme izwi likaNkulunkulu lizophathwa njengohlubuko. Ngokuphuphuthekiswa nguSathane, umzali uzosebenzisa ubulukhuni namandla kumntwana okholwayo; inkosi noma inkosazana izocindezela inceku egcina umthetho. Uthando luzohlukana; abantwana bazophucwa ifa futhi baxoshwe ekhaya.... Njengabavikeli beqiniso abenqaba ukuhlonipha isabatha leSonto, abanye babo bazofakwa etilongweni, abanye badingiswe, abanye baphathwe njengezigqila. Ukuhlakanipha komuntu konke lokhu kubonakala kungeke kwenzeka; kodwa amandla kaNkulunkulu avimbayo azosuswa kubantu, bazoba ngaphansi kolawulo lukaSathane, lowo ozonda izimiso ezingcwele, kuzobakhona izinguquko ezingavamile. Inhliziyi ingaba nonya olukhulu lapho ukwesaba nothando lukaNkulunkulu sekususiwe.”-*The Great Controversy*, pp. 607, 608.

a. Kungani singakhuthazwa ukuthi sasisondele eduze kangakanani isifiso senhliziyo kaPawule sibonakalise esikaKristu-na? 1 Thesalonike 2:19, 20; Isaya 53:11.

“Ngubani ongalinganisa umphumela womsebenzi kaPawule emhlabeni-na? Kuyo yonke imifutho esizayo enciphisa ukuhlupheka, eduduza ubuhlungu, evimbela ububi, ekhulisa ukuphila ngobugovu nokuzithokozisa ngokwenyama, ukubonge ngethemba lokungafi, kungakanani okuqondene nemisebenzi kaPawule nabangani asebenza nabo, njengevangeli leNdodana kaNkulunkulu bathatha uhambo lwabo ngasese besuka eAsiriya ukuya ogwini lwase-Europe-na?

“Ukufaneleka okunjani kunoma yikuphi ukuphila ukuba ube ithulusi likaNkulunkulu lokuhlela kusebenze imifutho enjalo iyisibusiso? Kuzofaneleka kanjani ingunaphakade ukufakazela umphumela womsebenzi onjalo.”-*Education*, p. 70.

“Asiqondi ukuthi zingakanani [izifundo zoMsindisi] zichazani kwizidalwa azidalileyo. Uyasithanda isizwe soluntu. Ingabe uyabuza ukuthi usithanda kangakanani? Mina ngikukhomba eKhalvari.”-*Counsels o Parents, Teachers, and Students*, p. 284.

“Abaningi abasizungezile badinga ukususa ubandlululo lwabo nobufakazi besimo sethu namuhla esisabalele phambi kwabo okuvela eZwini, ngokuthokoza bazokwamukela iqiniso lanamuhla. Izithunywa kufanele ziqaphele imiphefumulo njengalabo abazolanda ngayo. Ukuphila kwabo kufanele kube ukusebenza komoya wosizi, kuyilapho umthwalo oyigugu kodwa kaningi ulimaza umsebenzi kaKristu ophezu kwabo. Kufanele babekele eceleni intakazelelo yomhlaba nokuhlala kahle benze kube ngumsebenzi wokuqala ukwenza konke ngamandla abo ukuthuthukisa umsebenzi weqiniso lanamuhla nokusindisa imiphefumulo wubhubhayo.

“Nabo bazoba nomvuzo onothile. Emiqheleni yabo yenjabulo labo ababahlengile ekugcineni basindisiwe bazokhazimula njengezinkanyezi ingunaphakade. Eminyakeni engapheli bazothokozela ukweneliseka kokwenza lokhu abakwenzile ukuletha iqiniso ngokuhlanzeka kwalo nobuhle balo, ukuze imiphefumulo ilithande, bangcweliswa yilo, basizakala ngalo ngelungelo elingelinganiswe lokwenziwa banothe, nokuthi bageziwe ngegazi leWundlu bahlengelwa uNkulunkulu.”-*Early Writings*, p. 61.

IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

NgoLwesihlanu, Lwezi 27

- 1. Kuyini sonke esingakufunda ngokuzinikela kwabapostoli ekwabelaneni ngeqiniso?**
- 2. Kungani umsebenzi wevangeli eThesalonike ubukhanga ngokukhethekile-na?**
- 3. Kungani uPawule, oshumayela ivangeli, ngezinye izikhathi wayesebenza ngezandla zakhe ukuze aphile-na?**
- 4. Lapho izinhlopheko zikhula, yimiphi imiphumela nokho eyalandela-na?**
- 5. Chaza amava enjabulo kaKristu, uPawule, nabobonke abazuza imiphefumulo-na?**

UMNIKELO WESABATHA LOKUQALA

Zibandlela 5, 2026

For the church in Brazzaville, Republic of Congo

IDolobha lase Brazzaville liyinhloko-dolobha yeRepublic of Congo, yakhiwe maphakathi ne-Central Africa. I-Brazzaville ingasentshonalanga kweDemocratic Republic of Congo-idolobha lakhona i-Kinshasa-futhi womabili lamadolobha akha amadolobha amabili aseduze emhlabeni. (Kukhona amaCongo amabili ngenxa yembali yokwakhiwa kwelizwe lapho amandla abelungu eklama izifunda zalinganiswa futhi zabizwa ngegama ngeCongo River.)

I-Republic of Congo ihlanganisa indawo elinganiswa ne 125,097 square Miles (342, 000 km²), abantu abakhe kulo abangu 6,484,437 ngonyaka (ka2025). Ihlanganisa indawo engu 101.9 square miles (263.9 km²), idolobha lase Brazzaville linabantu abathe kulo abangu 2.8 bezigidi, kulenani kukhona amaKrestu angu 75%. I-90% ngamaKatolika I 10% ngabavangeli bama-Protestanti-iningi lawo ama-Kimbaguists. Abasele yilabo abanamathele kwizinkolo zamasiko aseAfrika noma bangakholwa kubukhona buka-Nkulunkulu noma (Atheists).

Izilimi ezikhulunywa lapho: Isi-French (ulwimi olusemthethweni), nesi-Lingala nesi-Kikongo.

Isigijimi se-SDARM sangena okokuqala eBrazzaville ngonyaka ka-2013, lapho umshumayeli efika wahlala izinsuku ezine wanikeza isigijimi se-Reform kwabane abashadile abasebasha. Emva kwezinyanga ezintathu, wabuyela khona-ngezinsuku ezingu-27, laba abahlanu bafinyelela kwimiphefumulo engu-41. Ngonyaka olandelayo, imihlangano equkethe izifundo ezengeziwe yalethwa endaweni, nenani elikhulu labakholwayo lathatha indawo yalo eqinisweni lanamuhla. Kusukela ngonyaka ka-2021 oneziqu zase-RAMA Missionary School in Congo usebenza njenge-Bible Worker kwibandla lase-Brazzaville.

Inselela esinayo lapha ukuba nendawo efanele yokukhonza. Abazalwane bahlangana kwisakhiwo esidala esishiyiwe singanakwa umnikazi, futhi kumele bemboze lesakhiwo ngama-plastic amakhulu. Ngesikhathi semvulalesikhathi senza kubenzima ukuba bahlangane njalo.

Noma kunjalo, ibandla laseBrazzaville liyakhula. Uma kuhlangenwe isilinganiso, ngamaSabatha wonke bangaba abantu abangu 30 abahlangana ukuba bakhonze iNkosi. Ngalesikhathi, abazalwane nodade kulexuku babhekisa amathemba abo kuwe-abazalwane behu emhlabeni wonke-ukuze ngeziphos zenu, ninganikela ngezimali ukuthola umhlaba ukuze bakhe ithempeli elifanele lokuhlonipha nenkazimulo.

Abazalwane benu nodade from Brazzaville

Ukuzilungiselela Ukubona UKristu

IVESI LEKHANDA: “Ukuba yilowo nalowo kini akwazi ukuhlala nomkakhe ngobungcwele nangokuhlonipha” (1 Thesalonike 4:4).

Izincwadi Ezinikeziwe: *Testimonies for the Church*, vol. 2, pp. 480-489;
Selected Messages, bk. 2, pp. 257-274.

“Ukungcweliswa umsebenzi oqhubekela phambili; awufinyelelwa ngehora noma ngosuku, bese ugcinwa ngaphandle komzamo okhethekile ohlangothini lwethu.”-*Testimonies for the Church*, vol. 2, p. 472.

1. UBUKHAZIKHAZI OBUNGANELISI

NgeSonto, Lwezi 29

a. Ngisho naphakathi kwamazinga aphezulu kakhulu obungcwethi besiko, uPawule wembula kanjani ubuze bempilo ngaphandle kukaKristu-nokulangazelela kwakhe ukuhlanganyela nabazalwane abathembekile? Izenzo 17:16, 17, 32, 33; 1 Thesalonike3:1-4.

“Umuzi waseAthene bekungumbuso wobuhedeni. Lapha uPawule akazange ahlange nabantu abangafundile, abantu abakholwa okuyize, njengeListra, kodwa bangabantu abadumile ngokuhlakanipha nangempucuko. Yonke indawo kwakukhona izithombe zonkulunkulu babo namaqhawe akhonzwayo embali nangezaga ezikhanga amehlo.

“Lapho uPawule ebheka ubuhle nobucwazicwazi obumzungezile, wabona umuzi onikelwe ngokuphelele kwizithombe, umoya wakhe washukunyiswa ngomona maqondana noNkulunkulu, lowo wabona ukungamhloniphi yonke indawo, inhliziyo yakhe yabazwela abantu baseAthene, lowo, engenandaba nenhlakanipho yempucuko yabo, babengenalo ulwazi lukaNkulunkulu weqiniso.

“Lapho ebona ubukhazikhazi baseAthene wabona amandla ayengayo phezu kwabathanda umsebenzi wobuciko nolwazi, ingqondo yakhe yaqonda ngokujulile ukubaluleka komsebenzi ophambi kwakhe.

“Emzini omkhulu, lapho uNkulunkulu engakhonzwa, uPawule wacindezelwa umuzwa wokuba yedwa, futhi walangangazela isihawu nosizo lwabangane asebenza nabo. Manje njengobungane bobuntu wayekhathazekile, wazizwa enesizungu impela. Kwisahluko ebhalela abaseThesalonike ugcizelela imizwa yakhe ngamazwi, ‘Washiywa eyedwa endaweni yaseAthene.’-*The Acts of the Apostles*, pp. 233, 234.

- a. Encwadini yakhe eqonde kwabaseThesalonike, kuyini futhi okwembula uthando olukhulu nokuzinikela kukaPawule kumakholwa-na? 1 Thesalonike 3:5-10.

“[UThimothi noSila] baletha [kuPawule] ‘izindaba ezimnandi’ ‘zokukholwa nothando’ zalabo abamukele iqiniso ngesikhathi sohambo lwabo lokuqala lwezithunywa zevangeli kwabase-Thesalonike. Inhliziyo kaPawule yagcwala uzwelo olumnene ngabakholwayo, labo phakathi kwesilingo nokuhlupheka, bahlala bethembekile kuNkulunkulu.”-*The Acts of the Apostles*, p. 255.

- b. Chaza inhloso enhle kakhulu kaNkulunkulu ngebandla Lakhe, futhi uchaze ukuthi isebenza kanjani ezimpilweni zethu-na. 1 Thesalonike 3:12, 13; 4:1-3 (inxenye yokuqala).

“Ngovalo lwakhe lokuthi amakholwa aseThesalonike kufanele ahambe ngokwesaba uNkulunkulu, uPawule wabancenga ebambulela ukwesaba uNkulunkulu okusebenzayo ekuphileni nsuku zonke.”-*Ibid.*, p. 262.

“UNkulunkulu uzovumela abantwana Bakhe baqonda ukuthi ukuze bamdumise Yena ngothando lwabo okumele balunikeze labo abalidinga kakhulu.... Abukho ubugovu, ngokubheka, ngezwi, noma ngesenzo, okufanele lubonakaliswe uma bephatha labo abathanda ukukholwa okuyigugu...kungakhathaliseki ukuthi bangabaphakeme noma abaphansi, abacebile noma abampofu, uthando olukhuluma amazwi anomusa kwabambalwa kuphela, lapho abanye bephathwa ngokubanda nangokungakhathali, akulona uthando, kodwa ubugovu. Angeke noma ngayiphi indlela isebenzele ubuhle bomphefumulo noma inkazimulo kaNkulunkulu. Uthando lwethu.... akufanele lubekelwe abathize abakhethekile, ukunganaki abanye. Phahlaza ibhodlela, iphunga elimnandi lizogcwala indlu....

“Ukuthanda njengoba uKristu athanda kusho ukubonakalisa ukuzidela ngezikhathi zonke nasezindaweni zonke, ngamazwi anomusa nokubheka okuhle. Lokhu kubangela labo abangabaniki lutho, kodwa bashiya emva iphunga elimnandi elizungeza umphefumulo. Okulandelayo kwabo angeke kwalinganiswa. Kungesikho ukuthi kuyisibusiso kulabo kuphela abamukelayo, kodwa nakulowo ophayo; ngoba kubuyiselwa phezu kwakhe. Uthando lweqiniso ukucabangela okuyigugu lwezalo yasezulwini, ekhulisa iphunga elimnandi ngezigaba njengoba lihlakazelwa kwabanye.”-*Our High Calling*, p. 231.

“Ubungcwele buhle kuNkulunkulu. Umphefumulo unikelwa kuNkulunkulu. Intando, ngisho nemicabango, ilethwa ngaphansi kwentando kaKristu. Uthando lukaJesu lugcwalisa umphefumulo, futhi kaningi luyahamba ngokucweba, imizila eqabulayo, ukwenza izinhliziyi zabanye zijabule.”-*The SDA Bible Commentary* [E. G. White Comments], vol. 6, p. 1076.

a. Yisho isono esisodwa uPawule abona ngaso isidingo sokuxwayisa abaseThesalonike, njengesono esivamile nanamuhla. 1 Thesalonike 4:3-5.

“Asibo bonke abazishoyo ukuthi bagcina umthetho kaNkulunkulu abagcina imizimba yabo ilungisisiwe yahlonipheka. Isigijimi esizothile kakhulu esike sanikwa abafayo kukade sinikezwe labantu, bangaba nomfutho onamandla uma bengalungiswa ngaso. Bayavuma ukuthi beme endaweni ephakeme yeqiniso eliphakade, begcina yonke imithetho kaNkulunkulu; ngakho-ke, uma bezijabulisa esonweni, uma behlobonga futhi bephinga, isono sabo siphindwe kashumi ngobubanzi obukhulu kunaleso samaxuku engiwaqambile, lawo angavumi umthetho kaNkulunkulu njengosibopho kubo. Ngomqondo okhethekile kwenza labo bazishoyo ukuthi bagcina umthetho kaNkulunkulu bayamhlambalaza futhi basole iqiniso ngokwephula izimiso zawo.

“Bokungenxa yokuvama kwalesono ngempela, ukuhlobonga, phakathi kukalsrayeli wasendulo, okwaba lethela ukubonakala kophawu lokungathokozi kukaNkulunkulu. Izijeziso Zakhe zalandelana eduze phezu kwesono esenyanyekayo; izinkulungwane zawa, nemizimba yabo eyonakele yashiywa ehlane....

“AmaSeventh Day Adventist, ukudlula bonke abanye abantu emhlabeni, kufanele babe yizibonelo zesihe, babengcwele ngenhliziyo nasekukhulumeni.”-*Testimonies for the Church*, vol. 2, pp. 450, 451.

“Inkohlakalo isono esikhethekile namuhla. Abukaze ububi buphakamise ikhanda lalo elonakele ngesibindi esingaka njenganamuhla. Abantu babonakala bendikindiki, futhi labo abathanda ukulunga nobuhle bangempela badangaliswa isibindi saso, amandla, nokuvama. Ububi abukho kuphela kwabangakholwa nabeyisayo. Uma bekunjalo, kodwa akunjalo. Abesilisa nabesifazane abafakazela inkolo kaKristu banecala. Ngisho nalabo abathi balindele ukubonakala Kwakhe kwesibili abasasilindele isehlakalo kunoSathane ngokwakhe. Abazihlanzi kukho konke ukungcola. Isikhathi eside besebenzela inkanuko sekuze kuyimvelo yemicabango yabo ukungcola nemibono yabo yonakele. Kubonakala kungeke kwenzeke ukubangela izingqondo zabo ukuhlala phezu kokuhlanzekile nezinto ezingcwele kungathi ziphendukela endleleni kaNiagara ithululele amanzi alo phezu kwezimpophoma.”-Ibid., p. 346.

b. Yimuphi umyalo olandelayo uPawule awunikeza umhlambi-na? 1 Thesalonike 4:6, 7.

“Uma iNkosi iza njengomphindiseli, izoza futhi njengomvikeli wabo bonke labo abagcine ukukholwa ngokuhlanzeka kwalo bazigcina ngokwabo bengangcoliswanga umhlaba.”-*Testimonies for the Church*, vol. 5, p. 210.

a. Yisiphi isikhuthazo uPawule ayenaso ngenxa yomhlambi-na? 1 Thesalonike 4:8-10.

“Ubufakazi obubodwa obunamandla bengquko yangempela uthando kuNkulunkulu nakumuntu. Labo abamukela uJesu njengoMsindisi wabo banothando lweqiniso kwabanye njengenkolo eyigugu. Babenjalo abakhulwayo base-Thesalonike.”-*The Acts of the Apostles*, p. 262.

b. Yisiphi isifundo sempilo esiwusizo kubo bonke-na? 1 Thesalonike 4:11, 12; Izaga 13:4.

“Zinsizwa, hambani niye ezindaweni enikhonjwe kuzo nguMoya weNkosi. Sebenzani ngezandla zenu, ukuze nizondle, futhi njengoba ninethuba memezalani isigijimi sesixwayiso.”-*Medical Ministry*, p. 321.

c. Iyiphi imfundiso yeBhayibheli ebalulekile eThesalonike esasebenza futhi emva kwamakhulu eminyaka obumnyama nokudideka-na? 1 Thesalonike 4:13-15; Amahubo 6:5; 13:3.

“Abase-Thesalonike babamba ngozimisela umcabango wokuthi uKristu uyeza ukuguqula abathembekile abaphilayo, abathathele Kuye. Baqaphela ngokunaka ukuphila kwabangane babo, hleze bafe balahlekelwe isibusiso abalindele ukusamukela ekubuyeni kweNkosi. Kodwa ngabanye ababathandayo basuswa kubo, futhi ngosizi abaseThesalonike babheka okokugcina ubuso babathandiweyo babo abafileyo, bengenaso isibindi sethamba lokuhlangana nabo ekuphileni okuzayo.

“Lapho isahluko sikaPawule sivulwa futhi sifundwa, injabulo enkulu nenduduzo yalethwa ebandleni ngamazwi embula isimo ngempela sabafileyo. UPawule ubonisa ukuthi labo abazobe bephila uma uJesu ebuya angeke bayihlangabeza iNkosi yabo ngaphambi kwalabo abalalele kuJesu.”-*The Acts of the Apostles*, p. 258.

“Amaphutha anzima...angeniswa kwinkolo yamaKristu. Okwakuvamile phakathi kwabo inkolo yemvelo yomuntu yokungafi nesibindi sokufa. Lemfundiso yabeka isisekelo lesiRoma eyayimisa yokuncengela abangcwele nokukhonza iNtombi uMariya. Kusukela lapho kwangena ukuhlushwa ingunaphakade ekugcineni ukungadabukeli ukona, yilokhu ekuqaleni okwahlanganiswa nenkolo yobupapa.”-*The Great Controversy*, p. 58.

- a. Chaza isehlakalo esimangalisayo esizokwenzeka maduze lapho uKristu ebuya ngamafu enkazimulo. 1 Thesalonike 4:16-18; Isambulo 20:4-6.**

“Lonke izulu lizobe lingenazo izingelosi, lapho abangcwele abalindile bezobe belindele [uJesu] bebhoke ezulwini, njengoba ayenjalo amadoda aseGalile lapho enyuka phezu kweNtaba yemiNqumo. Kuphela labo abangcwele, labo abalandele ngokuphelele uMfanekiso omnene, ngenjabulo yenguquko bazomemeza lapho bebona uJesu, ‘Bheka, lo unguNkulunkulu wethu; simhlalele, uzosisindisa.’ Kepha siyakuguqulwa ‘ngesikhashana, ngokuphazima kweso, ngecilongo lokugcina’-abafileyo bavuswe, ababize ukuba baphume emibhedeni yabo yothuli, bembathiswe inkazimulo yokungaboli.”-*Early Writings*, p. 110.

“Amandla avuselelayo oMoya kaKristu ahlala emzimbeni wofayo abophela wonke umphefumulo okholwayo kuJesu. Labo abakholwa kuJesu bangcwele enhliziyweni Yakhe; ngoba ukuphila kwabo kufihleke kuKristu ngoNkulunkulu. Umyalo uzophuma kumniki-kuPhila, ‘Phaphamani, nijabule nina enihlala othulini, ngokuba amazolo akho angamazolo okukhanya, nomhlaba uyakubakhipha abafileyo. (Isaya 26:19).

“Umniki-kuphila uzobiza imfuyo Yakhe ayithengile ekuvukeni kokuqala, kuze kube ihora lokunqoba, lapho icilongo lizokhala nebutho elikhulu lizophumela ekunqobeni okunaphakade, wonke ongcwele olele uzolondeka ngokuphepha futhi uzolondwa njengeparela eliyigugu, elaziwa nguNkulunkulu ngegama. Ngamandla oMsindisi ahlala kubo besaphila nokuthi bebengabahlanganyeli bemvelo engcwele, bavuswa ekufeni....

“Ukusa okumangalisayo kangakanani lapho ukuvuswa ekuseni kuzobakhona! Isehlakalo esimangalisayo esizovulwa lapho uJesu ezoza ukuba ababazwe yobo abakholwayo! Labo ababengabahlanganyeli noKristu ekuthatshisweni Kwakhe nasekuhluphekeni bazoba ngabahlanganyeli Naye enkazimulweni Yakhe. Ngokuvuka kukaKristu ekufeni wonke ongcwele okholwayo olalele kuJesu uzovuka endlini yetilongo ngokunqoba. Abavusiwe bazomemeza, ‘Kufa, kuphi ukunqoba kwakho-na? Kufa, luphi udosi lwakho-na?’ (1 Korinte 15:55).”-*Selected Messages*, bk. 2, pp. 271, 272.

IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE**NgoLwesihlanu, Mandulo 4**

- 1. Njengase-Athene, yiziphi izindawo namuhla ezembula umlinganiselo wobukhazikhazi basemhlabeni?**
- 2. Kungani uthando olunozwelo lubaluleke kakhulu ekuphileni kwansuku zonke?**
- 3. Yiliphi iqiniso elidinga ukufundiswa esikhathini sanamuhla sokuziphatha okubi?**
- 4. Kungani kubalekile ukuba siqonde isimo ngempela sabafileyo?**
- 5. Bhala amanyathelo ezehlakalo azokwenzeka ekubuyeni kukaKristu.**

Ukuphila Ekukhanyeni

“IVESI LEKHANDA: “Kepha nina bazalwane anikho ebumnyameni, ukuze lolosuku lunifice njengesela” (1 Thesalonike 5:4).

Izincwadi Ezinikeziwe: *Testimonies for the Church*, vol. 4, pp. 309-313.
Ibid., vol. 5, pp. 711-718.

“Ilanga Lokulunga lilokhu likhanya phezu kwebandla ukuchitha ubumnyama nokubiza ukunaka kwabantu bakaNkulunkulu ekulungiseni okufunekayo njengalabo abazokhazimula njengezibani emhlabeni.”-*Testimonies for the Church*, vol. 6, p, 166.

1. UKULINDA NGOKUKHULEKA

NgeSonto, Zibandlela 6

a. Ngokubona isiprofetho sembuleka phambi kwamehlo ethu, yini okufanele sikhale siyikhumbula-na? 1 Thesalonike 5:1, 2; Umshumayeli 8:5.

“Kufanele sisondele kakhulu kuNkulunkulu. Sinciphe kakhulu kumina sikhule kakhulu kuJesu Kristu nomusa Wakhe kufanele ulethwe ekuphileni kwethu nsuku zonke. Siphila esikhathini esibalulekile sembali yomhlaba. Ukuphela kwezinto zonke kuseduze; izihlabathi zolwandle ziyaphela ngokushesha; masinyane ezulwini kuzothiwa: ‘Sekwenzekile’ (Isambulo 21:6). ‘Ongalungile makenze njalo okungalungile, nongcolileyo makazingcolise njalo’ ((sambulo 22:11).

“Ubufakazi bethu mabuhlakaniphiswe; masibambelele ngokuqinile kuNkulunkulu. Angeke ngayeka ukukhuleka ngehora lokuqala, lesibili, lesithathu ekuseni ngenxa yeNkosi esebenza ezinhliziyweni zabantu. Ngicabanga ngezulu lonke elinentakazelelo ngomsebenzi oqhubekayo emhlabeni. Izingelosi ezikhonzayo zilinde ngokuzungeza isihlalo ukulalela ngokushesha ukuyala kukaJesu Kristu ukuphendula wonke umkhuleko onikelwa ngokukhuthazela, ukholo oluphilayo.”-*Selected Messages*, bk. 2, pp, 376, 377.

“Ngiyakubonga Nkulunkulu, futhi angeke ngiyendezele ngivumele ubuthongo bube isivikelo senyama. Kuzobakhona abathembekile abazohlukanisa izimpawu zezikhathi. Lapho inani elikhulu elifakazela iqiniso lanamuhla lizolahla inkolo yalo ngemisebenzi yalo, kukhona abazobambelela kuze kube sekugcineni.”-*Testimonies for the Church*, vol. 5, p, 10.

a. Ngokuphila ezinsukwini zokugcina, yiliphi iqiniso esibhekene nalo-na? Isaya 13:9; Luka 17:28-30.

“Isimo senkohlakalo nohlubuko esikhona ezinsukwini zokugcina sizobakhona emhlabeni wezenkolo, sa lethwa kumprofethi uJohane ngombono weBhabhiloni, ‘ungumuzi omkhulu onombuso phezu kwamakhosi omhlaba.’ Isambulo 17:18. Ngaphambi kokubhujiswa kwalo ubizo kufanele lunikezwe luvela ezulwini, ‘Phumani kulo, bantu Bami, ukuze ningahlanganyeli nalo izono zalo, nokuba ningamukelo okwezinhlopho zalo.’ Isambulo 18:4. Njengoba kwakunjalo esinsukwini zikaNowa noLoti, kufanele kubekhona uphawu lokuhlukana nesono kanye nezoni. Akufanele kubekhona ukuvumelana phakathi kukaNkulunkulu nomhlaba, kungekho ukubuyela emuva ukugcina imfuyo yomhlaba. ‘Ningekhonze uNkulunkulu noMamona.’ Mathewu 6:24.

“Njengabakhileyo esigodini saseSidimi, abantu baphupha ngempumelelo nokuthula. ‘Balekela ukuphila kwakho,’ isixwayiso esivela kwizingelosi zikaNkulunkulu; kodwa amanye amaphimbo ezwakala ethi, ‘Ungajabuli; asikho isizathu sokwesaba.’ Izixuku ziyakhala, ‘Ukuthula nokuhlalakahle,’ lapho izulu limemezela imbubhiso esheshayo iyasondela phezu kwabeqa bomthetho.”-*Patriarchs and Prophets*, p. 167.

b. Naphezu kwezithembiso eziqhakazile zenkazimulo yasemhlabeni evela kubantu abanomfutho, kuyini okufanele sonke sikuqaphele-na? 1 Thesalonike 5:3.

“Abameli, abakhandi bezimoto, abalimi, abathengisayo, ngisho nabafundisi abema epulpitini bayakhala, ‘Ukuthula nenhlalakahle,’ lapho ukubhijiswa kusondela ngokushesha phezu kwabo.

“Ukukholwa lapho sekusondele eduze ukubuya kweNdodana yomuntu ngamafu ezulu angeke kwabangela amaKrestu ukuba anganaki noma abengamadlabha emsebenzini aowayelekile wokuphila. Labo abalindele ukubonakala masinyane kukaKristu angeke bahlala bangenzi lutho, kodwa bazokhuthala emsebenzini. Umsebenzi wabo angeke bawenza ngokunganaki nokungathembeki, kodwa ngobuqotho, ngokushesha, nangesineke esikhulu. Laba abazidudayo ngokuthi ukunganaki nokungakhathaleli izinto zalokhu kuphila ubufakazi besimoya sabo sokuzehlukanisa nomhlaba baphansi kwenkohliso enkulu. Ubuqotho babo, ukwethembeka, nokuqina kuyavivinywa kuyahlolwa ezintweni zesikhashana. Uma bethembekile kulokhu okuncane bazothembeka nakuloku okukhulu.

“Yilapha iningi lihluleka khona ukumelana nesilingo. Bakhulisa isimilo sabo ngempela maqondana nokuphatha nokunaka izinto zesikhashana. Babonisa ukungathembeki, ukuceba, ukukhohlisa, ngokuphathelene nabangane babo. Abaqondi ukuthi ukubamba kwabo esikhathini esizayo, ukuphila okuphakade kweyame ekutheni baziphatha kanjani ekunakeni kwalokhu kuphila, nokuthi ubuqotho obuqinile buyadingeka ekwakheni isimilo esilungile.”-*Testimonies for the Church*, vol. 4, pp. 309, 310.

a. Abantu bakaNkulunkulu bazohlukaniswa kanjani emhlabeni-na? 1 Thesalonike 5:4-6.

“UNkulunkulu uzoba nabantu Bakhe, ngamazwi nangokuziphatha, bazokusho emhlabeni ukuthi akukho ukuthathekisa nemfuyo yomhlaba ezizokwenelisa inani lokubuyisela ukulahlekelwa yifa lezulu. Labo abangabantwana ngempela bokukhanya nemini angeke baziqhenya noma bakhulume okuyize, ngokugqoka, ngokuziphatha, kodwa bazophaphama, bacabange, njalo becindezela umfutho wokuthathekisa imiphefumulo kuMhlengi. Ukuthanda uKristu, okukhanya kuvela esiphambanweni, kuyancenga ngenxa yezoni, ezibadonsa ngezintambo zothando olungapheli ekuthuleni nenjabulo etholakala kuMsindisi wethu. UNkulunkulu uhlanganisa bonke abalandeli Bakhe ukuba bathwale ubufakazi obuphilayo ngolwimi olukhanyayo nangokuziphatha kwabo, ngokugqoka nokukhuluma kwabo, kukho konke okulandela ukuphila, ukuthi amandla okwesaba uNkulunkulu ayasiza kulokhu kuphila nokuphila okuzayo; nokuthi yilokhu kuphela okwenelisa umphefumulo owamukelayo.”- *Testimonies for the Church*, vol. 4, pp. 580, 581.

“Ngesixwayiso ‘sokulinda ukhuleke’ uJesu ukhombisile indlela eyodwa yokuphepha. Sikhona isidingo sokuqaphela. Izinhliziyi zethu ziyakhohlisa; sizungezwe ubuthakathaka nokuntengantenga kobuntu, noSathane uhlose ukusichitha. Singatholakala singalindile, kodwa isitha sethu asiphumuli. Ngokwazi ukuqapha kwakhe okungapheli, ngalokho-ke masingalali, njengabanye, kodwa ‘masiqwashe, siqonde.’ Umoya nomfutho welizwe kufanele sihlangabezane nazo, kodwa mazingavunyelwa ukuthatha indawo yengqondo nenhliziyi.

“Indoda ematasatasa enebhizinisi, njengoba ilethwa ekubhekaneni nomhlaba, izoba nezilingo, ukudideka, nokunaka ngokwesaba. Uzothola ukuthi kukhona umkhuba wokuvumela imicabango nokucebisa kwelizwe kuhambe phambili, futhi lokhu kuzodinga umzamo, nokufundisa ingqondo nomphefumulo, ukugcina umoya wokukhuleka. Kodwa umusa ongcwele ulindela ukuyala kwakhe, nesidingo sakhe esikhulu impikiswano enamandla ezobakhona noNkulunkulu.”-Ibid., vol. 5, pp. 409, 410.

b. Singaba kanjani nethemba-futhi senze ngokufanele-na? 1 Thesalonike 5:7-11.

“UPawule usifundisa ukuthi kuyisono ukunganaki izimpawu ezandulela ukubuya kwesibili kukaKristu. Labo abanecala lokudembesela ubabiza njengabantwana bobusuku nobobumnyama....

“Ukulinda koMkrestu ukuba nguMkrestu osebenzayo, ukufuna ngokushisekela ukwenza ngamandla onke ukuthuthukisa ivangeli.”-*The Acts of the Apostles*, pp. 260, 261.

a. Yisho isikhumbuzo esisodwa esidingekayo eThesalonika-na? 1 Thesalonike 5:12, 13.

“Abakholwayo baseThesalonike bacanulwa kakhulu abantu abaphuma phakathi kwabo ngamacebo okushisekela nezimfundiso. Abanye babengasebenzi nhlobo ‘ngokuchwensa’, kodwa...njengamalulwane.’ Ibandla lithe lahlelwa kahle, nezisebenzi zamiswa ukuphatha njengabafundisi nabadikoni. Kodwa kwakukhona abanye, ngokuzithandela nangamawala, abenqaba ukuthobela labo abaphethe izikhundla zamandla ebandleni. Ababizanga kuphela ilungelo lokwahlulela ngasese, kodwa lokhu bakwenza esidlangalaleni befuna oimibono ebandleni. Ngokubona lokhu, uPawule wabiza ukunaka kwabaseThesalonike ukuba bahloniphe futhi baqaphele ukuba banikeze labo abakhethiwe ukuphatha izikhundla zamandla ebandleni.”-*The Acts of the Apostles*, p. 261.

b. Yikuphi ukukhuza okujwayelekile okudingwa yibo bonke-na? 1 Thesalonike 5:14, 15.

“Lapho ukufa kubiza omunye welunga lethu, iyini imikhumbulo yethu ngempatho ayitholile-na? Ingabe izithombe zezindonga zenkumbulo ziyajabulisa ukuthi singazibheka futhi-na? Ingabe izinkumbulo zamazwi amnandi akhulunyiwe, nozwelo lunikeziwe ngesikhathi esifanele-na? Ingabe abazalwane bakhe bashiyile ukucabangela okubi ngabangeneleli abahlakaniphile-na? Ingabe baphindisele indlela yakhe-na? Ingabe baye bathembeka kumyalo okhuthaziwe: ‘Duduzani izingqondo ezibuthakathaka, niqinise amadolo ayendayo’?....

“Uma lowo ebesihlanganyela naye ebandleni esefile, lapho sesazi ukuthi indaba yakhe ezulwini inqunyiwe, nokuthi kumele ahlangele nombiko ekwahlulelweni, uyini umcabango wabazalwane bakhe ngendlela abayilande maqondana naye-na? Ubeyini umfutho wabo kuye-na? Asobala kangakanani wonke amazwi alukhuni, zonke izenzo ezingezinhle, sezibuyiswa engqondweni! Bebazoziphatha ngokwehlukile okunjani uma bebenganikwa elinye ithuba!”-*Testimonies for the Church*, vol. 5, p. 489.

“Njengoba usunduzwa, ungaqondwa, ungaziwa, uhlanekezelwa, yilapho ubufakazi bakho obukhulu obokuthi wenza umsebenzi weNkosi, yilapho okufanele ubambelele ngokuqinile kuMsindisi wakho. Kubo bonke ubunzima bakho yiba nokuzola ungaphazanyiswa, ubekezele futhi ubhekakade, ungabuyiseli okubi ngokubi, kodwa okuhle ngokubi. Ubheka ngaphezulu kwesikhwelo. UNkulunkulu ungaphezu kwaso. Inkazimulo Yakhe ikhanya kumphefumulo ngamunye onyukela ezulwini. UJesu nguye isikhwelo. Nyukela phezu Ngaye, bambelela Kuye, kungekude uzokwehla kulesikhwelo ungene embusweni Wakhe ongunaphakade.”-*Ibid.*, vol. 8, p. 130.

a. Uma sivivinywa, kuyini okufanele sikukhumbule-na? 1 Thesalonike 5:16-18.

“Uzohlangana nezilingo, kodwa bambelela ngokuqinile kubuqotho bakho. Ungabonisi noma yini kodwa umoya onesithunzi. Umhlaba osezulwini ubhekile impi. USathene ubhekile, ebatheke ukukuthola ungalindile, emaganga ukukubona wenza ngamawala, ukuze athole ithuba phezu kwakho. Yilwa ngobudoda impi kaJehova. Yenza njengoKristu ebengakwenza uma ebesendaweni yakho. Makungabikho ukungahlangani ekukholweni kwakho noma kwisenzo sakho. Ungavumi ukuba usetshenziswe ezinkingeni eziqeda amandla ezivela njalo. Yiba nokuzotha, cabanga ngoJesu, yenza lokhu ongakwenza ukuMjabulisa. Umusa kaKristu noMOya Ongcwele bayizipho zikaNkulunkulu kuwe, ukuze uqiniswe ngamandla onke kumuntu ongaphekathi.”-*Testimonies for the Church*, vol. 8, p. 132.

“Uma uthando olumnene lukaNkulunkulu lubizela kakhulu umnikelo wokubonga nokudumisa, besizoba namandla adlulele okukhuleka. Besizovama kakhulu othandweni lukaNkulunkulu siphile ukuleha ukubonga Yena. Wena okhonodayo othi uNkulunkulu akawuzwa umkhuleko wakho, guqula indlela owuletha ngawo uhlanganise ukubonga izicelo zakho. Uma ubheka ubuhle Bakhe nomusa uzothola ukuthi uzobheka izidingo zakho.”-*Ibid.*, vol. 5, p. 317.

b. Yisho imikhuba ethile yomcabango onqobayo-na? 1 Thesalonike 5:19-21.

“Abantu banawo amandla okucima uMoya kaNkulunkulu; amandla okukhetha ashiyelwe bona. Bavunyelwe inkululeko yokwenza. Bangaba ngabalaleli ngegama nangomusa woMhlengi wethu, noma bangaba ngabangalaleli, futhi babone imiphumela....

“UMoya kaNkulunkulu uyaqhubeka ukudelisa, imiphefumulo yiyona enquma ukumelana neqiniso.”-*Gospel Workers*, p. 174.

IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE**NgoLwesihlanu, Zibandlela 11**

1. Ngingakhulisa kanjani imikhuba yokukhuleka ngokuqaphela okukhulu-futhi kungani kubalulekile?
2. Lapho sizwa izimangalo “zokuthula nokuphepha,” kuyini okufanele sikukhumbule-na?
3. Kuyini okuhlukanisa abantwana bokukhanya/bemini kulabo bobumnyama/bobusuku?
4. Ngubani engimaziyo okhulisa ububi kodwa okufanele abongwe-na?
5. Kuyini okumele kuhambisane nezicelo zethu kuNkulunkulu-na?

Abantu Abahlukile Ngempela

IVESI LEKHANDA: “Ngenxa yalokho siyanikhulekela njalo, ukuze uNkulunkulu wethu anenze nibe ngabafanele ukubizwa kwenu, agcwalise ngamandla konke okuhle enikuthandayo nomsebenzi wokukholwa” (2 Thesalonike 1:11).

Izincwadi Ezinikeziwe: *Testimonies for the Church*, vol. 2, pp. 296-307.

Ibid., vol. 5, pp. 591-603.

“INkosi ilangazelela ukuthi abalandeli Bakhe basebenzise ukunaka okukhulu indlela abaphathana ngayo. Kufanele baphakamise, babuyisele, basindise. Kodwa akufanele kubekhona ebandleni ukudembesela ukuqinisa umthetho. Amalunga kumele azibheke njengabantu abasesikolweni, abafunda ukwakha izimilo ezifanele ubizo lwabo oluphakeme.”- *Testimonies for the Church*, vol. 7, p. 264.

1. UKUBAMSULWA NGAPHAKATHI NANGAPHANDLE

NgeSonto, Zibandlela 13

a. Kuyini okuboniosa ukujula kobizo lukaNkulunkulu lokuhlanzeka-na? Thesalonike 5:22.

“Ungenzi lutho phakathi kwezihambi, emigwaqeni, ezimotweni, ekhaya, deda kukho konke okubukeka kukubi.”-*The Ministry of Healing*, p. 491.

“Yenza ukuziphatha kwakho ngendlela ezoshiya ngawo umfutho kuwo wonke umphefumulo lowo ohlangana nawo ukuze umfutho ohlanzekile nongcwele ungakuzungeza. Izwi elilodwa eliyize, ukuhleka okukodwa okuntelayo, kungalinganisa umphefumulo ekuqondiseni okungekuhle. Iyesabeka imiphumela yokungabi nokuxhumana okungapheli noNkulunkulu.

“Deda kukho konke okubi. Isono ezivamile, noma zizincane kangakanani kufanele ziqashelwe, zinganciphisa amandla emizwa yokuziphatha, zicithe ukucindezela ngaphakathi koMoya kaNkukunkulu. Isimilo somcabango sishiya amabala aso ephefumulweni, nazo zonke zinkulumo eziyize zingcolisa ingqondo. Yomke imisebenzi emibi yonakalisa labo abazinikela kuyo. UNkulunkulu uzokwenza futhi uyathanda ukuxolela isoni esiphendukayo, kodwa noma sixolelwe, umphefumulo ungcolisiwe; amandla omcabango ophakeme kungezeka kwingqondo engalungiswanga ibhujiswe. Ngezikhathi zonke umphefumulo uthwele amabala. Ngakho-ke masifune lokukholwa okusebenza ngothando nokuhlana inhliziyo, ukuze silethe isimilo siKristu emhlabeni.”-*Fundamentals of Christian Education*, p. 195.

a. Chaza icebo likaNkulunkulu lokuphila kwethu nsuku zonke nokuthi lenzeka kanjani. 1 Thesalonike 5:23, 24.

“AmaKrestu ayancengwa ukuba anikela imizimba yawo, ‘ibengumnikelo ophilileyo, ongcwele, othandeka kuNkulunkulu,’ Ukuze ukwenze lokhu, wonke amandla kufanele agcinwe esesimeni esiphelele ngokungenzeka. Sonke isenzo esenza buthakathaka umzimba noma amandla engqondo enza umuntu angalungeli umsebenzi woMdali wakhe. Ingabe uNkulunkulu uzothokozela okuthize okuncane kunokungcono esingakunikela-na? Kusho uKristu: ‘Wothanda uJehova Nkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho.’ Labo abathanda uNkulunkulu ngenhliziyo yonke bazofisa ukumnika umsebenzi omuhle kakhulu wokuphila kwabo, bazohlala befuna ukuletha wonke amandla wobuntu babo ekuvumelaneni nemithetho ezokhulisa ikhono labo lokwenza intando Yakhe. Angeke babenakho, ngokuzitika konambitho lokudla nenkanuko, benze buthakathaka noma bangcolise umnikelo abawuletha kuBaba wabo osezulwini.”-*The Great Controversy*, p. 473.

“IMibhalo iyasifundisa ukuba sifune ukungcwelisa uNkulunkulu emzimbeni, emphefumulweni, nangomoya. Kulomsebenzi kufanele sisebenze ndawonye noNkulunkulu. Okuningi kungenziwa ukubuyisela umfanekiso kaNkulunkulu kumuntu, ukulungisa umzimba, ingqondo, namandla okuziphatha. Izinguquko ezinkulu zingenziwa kuhlelo lomzimba ngokulalela imithetho kaNkulunkulu singalethi emzimbeni lokhu okuwungcolisayo. Njengoba singakwazi ukubiza ukuphelela kwenyama, singaba nokuphelela kwesimilo soMkrestu emphefumulweni. Ukweyama kwethu akukho kulokhu umuntu angakwenza; kukulokhu uNkulunkulu angakwenzela umuntu ngoKristu. Uma sizinikela ngokugcwele kuNkulunkulu, sikhohlwe ngokuphelele, igazi likaKrisu liyasihlanza ezonweni zonke. Unembezwa uzokhululwa ekulahlweni. Ngokukholwa egazini Lakhe, bonke bangenziwa baphelele kuKrisu Jesu. Sibonga uNkulunkulu ukuthi asibhekananga nento engenakwenzeka.”-*Selected Messages*, bk. 2, p. 32.

b. Yiziphi izimfanelo ezembula ukujula kwangempela kobudlelwane phakathi kwabakholwayo-na? 1 Thesalonike 5:26-28; 1 Johane 1:7.

“Ukubingelela okungcwele okukhulunywa ngakho kwivangeli likaJesu Kristu ngumpostoli uPawule makubhekwe njalo ngesimo sawo ngempela. *Kungukwangana okungcwele*. Kufanele kubhekwe njengophawu lokukhonza kwabangani abangamaKrestu uma behlukana, noma behlangana futhi emva kokwehlukana amaviki noma izinyanga. KwabaseThesalonike 5:26 uPawule uthi: ‘Khonzani kubazalwane bonke ngokwangana okungcwele.’ Kuso lesahluko uthi: Dedani kukho konke okubonakala kukubi.’ Angeke kwabakhona okubonakala kukubi uma ukwangana okungcwele kunikezwa ngesikhathi esifanele nasendaweni efanele.”-*Early Writings*, p. 117. [Author’s italics.]

- a. Yisiphi isikhuthazo esisekelayo uPawule asisebenzisa ukuze avule incwadi yakhe yesibili eya kumakholwa aseThesalonike-na? 2 Thesalonike 1:1-5.**
-

“[UPawule] ugcizelela ithemba lakhe [kwabaseThesalonike] ngobuqotho, nokubonga kwakhe ukuthi ukholo lwabo luqinile, nokuthi uthando lwabo luvamile omunye komunye ngenxa yomsebenzi weNkosi yabo. Wabatshela ukuthi ubabika kwamanye amabandla njengesibonelo sokubekezela, ukholo oluqiniselayo nokuthi ngesibindi bamelana nokushushiswa nokuhlupheka.”-*The Acts of the Apostles*, p. 264.

- b. Uma sishushiswa njengabaseThesalonike, kungani sonke singakhuthazwa yithemba abanikezwa lona-na? 2 Thesalonike 1:6, 7.**
-

“[2 Thesalonike 1:1-6 ngokuphindwa.] Lapha sibona intakazelelo yalamabandla elinye kwelinye. Ukuhlupheka abakubekezelela kwadonsela zonke izinhliziyi ndawonye zibabophela ndawonye. Babehlakazekele ngaphesheya. Iziphambeko nezinkolo eziyize nezimfundiso zesizwe samaJuda ezamelana kanzima noKristu zashiya umhlambi omncane wezimvu ungenamalusi. Kodwa imbewu yase itshaliwe. UKristu waphakanyiselwa phezulu njengaLowo owabethelwa phakathi kwabo, imizamo beyenziwa njalo ukukhulisa ubumpofu nencindezelo kubazalwane ngenxa yokholo lwabo.”-*Letters and Manuscripts*, vol. 12, Letter 28, 1897.

- c. Kungani ukubuya kukaKristu masinyane kufanele sikuqonde ngokujulile ngezinhliziyi zethu zonke-na? 2 Thesalonike 1:7, 8; Amahubo 50:3, 4.**
-

“[2 Thesalonike 1:8 ngokuphindwa.] Lezehlakalo ezesabekayo ziseduze zisemnyanga, nokho abaningi abazisho ukuthi bakholwa yiqiniso balele. Bazobalwa ngempela phakathi nenceku engathembekile ethi enhliziyweni yayo, ‘Inkosi yami ilibele ukubuya,’ uma behlala kwisimo sabo sanamuhla nobuhlobo nomhlaba. Yilabo kuphela abalindele ithemba nokukholwa ukuthi uKristu uzobonakala, ngaphandle kwesono kube insindiso. Abaningi banomcabango weqiniso abangawazi amandla okwesaba uNkulunkulu. Uma izwi likaNkulunkulu lihlala enhliziyweni, lizolawula ukuphila. Ukukholwa, ukuhlanzeka, nokuvumelana nentando Nkulunkulu kuzofakazela amandla alo angcwelisayo.”-*Testimonies for the Church*, vol. 5, p. 15.

a. Chaza ukubhujiswa kwezinhlobo ezimbili zabantu. 2 Thesalonike 1:8, 9.

“Ungabi nezaba ngobuthakathaka bakho ngoba abanye besephutheni. Ngosuku lukaNkulunkulu angeke uzame ukuncenga ngokuzithethelela ngokunganaki kwakho ukwakha isimilo sezulu, ngokuthi abanye abazange babonise uthando nesimoya. Ukusilela okunjalo okubona kwabanye kukhona nakuwe. Nomcabango wokuthi abanye bayizoni akwenzi izono zakho zingesabeki. Nobabili bona nawe, uma niqhubeka kwisimo enikuso namuhla sokungafaneleki, nizohlukaniswa noKristu, nizoba noSathane nezingelosi zakhe nizeziswe ngembhubhiso engunaphakade phambi kukaJehova nenkazimulo yamandla Akhe.

“UNKulunkulu wenzile amalungiselelo alingene enzela wena, ukuthi uma umfuna Yena, ulandele ukukhanya azokunika kona, akufanele uwe endleleni. Izwi likaNkulunkulu linikwe wena njengesibane ezinyaweni zakho, nokukhanya endleleni yakho. Uma ukhubeka, kuzoba ngenxa yokuthi awuzange ubuze umhloli wakho, oyizwi likaNkulunkulu, wenze amazwi ayigugu alawule ukuphila kwakho. UNkulunkulu akakunikanga njengesibonelo ukuphila kwanoma yisiphi isidalwa, noma singabasihle futhi singasoleki ekuphileni kwaso. Uma wenza njengoba abanye benza, uziphathe njengoba abanye beziphatha, uzosala ngaphandle koMuzi Ongcwele, kanye neningi elikhulu elenze ngokufana njengoba wenzile, ngokulandela isibonelo iNkosi engabashiyela sona, nalabo abalahlekile njengawe bazolahleka nabo.

“Lokhu okwenziwe ngabanye, noma abazokwenza esikhathini esizayo, angeke kwanciphisa ukuziphendulela kwakho noma isono. Isibonelo usinikeziwe, ukuphila okumsulwa ukwakhiwe ngokuzidela nokuphana okungakhethi. Uma uphenduka kulokhu okulungile, kulomfanekiso ophelele, uthathe isibonelo esingalungile esifanekiswe ngokukhanyayo ezwini likaNkulunkulu njengaleyo okufanele uyigweme, indlela yokwenza kwakho izothola umvuzo owufanele; ukuphila kwakho kuzohluleka.”-*Testimonies for the Church*, vol. 2, p. 396.

b. Yimuphi umehluko oqabulayo ozoba khona, futhi kungani-na? 1 Thesalonike 1:10.

“Ukuvuka nokwenyuka kweNkosi yethu kungubufakazi obuqinile bokunqoba kwabangcwele bakaNkulunkulu phezu kokufa nethuna, nokuncenga okuvela ezulwini kuvulelwe labo abageza izingubo zesimilo sabo bazenze zibemhlophe egazini leWundlu. UJesu wenyukele kuBaba njengomela isizwe soluntu, noNkulunkulu uzoletsha labo ababonakalisa umfanekiso Wakhe ukubheka nokwabelana Naye inkazimulo Yakhe.”-*Testimonies for the Church*, vol. 2, p. 286.

- a. Chaza umphumela omangalisayo webandla likaNkulunkulu. 2 Thesalonike 1:11, 12.**
- b. Njengoba izehlakalo zeziprofetho zigcwaliseka, yikuphi esiqinisekiswa ngakho-na? 2 Thesalonike 2:1-7.**

“Kukhona oyedwa okhonjwa esiprofithweni njengomuntu wesono. Ufanekisa uSathane. Wamukela imicabango kaSathane maqondana nomthetho kaNkulunkulu, lowo ongaguquki njengesihlalo Sakhe, lomuntu wesono ungena ngaphakathi alethe emhlabeni ukuthi uwuguqulile umthetho, nokuthi usuku lokuqala lweviki endaweni yosuku lwesikhombisa manje yilona iSabatha. Efakazela ukungabi nakuduka, uyasho ukuthi unelungelo lokuguqula umthetho kaNkulunkulu ukufanela inhloso yakhe....

“Kodwa uKristu wathi akukho gamana linye nachashaza linye lomthetho elizohluleka kuze kudlule izulu nomhlaba. Umsebenzi afikela ukuwenza bekungukuphakamisa umthetho, abonise imihlaba ayidalile ukuthi nezulu ukuthi uNkulunkulu ulungile, nokuthi umthetho wakhe awudingi ukuguqulwa. Kodwa lapha nangu oyisandla sokudla sikaSathane olungele ukwenza umsebenzi kaSathane awuqala ezulwini, lowo ozama ukulungisa umthetho kaNkulunkulu....

“Umuntu wesono uziphakamisile wamelana noNkulunkulu, uhlezi etempeleni likaNkulunkulu, ezishaya uNkulunkulu. Unyathelele phansi kwezinyawo isikhumbuzo esikhulu sendalo kaNkulunkulu, alumisa njengesikhumbuzo somsebenzi Wakhe; endaweni yalokho waletha emhlabeni usuku oluvamile lokusebenza....

“Kodwa noma ilunga ngalinye lomkhaya woluntu lingamukela lomntwana wompapa, noma ngayiphi indlela lokhu angeke kwalenza ize iSabatha elingcwele likaJehova. Labo abamukela isabatha lamanga baphakamisa umuntu wesono, futhi bahlasela umbuso kaNkulunkulu. Kodwa umuntu wesono angeke enza ize lokhu uNkulunkulu akumemezela ukuthi kuzokuma ingunaphakade. Umsebenzi manje okumele wenziwe emhlabeni wethu ukuphakamisa umthetho kaJehova, nokubiza abantu ukuba bawunake. Isikhathi sifikile lapho iqiniso kufanele limenyezwe limelane namanga nephutha.”-*The SDA Bible Commentary*, [E. G. White Comments] vol. 7, p. 910.

IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE**NgoLwesihlanu, Zibandlela 18**

- 1. Ngomqondo osizayo, ngingayeka kanjani kukho konke okubonakala kukubi-na?**
- 2. Ngokuya ngokuka-1 Johane 1:7, siyini isisekelo sobudlelwano bangempela-na?**
- 3. Yiliphi iqiniso lamandla kaNkulunkulu wethu elingasikhuthaza ukuba simesabe ngezinhliziyweni zethu?**
- 4. Kungani kufanele ngigweme ukwesatshiswa ngenxa yokusilela kwabanye-na?**
- 5. Ngingabasiza kanjani abantu ukuba baqonde ubuqiniso beSabatha lempela likaNkulunkulu-na?**

Ukuzilungiselela Ukungena Empini

IVESI LEKHANDA: “Besenibuya, nahlukanise abalungileyo nababi, abamkhonza uNkulunkulu nabamkhonziyo” (Malaki 3:18).

Izincwadi Ezinikeziwe: *Testimonies for the Church*, vol. 5, pp. 137-148; 449-467;
The Great Controversy, pp. 551-562.

“Labo abathi banamandla amakhulu kaNkulunkulu bangabonwa kuphela yinkomba enkulu, engumthetho kaJehova.... Izingubo zezimvu zibonakala ziyiqiniso, ngempela, kangokuthi impisi ingabonakala kuphela njengoba siya kwisilinganiso sokuziphatha esikhulu sikaNkulunkulu yilapho sithola ukuthi singabephuli bomthetho kaJehova.”-*Faith and Works*, p. 45.

1. UNGAMANGALI

NgeSonto, Zibandlela 20

a. Yisiphi isimanga esiphawula izinsuku zokugcina-na? 2 Thesalonike 2:8, 9.

“Ngabona ukuthi uSathane usebenza ngezithunywa ngezindlela eziningi. Usebenza ngabafundisi abenqabe iqiniso futhi banikelwa kwinkohliso enamandla ukuba bakholwe amanga ukuze babhujiswe. Lapho beshumayela noma bekhuleka, abanye bazowa baphelelwe ngamandla, kungesiwo amandla Omoya Ongcwele, kodwa ngamandla kaSathane aphefumulelwe izithunywa, futhi ngazo uya ebantwini. Lapho beshumayela, bekhuleka, noma bekhuluma, abanye bama-Adventist abenqabe iqiniso lanamuhla basebenzisa ngokushiseka ukuzuza abalandeli, abantu bazojabulela lomfutho, ngoba becabanga ukuthi nguMoya Ongcwele. Abanye abasebenzisa lokhu basebumnyameni obukhulu nenkohliso kaSathane ebona bacabange ukuthi bekungamandla kaNkulunkulu, anikezwe bona ukuba bawasebezise.”-*Early Writings*, pp. 43, 44.

“USathane ezungezwe izingelosi ezimbi, ezibiza ngokuthi unguNkulunkulu, uzokwenza izimangaliso zezinhlobo zonke, ukudukisa, uma kungenzeka, abakhethiweyo. Abantu bakaNkulunkulu angeke bathola ukuphepha ngokusebenzisa izimangaliso, ngoba uSathane uzolingisa izimangaliso ezizokwenziwa. UNkulunkulu uyavivinya futhi ulinga abantu Bakhe bazothola amandla abo kuphawu olukhulunywe ku-Eksodusi 31:12-18. Kufanele bathathe indawo yabo beme ezwini eliphilayo: ‘Kulotshiwe.’ Lesi isisekelo kuphela abangema phezu kwaso ngokuqina.”-*Testimonies for the Church*, vol. 9, p. 16.

a. Kuyini okusilelayo kulabo abazobhubha masinyane-na? 2 Thesalonike 2:9, 10.

“Kuphela labo abangabafundi abakhuthele beziBhalo abamukele uthando lweqiniso bazovikelwa kumandla enkohliso lawo abambe umhlaba ebugqilini.”-*The Great Controversy*, p. 625.

b. Kungakhathaliseki ukuthi uyini umsebenzi wabo, kuyini uNkulunkulu azokuthumela kulabo abehluleka ukuthanda iqiniso, futhi kungani-na? 2 Thesalonike 2:11, 12.

“IBhayibheli limemezela ukuthi ngaphambi kokuza kweNkosi, uSathane uzosebenza ‘ngawo onke amandla nezibonakaliso nezimangaliso zamanga, nangayo yonke inkohliso yokungalungi kwababhubhayo;’ ngenxa yokuba bengavumanga ukuthanda iqiniso, ukuze basindiswe,’ ngalokho-ke uNkulunkulu ubathumela amandla okuduka, baze kholwe amanga.’ 2 Thesalonike 2:9-11. Angeke kwenzeka kungakafinyeleli kulesimo, nobunye bebandla nomhlaba kuzopheleliswa ngokugcwele kumhlaba wonke wobuKrestu, ukuwa kweBhabhiloni kuzophelela.”-Ibid., pp. 389, 390. [Author’s italics.]

c. Kungayiphi inhloso uNkulunkulu esibizile thina nemindeneni yethu-futhi yimiphi imisebenzi nezinselele okuhlanganiswa yilokhu-na? 2 Thesalonike 2:13-15; Malaki 3:17, 18.

“Noma ngayiphi indlela abasha bethu abamukele izeluleko ezihlakaniphile nemfundiso evela kubazali abesaba uNkulunkulu bazongcweliswa njalo ngeqiniso eleyame kakhulu phezu komfutho lowo, emva kokushiya amakhaya abo bahlangana nalabo ababheka kubo izeluleko zobuKrestu.”-*Testimonies for the Church*, vol. 8, p. 226.

“Labo abazisho ukuthi bakholwa kuJesu, kufanele njalo bacindezele ekukhanyeni. Kufanele nsuku zonke bakhulekele ukukhanya koMoya Ongcwele ukuba ukhanye phezu kwamakhasi encwadi engcwele, ukuze bathole amandla okuzindla ngezinto zoMoya kaNkulunkulu. Kufanele sibenethemba eliphelele ezwini likaNkulunkulu, noma silahlekile. Amazwi abantu, noma angaba makhulu kangakanani, angeke asenza siphelele, sifinyelele ekulungisisweni ngesineke emisebenzini emihle.... Kungenxa yokungcweliswa nguMoya nokukholwa yiqiniso, ukuthi siba ngabasebenza ndawonye noNkulunkulu.”-*Fundamentals of Christian Education*, pp. 188, 189.

- a. Kuyini okwenza ukubekezela ngokukholwa kuphumelele-na? 2 Thesalonike 2: 16, 17; 3:1-5.

“UPawule wafanekisa umsebenzi osongelayo wamandla obubi okufanele uqhubeke isikhathi eside sobumnyama nokuhlupheka ngaphambi kokubuya kwesibili kukaKristu. Abakhulwa baseThesalonike babenethemba lokukhululwa okusheshayo; manje bakhuzwa ukuba bathathe ngesibindi nokwesaba umsebenzi kaNkulunkul ophambi kwabo. Umpostoli wabayala ukuba bangadembeseli umsebenzi wabo noma bazisuse kuwo balinde bangenzi lutho. Emva kwethemba elikhazimulayo lokukhululwa okusheshayo ukuzungeza kokuphila nsuku zonke nempikiswano okumele bahlangane nayo izobonakala ivinjelwe ngokuphindiwe. Wabancenga ukuba beme beqinile ekukholweni.”-*The Acts of the Apostles*, pp. 266, 267.

- b. Yisiphi isibonelo uPawule asibekela izisebenzi zevangeli-na? 2 Thesalonike 3:6-9.

“Abantu abakhethwe nguNkulunkulu ukwenza lomsebenzi bazonika ubufakazi bobizo lwabo oluphakeme futhi bazokhumbula umsebenzi wabo ophakeme ukuba ukhule futhi uthuthuke baze babe izisebenzi ezinamandla. Njengoba, bebonakalisa ukushisekela ukukhulisa ithalenta uNkulunkulu abaphe lona, kufanele basizwe ngokuhlakanipha. Kodwa ukukhuthazwa abankezwa kona akufanele kusebenzele ukuziduda, ngoba uSathane ngokwakhe uzokwenza ngokwanele umsebenzi onjalo. Abantu abacabanga ukuthi banomsebenzi wokushumayela akumele basizwe ngokuzilahlela bona nemindeni yabo kubazalwane ukubaxhasa. Abanalo ilungelo lokwenza lokhu baze babonakalise izithelo ezinhle zomsebenzi wabo. Kukhona ingozi yokulimaza abashumayeli abasebasha, nalabo abanamava amancane, ngokuziduda, nokubakhulula kwimithwalo yokuphila. Uma bengashumayeli kufanele benze okuthize ukuba bazondle. Lena indlela efanele ukuvivinya imvelo yokubizwa kwabo ukuba bashumaye. Uma befisa ukushumayela kuphela ukuze baxhaswe njengabafundisi, nebandla malilande indlela ehlakaniphile, bazolahlekelwa umthwalo bashiye ukushumayela baye kumabhizinisi anenzuzo enkulu. U-Pawule umshumayeli onekhono elihle, owaguqulwa ngokumangalisayo uNkulunkulu ukwenza umsebenzi okhethekile, bowungadluli umsebenzi. Uthi: ‘Kuze kube yisona lesi sikhathi silambile, somile, sihambaze, siyamuhluzwa, siyimihambima; siyakhandleka, sisebenza ngezandla zethu; sithi sithukwa, sibe sibusisa; sithi sizingelwa, sibe sibekezela.’ 1 Korinte 4:11, 12.”-*Testimonies for the Church*, vol. 1, pp. 446, 447.

a. Yisho isisekelo esisodwa, isimiso esinganqunyelwe isikhathi somgomo wemfundiso yobuKrestu beqiniso. Izaga 20:4; 2 Thesalonike 3:10-12.

“Imiphefumulo edukisiwe ifundisa ukuthi ukuzuza ubungcwele beqiniso buthwala ingqondo ngaphezu kwemicabango yonke yomhlaba iholele abantu ekuzibambeni ngokuphelele emsebenzini. Abanye, banemibono edlulele ngamanye amagama eMibhalo, bafundiswa ukuthi kuyisono ukusebenza-nokuthi amaKristu mawangabi nomcabango maqondana nenhlalakahle yesikhashana ngabo noma imindeneni yabo, kodwa banikele ukuphila kwabo ngokuphelele ezintweni zesimoya. Imfundiso nesibonelo sompostoli uPawule zikhuza imibono edlulele kanjalo.

“UPawule ubengayamanga ngokuphelele emsebenzini wezandla zakhe ukuba axhaswe njengoba eseThesalonike. Ebhekisa kamuva kumava akhe kulowomuzi, ubhalela amakholwa aseFiliphu ebonga izipho azitholile ezivela kubo eselapho, uthi, ‘Ngokuba naseThesalonike nathumela kanye nakabili ngokuswela kwami.’ Filiphu 4:16. Engenandaba nomcabango wokuthi ufumene usizo wanaka ukuthi ubeka phambi kwabaseThesalonike isibonelo sokukhuthala, ukuze kungabikho onelungelo lokumbeka icala lokufisa, nokuthi labo abaphakamisa imibono eshisekelayo maqondana nomsebenzi wezandla banganikeza ukusola okusebenzayo.”-*The Acts of the Apostles*, pp. 348, 349.

“Imikhuba yokusiza abesilisa nabesifazane abavilaphayo belindele izipho ngasese noma imali yebandla ibakhuthazela kwimikhuba yokona, lendlela kufanele ngokomthetho igwenywe. Wonke owesilisa noma owesifazane, nomntwana kufanele bafundiswe ukwenza umsebenzi wezandla, umsebenzi osizayo.... Bonke mabafundiswe ukusebenzisa amalunga omzimba wabo kwizinhloso ezithize, uNkulunkulu ulungile futhi ulindile ukukhulisa nokwamukela bonke abazozifundisa bona imikhuba yokusebenza.”-*The SDA Bible Commentary*, [E. G. White Comments] vol. 7, p. 912.

b. Lapho ulingeka ukuba uphelelwe yithemba, kuyini okufanele ukukhumbule-na? 2 Thesalonike 3:13.

“Ubungcwele buzohola lowo onabo ukuba nezithelo avame emisebenzini emihle. Angeke akhathale ekwenzeni okuhle, futhi angeke abheka ukukhushulwa kulomhlaba. Uzobhekela phambili ukukhushulwa lapho iNkosi yezulu izophakamisa labo abangcweliswe esihlalweni Sakhe sobukhosi. Uzakuthi kubo: ‘Zanini, nina enibusisiwe nguBaba, nidle ifa lombuso eniwulungiselweyo selokhu kwasekelwa umhlaba.’ INkosi bese ilandisa imisebenzi yokuzidela neyomusa, uzwelo nokulunga, abayenzile. Ubungcwele benhliziyo buzoveza izenzo ezifanele”-*Testimonies for the Church*, vol. 2, p. 445.

a. Simphatha kanjani umuntu ongalawuleki-na? 2 Thesalonike 3:14, 15.

“Siyaxwayiswa ukuthi singazihlanganisi nalabo ngendlela ya yokwenza bame njengesikhubekiso endleleni yabanye. [2 Thesalonike 3:14, 15 ngokuphindwa.] uma ala ukukhuzwa yizinceku zeNkosi, alandele inando yakhe nokwahlulela kwakhe ngaphansi kweseluleko somholi wakhe, uSathane, uzolethe ukonakala phezu kwakhe, futhi athwale isono sakhe.”-*The SDA Bible Commentary*, [E. G. White Comments] vol. 7, p. 912.

“UuPawule] wanxusa ebandleni ukuthi bazehlukanise ekuhlanganyeleni noma ngubani ophikelela ekudembeseleni iseluleko esinikwe ngabafundisi bakaNkulunkulu. ‘Nokho,’ uyengeza, ‘ungambali njengesitha, kodwa mkhuze njnengomzalwane.’”-*The Acts of the Apostles*, pp. 267, 268.

b. Yiliphi ithemba lokugcina kulencwadi okufanele silikhumbule-na? 2 Thesalonike 3:16-18.

“Kufanele sinikeze abantu okungcono kunalokhu abanakho, ngisho nokuthula kukaKristu, okudlula ukuqonda konke. Kufanele sibatshele ngomthetho kaNkulunkulu, umbhalo wesimilo Sakhe, nokugcizelelwa kwalokhu afisa ukuba babeyikho. Babonise ukuthi iphakeme ngokungapheli kanjani kunenjabulo esheshayo nokuzijabulisa komhlaba kunenkazimulo engapheli yaseezulwi. Batshele ngenkululeko nokuphumula okuzotholakala kuMsindisi.... Nguye kuphela onganelisa inhliziyi elangazelayo ayinikeze ukuthula komphefumulo.

“Kubo bonke abantu abasemhlabeni, amaReformer kufanele abe ngabantu abazidelayo kakhulu, abanomusa omkhulu, abahloniphekile kakhulu....

“Kufanele sikhulume iqiniso ngothando, sethemba [uNkulunkulu] ukulinika amandla okuvuselela ukuphila. UMoya Ongcwele uzosebenza emphefumulweni izwi elikhulunywa ngothando.”-*The Ministry of Healing*, p. 157.

IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

NgoLwesihlanu, Zibandlela 25

1. Chaza ezinye izenzo zesitha semiphefumulo ezinsukwini zokugcina.
2. Kwenzekani kulabo abalaziyo iqiniso, kodwa bengalithandi ngempela iqiniso?
3. Chaza imfihlakalo yokubekezela koMkrestu.
4. Kuyini njalo okuzophawula ukuphila komvuseleli weqiniso?
5. Ngingasebenzisa kanjani indlela yeBhayibheli uma ngibhekana nowonayo?